## INQUBO YOKUKHONONDA /YOKULUNGISA

Basebenzi Abakanye Nathi,

Siyanamukela Ohlelweni Lolimi Lwasekhaya lwe-NECT!

Sicela niqaphele ukuthi izincwadi zeThemu 2 Zolimi Lwasekhaya lwe-NECT zenziwe ngesikhathi esifushane kakhulu. Ngenxa yalesi sizathu, siyavuma ukuthi kungenzeka kube nokulungiswa nokushintshwa okwengeziwe.

Singathanda futhi nani namukele ubunikazi balezi zincwadi, bese nisebenza nethimba lethu ukulokhu silungisa futhi sithuthukisa ukuhunyushwa kwazo. Uma nithola noma yimaphi amaphutha, sicela nilandele le nqubo yokuwabika:

1 Thumela i-imeyli ekhelini le-emeyli elifanele:
xitsonga@homelanguage.co.za
tshivenda@homelanguage.co.za
sepedi@homelanguage.co.za
siswati@homelanguage.co.za
isizulu@homelanguage.co.za
isindebele@homelanguage.co.za
isixhosa@homelanguage.co.za
sesotho@homelanguage.co.za
setswana@homelanguage.co.za
afrikaans@homelanguage.co.za
english@homelanguage.co.za
2 Emgqeni wesihloko, bhala ireferensi yedokhumenti. Ngokwesibonelo: IBANGA 3 ITHEMU 4 UHLELO LWESIFUNDO AMAKHASI 45–47
3 Engqikithini ye-imeyli, yisho ushintsho okufanele lwenziwe. Noma, okukanye, wenze ushintsho ekhophini engokoqobo bese uskena noma uthathe isithombe sekhasi bese usithumelela sona ne-imeyli yakho.
4 Uma unodaba lolimi olukhulu ongafuna ukuba silunakekele, sicela ukubonise lokhu emgqeni wesihloko sereferensi. Ngokwesibonelo: UBUFAKAZI BOLIMI LWESIGODI
5 Ngemva kwalokho, engqikithini ye-imeyli yakho, sicela uchaze udaba.
6 Sicela nisithumelele onke ama-imeyli abe negama lakho, isikhundla kanye nenombolo yocingo, ukuze sikwazi ukukuthinta uma kudingeka sibe nengxoxo.
7 **Siyabonga ngokufaka isandla ngolwazi lwakho kulolu hlelo! Sifuna ukuqiniseka ukuthi siba neveshini elungile, nengcono kakhulu ngazo zonke izilimi ezikuwo onke amadokhumenti ethu.**

# Contents


Amanothi Okuphatha v

Izinqubo Eziyisisekelo xiii

**Isonto 1 Isihloko: Uxazulula izinkinga 1**

Umsombuluko 3

Ulwesibili 8

Ulwesithathu 13

Ulwesine 19

Ulwesihlanu 23

**Isonto 2 Isihloko: Uxazulula izinkinga 27**

Umsombuluko 29

Ulwesibili 34

Ulwesithathu 40

Ulwesine 47

Ulwesihlanu 52

**Isonto 3 Isihloko: Umlando 57**

Umsombuluko 59

Ulwesibili 64

Ulwesithathu 69

Ulwesine 75

Ulwesihlanu 79

**Isonto 4 Isihloko: Umlando 83**

Umsombuluko 85

Ulwesibili 90

Ulwesithathu 96

Ulwesine 103

Ulwesihlanu 109

**Isonto 5 Isihloko: Ukuxhaphazwa nokubukeka 113**

Umsombuluko 115

Ulwesibili 120

Ulwesithathu 125

Ulwesine 132

Ulwesihlanu 136

# Amanothi Okuphatha

## Imiphumela Yokufunda

Kule themu, abafundi bakho kufanele bafinyelele imiphumela elandelayo:

### UKULALELA NOKUKHULUMA

1. Abafundi kufanele bakwazi ukusho noma ukucula imilolozelo emisha emi-4 noma amaculo
2. Abafundi kufanele bakwazi ukubamba iqhaza engxoxweni yekilasi ukuze babelane ulwazi lwangaphambili
3. Abafundi kufanele bakwazi ukuxoxa indaba yokufunda ngokuhlanganyela, basebenzise uhlaka lwengxoxo njengesiqondiso
4. Abafundi kufanele bakwazi ukwenza ezabo siqu izindaba emsebenzini wobuciko bokuxoxa izindaba
5. Abafundi kufanele bakwazi ukukhuluma ngombhalo wabo
6. Abafundi kufanele baqonde futhi bakwazi ukusebenzisa olunye lolwazimagama olulandelayo

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| inkinga | xazulula | lungisa | yonakalisa | xolisa | ikwaya |
| ukubukeka kabi | ukufutheka | ukudumazeka | ukuziqhenya | isola | umphakathi |
| imbawula | inani eliphezulu | ezinhle | ukukwazi ukuba nakho | sungula | abilayo |
| hlola (hlola into ethile) | umlando | isikhathi esedlule | isithombe | iqhawe | ulaka |
| emakethe | ukuhweba | ENigeria | isibonelo sokulingiswa | isihlalo sobukhosi | iqiniso |
| umbono | ulwazi | ukulingana | ukungalingani | vumelana | ukungavumelani |
| umtapo wezincwadi | umholi | bona | abaxhaphazi | ukuxhaphazwa | ukubukeka |
| isibuko | ukucabanga | ukumelela | umzimba | nciphile | ukonda |
| khuluphala | hlulela | umbono ophambene | ukuzinyeza | ukukhululeka | ukungakhululeki |
| okufanele | okungafanele | i-intanethi | isimo sezulu | ukushintsha kwesimo sezulu | ukungcolisa |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ukushintsha umqondo | uchwepheshe | ukubhikisha | umbuthano | iflaya | izinkundla zokuxhumana |
| i-Instagram | i-Facebook | i-Twitter | eSweden | gqugquzela | ukuthanda izinto eziphathekayo |
| isikhulumi esingumgqugquzeli | ividiyo | rekhoda | ohluzekile | ukuzethemba | ukuzihlonipha |
| ukukhuthaza | | | | | |

## UKUBONA UBUDLELWANO PHAKATHI KOHLAMVU NOMSINDO

1. Abafundi kufanele bakwazi ukubona imisindo yezinhlamvu
2. Abafundi kufanele bakwazi ukubona izinhlamvu ezilandelayo ngokuzenzakalelayo
3. Abafundi kufanele bakwazi ukuhlanganisa nokwehlukanisa izinhlamvu ezilandelayo

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| k | q | t | p | v | w |
| x | y | z | r | bh | sh |
| kh | ph | | | | |

Abafundi kufanele bakwazi ukwehlukanisa amagama alandelayo ngamalunga

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ikati | isikelo | sika | suka | ikamu | qeda |
| qoba | qina | qala | utamatisi | totoba | teta |
| tetema | isitina | ipani | ipapa | ipeni | ipuleti |
| popola | vula | vala | ivila | iveni | isivalo |
| amawele | wela | wola | wena | xoxa | ixoxo |
| xoxela | xokozela | iyoyo | yala | yena | yona |
| yini | izulu | izolo | zuza | zabalaza | izibi |
| irabha | irula | irayisi | irandi | bhala | ibhola |
| ibhasi | bhukuda | ibhakede | ushukela | isosha | shada |
| shanela | shesha | ikhala | khala | ikhekhe | khuluma |
| khula | phuza | phepha | iphupho | isiphalaphala | phila |

## UKUFUNDA

Abafundi kufanele bakwazi ukuqonda amagama alandelayo

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ikati | isikelo | sika | suka | ikamu | qeda |
| qoba | qina | qala | utamatisi | totoba | teta |
| tetema | isitina | ipani | ipapa | ipeni | ipuleti |
| popola | vula | vala | ivila | iveni | isivalo |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| amawele | wela | wola | wa | wena | xoxa |
| ixoxo | xoxela | xokozela | iyoyo | yala | yena |
| yona | yini | izulu | izolo | zuza | zabalaza |
| izibi | irabha | irula | irayisi | irandi | bhala |
| ibhola | ibhasi | bhukuda | ibhakede | ushukela | isosha |
| shada | shanela | shesha | ikhala | khala | ikhekhe |
| khuluma | khula | phuza | phepha | iphupho | isiphalaphala |
| phila | | | | | |

Abafundi kufanele bakwazi ukufunda amagama alandelayo ngokuwabuka

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| phanyeka | ikwaya | ekilasini | dumele | odongeni | imbawula |
| ipayipi | ipulani | isola | sungulile | amasosha | impi |
| izivikelo | indlovukazi | zensimbi | umlando | abake | abansundu |
| bandlululo | baphila | bengihlupha | istikha | qhenya | melela |
| wayejahe | khuluphele | umzimba | zonda | phawula | zimukile |
| nukubeza | isimo | intanethi | chwepeshe | sezulu | sabalalisa |
| ikhasi | isikhulumi | vidiyo | gqugquzelayo | | |

Abafundi kufanele bakwazi ukufunda umbhalo oxhunyiwe njengesibonelo esilandelayo

Unobuhle waselokishini lethu uyisiphalaphala. Uphume nakuphephandaba langesonto. Uphinde waphuma nakumabonakude ekhulluma ngamalungelo abantu besifazane nezingane. Uthengele ogogo nomkhulu ikhekhe kanye namaswidi.

**UKUQONDISISA**

1 Abafundi kufanele bakwazi ukwenza ukuqagela ngombhalo ngokubheka izithombe
2 Abafundi kufanele bakwazi ukukhumbula imininingwane ngombhalo
3 Abafundi kufanele bakwazi ukulandisa ngombhalo
4 Abafundi kufanele bakwazi ukulandelanisa izigameko ezisembhalweni
5 Abafundi kufanele baqale ukuqonda ukuthi kusho ukuthini ukubona ngeso lengqondo, ukwenza ukuxhumanisa, ukwenza iziphetho kanye nokuzibuza ngombhalo
6 Abafundi kufanele bakwazi ukuzindla ngombhalo besebenzisa uhlaka lwengxoxo
7 Abafundi kufanele bakwazi ukuphendula imibuzo ebhaliwe yokuqondisisa ngombhalo
8 Abafundi kufanele bakwazi ukufingqa umbhalo

### UKUBHALA

1. Abafundi kufanele bakwazi ukudweba isithombe esichaza okushiwoyo
2. Abafundi kufanele bakwazi ukwengeza amalebula eyodwa kuya kwamabili kumdwebo wabo
3. Abafundi kufanele bakwazi ukuqedela uhlaka lokubhala olufushane
4. Abafundi kufanele bakwazi ukubhala 1 izigaba besebenzisa uhlaka noma uhlelo lokubhala
5. Abafundi kufanele bakwazi ukubhala: uhlu /incwadi

### UKUFUNDA OKUHOLWAYO KWAMAQEMBU

1. Abafundi kumele bakwazi ukufunda ngokuzwakalayo ezincwadini zabo zamazinga eqenjini labafundi abafunda ngezinga akulona nothisha.
2. Uma abafundi befunda kumele babenolwazi lokuphimisa imisindo, babenomkhondo wengqikithi baphinde bakwazi ukubona amagama esiwabona njalo.
3. Abafundi kumele bakwazi ukuqapha ukubonwa kwamagama kanye nesifundo sokuqondisisa.

## Izinto Zokusebenza Nezinsiza-kufundisa Ezinikeziwe

**Sicela uqaphela ukuthi zonke izinsiza-kufundisa ezinikeziwe ngezesikole. Izinsiza-kufundisa zizonikezwa kanye kuphela, ngakho kufanele zigcinwe futhi zinakekelwe ngendlela efanele.**

NgeThemu 2 othisha banikwa izinsiza-kufundisa ezilandelayo:

1. **Amabhodi Anemibala Okubonisa x 4**
   Sebenzisa lawa mabhodi ukuphanyeka umsebenzi wakho wesonto. Njalo ngesonto, phanyeka: umsindo ofundwayo kanye namagama; amagama asetshenziswa njalo; ulwazimagama olusha lwesihloko esifundwayo; imifanekiso; kanye nohlaka lokubhala.
2. **Ishadi lokubhala kahle ngesandla/amashadi okubhala kahle ngesandla**
   Phanyeka lawa mashadi phambi kwekilasi, ukuze abonakale ngokucacile kubafundi. Othisha beBanga 1neBanga 2 bazonikwa amashadi Okubhala Kahle Ngesandla Ngokuhlukanisa. Othisha beBanga 2 neBanga 3 bazonikwa amashadi Okubhala Kahle Ngesandla Ngokuhlanganisa Nangokwehlukanisa.
3. **Uhlelo Lwesifundo seThemu 2**
   Sebenzisa lendlela yohlelo lokufunda ukuze ubone lokho okufanele ukufundise nsukuzonke. Izinqubo eziyisisekelo zikutshela indlela okufanele ufundise ngayo isifundo ngasinye. Emasontweni okuqala amabili eThemu 2, uzolandele uhlelo lokujwayeza abafundi esikoleni.

4 **Isithungathi seThemu 2**
Sebenzisa le dokhumenti ukugcwalisa i-ATP kanye Nesihleli seThemu sakho. Thikha futhi ubhale nosuku lwesifundo ngasinye kanye nomsebenzi wokuhlola njengoba wenziwa. Zindla ngendlela ofundise ngayo.

5 **Incwadi Enkulu yeThemu 2**
Sebenzisa incwadi enkulu yezindaba ngesikhathi sezifundo Zokufunda Ngokuhlanganyela. Kunezindaba eziyisishiyagalombili zethemu – indaba eyodwa njalo ngesonto.

6 **Umgodla Wezinsiza-kufundisa zeThemu 2**
Umgodla wezinsiza-kufundisa uhlanganisa izinto ezilandelayo:

- **Amagama akumaFleshi-khadi** anikezwa ukuba asetshenzise kulwazimagama ngesihloko; amagama asetshenziswa njalo; umsindo ofundwayo kanye namagama. Wasike **bese** uwalondoloza ngendlela ehlelekile. Sebenzisa lawa magama amafleshi-khadi kanye namabhodi okubonisa.
- **Imidwebo Yolwazimagama Ngesihloko** uyanikezwa lapho kufanele. Wasike bese uwalondoloza ngendlela ehlelekile. Sebenzisa lawa magama akumafleshi-khadi kanye namabhodi okubonisa.
- **Amaphepha Obuciko Bokuxoxa Izindaba** anikezwa ngesihloko ngasinye. Lawa awuchungechunge lwezithombe 3 noma 4 ezixoxa indaba. Kunamakhophi ayi-10 ephepha ngalinye – elilodwa ngeqembu ngalinye elincane. Sicela wenze amakhophi engeziwe uma kudingeka.
- **Amaphepha Okurekhoda Ukuhlola** anikezwa ukuze urekhode imiphumela yabafundi kanye nokuphawula ngethemu.

7 **Izincwadi Zokufunda zeThemu 2 x 8**
Izincwadi Zokufunda eziyisishiyagalombili zinikezwa ngethemu – eyodwa njalo ngesonto kusukela Esontweni 3 kuye Esontweni 10. Sebenzisa lezi zincwadi kanye nekilasi lonke lapho wenza ukufunda ngamaqembu okulawulwayo. Kukhona amakhophi angama – 20 Encwadi Efundwayo ngayinye. Sicela wenze amakhophi engeziwe uma kudingeka.

## Isimiso Samasonto Onke: Amahora ayisi-7

1 Uhlelo lokufunda oluhleliwe lulandela isimiso esifanayo masonto onke.
2 Lokhu kwenzela kube lula ngothisha kanye nabafundi ukukulandela.
3 Abafundi bangakwazi ukuzilungiselela umsebenzi olandelayo uma sebesazi isimiso.
4 Isimiso esisekelwe emigomweni ye-CAPS yesikhathi esibekiwe soLimi Lwasekhaya okungenani: Amahora ayi-7 ngesonto.
5 Lesi simiso senzelwe ukuthi sisebenze njengengxenye yohlelo lokukhuluma izilimi ezimbili kanye ne-PSRIP EFAL.
6 Sicela uchome lesi simiso ekilasini lakho futhi uzame ukusazi ngekhanda ngisho ungasibhekile!

| **MONDAY UMSOMBULUKO** | | **TUESDAY ULWESIBILI** | | **WEDNESDAY ULWESITHATHU** | | **THURSDAY ULWESINE** | | **FRIDAY ULWESIHLANU** | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Imisebenzi Yokukhuluma | 15 | | | Imisebenzi Yokukhuluma | 15 | | | Imisebenzi Yokukhuluma | 15 |
| | | Imisindo | 15 | Imisindo | 15 | Imisindo | 15 | Imisindo | 15 |
| Ukubhala Kahle Ngesandla | 15 | Ukubhala Kahle Ngesandla | 15 | Ukubhala Kahle Ngesandla | 15 | | | | |
| Ukufunda Ngokuhlanganyela | 15 | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 15 | | | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 15 | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 15 |
| Ukubhala | 30 | | | Ukubhala | 30 | | | | |
| Ukufunda Ngokuhlanganyela | 30 | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 30 | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 30 | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 30 | Ukufunda Ngokuhlanganyela | 30 |
| **1.45** | | **1.15** | | **1.45** | | **1.00** | | **1.15** | |

## Amalungiselelo Amasonto Onke

Kubalulekile ukukhumbula ukuthi uhlelo Lolimi Lwasekhaya lunciphisele othisha isidingo soKUHLELA, kodwa – ke UKULUNGISELELA kusadingeka! Intambama eyodwa njalo ngesonto, uhlangane nozakwenu (bonke othisha abafundisa Amabanga Aphansi), nenze amalungiselelo enu ndawonye.

**Lapho kwenziwa amalungiselo, khumbula lokhu:**

1. Funda lonke uhlelo lwesifundo lwesonto.
2. Qiniseka ukuthi uyazazi futhi uyaziqonda izinqubo zokufundisa okufanele uzisebenzise. Uma kungenjalo, phindela esihlokweni esithi 'Izinqubo Eziyisisekelo' bese uzibuyekeza ngendlela efanele.
3. Okulandelayo, hlola amafleshi-khadi kanye nemifanekiso okudingekayo okuhambisana nolwazimagama ngesihloko, amagama asetshenziswa njalo, imisindo kanye nezinhlaka zokubhala. Thola lawa mafleshi-khadi kanye nemifanekiso kuze eme ngomumo kanjena:
   - **a** Sika amafleshi-khadi noma imifanekiso
   - **b** Zama ukukunamathisela kukhadibhodi noma ephepheni
   - **c** Uma kungenzeka, khava ngokhava weplastiki onamathelayo noma ukhave ngoplasitiki ojwayelekile
   - **d** Beka amafleshi-khadi esifundo ndawonye emvilophini, noma uwahlanganise ngolastiki wokubopha ndawonye
4. Qoqa nezinye izinsiza-kufundisa ongase uzidinge, lokho makuhlanganise izithombe noma izinto zangempela.
5. Hlola ukuthi Incwadi Enkulu yakho ime ngomumo.
6. Funda yonke imisebenzi ezokwenziwa eseNcwadini Yokusebenza ye-DBE.
7. Zilolongele ukwenza umsebenzi wezifundo zokubhala.

**8** Qiniseka ukuthi Isithungathi sakho sigcwaliswe kahle kusukela esontweni eledlule futhi uzindle ngentuthuko yakho.

## Izihloko Nohlelo Lokufunda

| INOMBOLO YESONTO | ISIHLOKO | UMBHALO WOKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA | INCWADI YOKUFUNDA |
|---|---|---|---|
| 1 | Uxazulula izinkinga | Ikilasi elonakalisiwe | 1 |
| 2 | Uxazulula izinkinga | Imbawula yamanzi yesola kaXochitl | 2 |
| 3 | Umlando | Indlovukazi eyiqhawe | 3 |
| 4 | Umlando | Umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila | 4 |
| 5 | Ukuxhaphazwa nokubukeka | UZweli uyakhuluma | 5 |
| 6 | Ukuxhaphazwa nokubukeka | Usuku olubi lukaZama | 6 |
| 7 | Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle | UGreta Thunberg, iqhawe lokushintsha kwesimo sezulu! | 7 |
| 8 | Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle | Isikhulumi esingumgqugquzeli | 8 |

## Uhlelo Lokuhlola lweThemu 2

Uhlelo Lokuhlola lwenziwe ngokuvumelana neSifushaniso Sengxenye 4 ye-CAPS. Lolu lungatholakala ngemva kweSithungathi sethemu ngayinye.

## Okuboniswa Ekilasini

### AMABHODI OKUBONISA

**1** Njengengxenye yalolu hlelo, uzonikezwa amabhodi amane amakhulu okubonisa anemibala eyehlukene.
**2** Ibhodi ngalinye elinombala lizosetshenziselwa ukuchoma amasethi ahlukile amagama alelo sonto.
**3** Sebenzisa lawa mabhodi ngendlela elandelayo:
  **a** **Ibhodi eliluhlaza okotshani –** elokubonisa ulwazimagama ngesihloko kanye nemidwebo yalelo sonto.
  **b** **Ibhodi eliluhlaza okwesibhakabhaka –** elokubonisa amagama asetshenziswa njalo alelo sonto.
  **c** **Ibhodi eliphuzi –** elokubonisa umsindo kanye namagama alelo sonto.

   d **Ibhodi elibomvana** – elokubonisa uhlaka lokubhala lwalelo sonto.
4 Amagama akulawa mabhodi kufanele ashintshwe njalo ngesonto.
5 Nicelwa ukuthi ningayeki ulwazimagama ngesihloko kanye nemifanekiso kuhlale unyaka. Lokhu kufanele kuhambisane nesihloko osuke ufundisa ngaso ngaleso sikhathi. Uma ikilasi ligcwele amagama kanye nemifanekiso kuvele kube yisixakaxaka nje esidida ingqondo, ngaleyondlela abafundi bayadideka bangabe besakwazi nokubona umehluko wamagama nomsebenzi omusha.
6 Uma usuqedile ngamasethi amagama nemifanekiso, kulondoloze ngokucophelela efayelini lakho.
7 Gcina amagama akho kahle ukuze uphinde futhi ukwazi ukuwasebenzisa ngonyaka olandelayo.

## ITAFULA LESIHLOKO

1 Zama ukwakha itafula lesihloko ekilasini lakho.
2 Sebenzisa le ndawo ukuze ubonise imifanekiso kanye nezinto zangempela ezihambisana nesihloko.
3 Lebula zonke lezi zinto, ukuze abafundi bezokwazi ukufunda lulu lwazimagama.

# Izinqubo Eziyisisekelo

## Ukuphathwa Kwekilasi

Ezinye zezindlela eziyisekelo sokuphathwa kwekilasi zihlanganiswe 'njengezinqubo eziyisisekelo'. Lezi yizindlela ezisetshenziswa zikhathi zonke kulolu hlelo, ngakho-ke kubaluleke kakhulu ukuzazi.

***Inhloso:*** *Ukwenza kangcono isikhathi esichithwa emsebenzini, ukuziphatha kwabafundi kanye nendlela yokubambisana phakathi kwabafundi. Ukuze kunciphiswe ukuphazamiseka lapho kufundwa. Ukuqala ukujwayeza abafundi indlela yokufunda sakudlala.*

### UKUHLALA KANYE NAMAQEMBU AMANCANE

1. Kubalulekile kakhulu ukucabangisisa ukuthi abafundi uzobahlalisa kanjani ekilasini.
2. Uma wenza lokhu, cabangela lawa maphuzu abalulekile:
   a. **Hlalisa abafundi ngokwamakhono axubile –** akufuneki ukuthi abafundi abadonsa kanzima ubahlalise ndawonye, kanti futhi ungahlalisi abafundi abanekhono eliphakeme ndawonye. Xuba abafundi ukuze ikilasi lonke libe namakhono axubile
   b. **Hlalisa abafundi ngendlela oyicabangisise kahle ukuze ugweme ukusuka kodweshwu noma ukuthola sekunomsindo kakhulu.** Ungabahlalisi abafundi abaphehla udweshu uma behlezi ndawonye. Ungabahlalisi ndawonye abafundi abangakwazi ukuthula uma behlezi ndawonye. Gwema izinkinga ngokuhlukanisa abafundi ngendlela ehlelekile.
3. Ohlelweni lokufunda, kunemisebenzi embalwa edinga ukuthi abafundi basebenze ngamaqembu amancane.
4. Lawa maqembu kufanele abe nabafundi aba-3–4, abahlezi ndawonye. Yenza lokhu ukuze uma usutshela abafundi ukuthi abasebenze 'emaqenjini abo amancane' bakwazi ukwakha lawa maqembu ngokushesha nangokuhleleka.
5. Uma abafundi behlezi ngokulandelana, indlela elula yokwakha amaqembu ukuba nabafundi ababili emugqeni wokuqala babheke abafundi abasemuva kwabo emugqeni wesibili. Bangenza amaqembu anabantu abane ngokushesha nangokuhleleka.
6. Ungakushiyeli lokhu kubafundi. Yenza isinqumo sokuthi amaqembu amancane uzowakha kanjani ekilasini lakho, futhi uqeqeshe abafundi ukuthi bakhe amaqembu ngokushesha nangokuthula.
7. Uma ubona ukuthi indlela owakhe ngayo amaqembu ayisebenzi, yenza ushintsho eqenjini – ungabaphoqi abafundi ukuthi basebenze ndawonye.

### UKULAWULA IZINGXOXO ZAMAQEMBU

1. Ohlelweni lokufunda, kunemisebenzi embalwa edinga abafundi ukuthi benze izingxoxo zamaqembu.

2 Qeqesha abafundi ukuthi benze lokhu ngendlela elandelayo:
   a Okokuqala, abafundi kufanele baye emaqenjini abo amancane.
   b Okulandelayo, abafundi kumele baqaphele imibuzo yengxoxo noma uhlaka.
   c Ngakho wonke umfundi kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo, ukuze:
      - Umfundi 1 aphendule Umbuzo 1
      - Umfundi 2 aphendule Umbuzo 1
      - Umfundi 3 aphendule Umbuzo 1
      - Umfundi 4 aphendule Umbuzo 1
      - Umfundi 1 aphendule Umbuzo 2
      - Umfundi 2 aphendule Umbuzo 2
      - Umfundi 3 aphendule Umbuzo 2
      - Umfundi 4 aphendule Umbuzo 2
      - Njalonjalo
3 Kungaba umqondo omuhle ukusebenzisa 'induku yokukhuluma/itshe/into' ukulawula lokhu.
   a Nikeza iqembu ngalinye into efana nenduku enemibala noma itshe.
   b Umuntu obambe into uyakhuluma bese wonke omunye umuntu eqenjini uyalalela.
   c Uma umfundi wokuqala eseqedile ukukhuluma, kufanele endlulisele into kumfundi olandelayo, njalonjalo.
4 Uma iqembu kuzodingeka lethule umbiko, khona-ke uma bonke sebephendulile, iqembu lingavotela impendulo engcono kakhulu embuzweni ngamunye.

### IMISEBENZI YOSHINTSHO LOKUFUNDA

1 Ngesikhathi sezifundo zonke Zokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo, uthisha kufanele asebenze namaqembu amabili.
2 Phakathi kwamaqembu amabili, kubalulekile ukuthi kuthathwe 'ikhefu' ngaphambi kokulungiselela abafundi ukuba benze Umsebenzi Wokufunda Incwadi.
3 Yenza lokhu ngendlela elandelayo:
   a Uma usuqedile ukusebenza nabo, phindisela Iqembu 1 ematafuleni abo.
   b Cela ikilasi ukuba linake futhi lilalele.
   c Yenza Umsebenzi Woshintsho Lokufunda nalo lonke ikilasi.
   d Phindisela abafundi ezindaweni zabo ubanike Incwadi Yokufunda.
   e Bachazele umsebenzi olandelayo oseNcwadini Yokufunda.
   f Khumbuza abafundi ukuthi baqale baqede umsebenzi abawenzayo ngaphambi kokuba benze umsebenzi olandelayo – kufanele bazinikeze isikhathi esanele uma benza umsebenzi.
   g Biza iqembu 2 ukuthi lizosebenza kanye nawe.
4 Ethemini 1, kutuswa ukuba usebenzise lena Misebenzi Yoshintsho Lokufunda emi-4 kanye nabafundi:

### Umsebenzi 1: Uthisha Uthi

1. Tshela abafundi ukuba basukume.
2. Chazela abafundi ukuthi bazokwenza iminyakazo ehlukene, njengokuthi: thinta ikhanda lakho; ndizisa ikhayithi; nyakazisa ikhala lakho; gxuma kathathu; njl,.
3. Uma uqala ngokuthi 'uthisha uthi', emva kwalokho abafundi kufanele benze umnyakazo.
4. Uma ungasho ukuthi 'uthisha uthi' abafundi mabame banganyakazi nhlobo.
5. Uma umfundi eke wanyakaza ungashongo ukuthi 'uthisha uthi' loyomfundi useyaphuma akasadlali kufanele ahlale phansi.
6. Owinile kuba ngumfundi wokugcina omile.

### Umsebenzi 2: Umcimbi Womdanso

1. Tshela abafundi ukuthi basukume.
2. Bachazele ukuthi uzobadlalela umculo kumakhalekhukhwini wakho.
3. Ngalesikhathi bezwa umculo, kufanele badanse.
4. Ngokushesha nje lapho ucisha umculo, abafundi kufanele bame bangabe besanyakaza nhlobo.
5. Ibe ulokhu uwudlala ubuye uwucime umculo izikhathi ezimbalwa, ukuze abafundi bezolokhu bedansa futhi bame banganyakazi izikhathi ezimbala!

### Umsebenzi 3: Yaluza, yaluza, Yima Ungasanyakazi

1. Tshela abafundi ukuthi basukume.
2. Yithi, yaluza, yaluza, yaluza, yaluza, yaluza, yaluza, yima ungasanyakazi!
3. Abafundi kufanele basho lokhu kanye nawe futhi bayaluzise imizimba yabo njengoba bethi 'yaluza'.
4. Uma sekufika lapho bethi khona 'yima ungasanyakazi' kufanele bame bathule du bangabe besanyakaza nhlobo!
5. Kuphinde lokhu izikhashana ezimbalwa.

### Umsebenzi 4: Isihlalo sami kanye nami

1. Tshela abafundi ukuthi basukume bame eduze nezihlalo zabo. Kufanele bathi ukuqhelelana bangasondelani eduze.
2. Nika abafundi imiyalelo okufanele bayilandele – kufanele bayenze ngokushesha nangokuthula.
3. Lena miyalelo yonke iphathelene nesihlalo kanye nokuzilolongela ukusebenzisa ondaweni.
4. Nikeza imiyalelo kanjena:

- yima ngemuva kwesihlalo sakho
- phakamisa isihlalo sakho
- gibela phezu kwesihlalo sakho
- nyathela phezu kwesihlalo sakho
- njl,.

## Imisebenzi Yokukhuluma

Ekuqaleni kwezifundo Zolimi Lwasekhaya ngeMisombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu uzokwenza imisebenzi yokukhuluma. Lena imisebenzi yokulalela nokukhuluma yohlelo. Lokhu kwenziwe ngokucophelela ukuze kunikeze umfundi ngamunye amathuba okukhuluma.

### Fundisa Ulwazimagama Ngesihloko

***Inhloso:** Ukwelula umqondo, kanye nolwazi lwamagama lwezifundo, ukuze bathuthukise ukufunda ngokuqondisisa kanye nolwazi oluvamile. Ukuhlomisela abafundi kangcono ngolimi olufanele ukuze bakwazi ukusebenza ngendlela efanelekile Emabangeni Aphakathi Nendawo.*

1. Fundisa abafundi amagama amasha ama-3 esihloko.
2. Sebenzisa inqubo ye-PATS ukufundisa amagama amasha.
3. Ukuthi PATS kuyisifushaniso esisho Ukukhomba, Ukulingisa, Tshela Nokusho.
4. Akuvamile ngaso sonke isikhathi ukuthi wenze konke lokhu kokune egameni ngalinye lesihloko, mane wenze lokho okufanele.
   - **a** P – (POINT) KHOMBA isithombe noma into engokoqobo, uma kunokwenzeka.
   - **b** A – (ACT) LINGISA igama lesihloko, uma kunokwenzeka
   - **c** T – (TELL) TSHELA abafundi ukuthi igama lesihloko lisho ukuthini. Nikeza incazelo elula yegama.
   - **d** S – (SAY) YISHO igama emshweni, uphinde uvumele abafundi ukuthi baphinde igama emva kwakho.
5. Uma usufundise amagama esihloko esonto, bonisa amagama ebhodini lokukhangisa, kanye nesithombe segama lesihloko.
6. Akusibo bonke abafundi abazokhumbula amagama esihloko masinyane. Makungakukhathazi lokhu kanti ungenzi ukuthi abafundi baphinde amagama kaningi!
7. Abafundi bazohlangabezana namagama amasha izinkathi eziningi ngesikhathi sokufundwa kwesihloko, futhi bazonikezwa ithuba lokwakha ngempela inqolobane yabo yamagama.

## Iculo noma Umlolozelo

***Inhloso:*** *Ukuhlanganisa ulwazi lwamagama amasha lwabafundi. Bafunde ngokudlala.*

1 Iculo noma umlolozelo othile okumele uwenze nabafundi osohlwini lohlelo lwesifundo.
2 Ekuhambeni kwesikhathi, abafundi bazowazi lawa maculo kanye nemilolozelo, bese bewacula ngempela.
3 Nokho, ngesikhathi uwethula okokuqala, kudingeka ufundise abafundi amagama, iminyakazo kanye neshuni (uma ikhona).
4 Fundisa abafundi iculo noma umlolozelo, umugqa ngomugqa ngalendlela elandelayo:
   a Culela ikilasi noma usho iculo lonke noma umlolozelo. Nika abafundi incazelo yalo uma kunesidingo.
   b Cula noma usho umugqa wokuqala, bese uvumela abafundi ukuthi basho emva kwakho.
   c Cula noma usho umugqa wesibili, uphinde uvumele abafundi ukuthi basho emva kwakho.
   d Cula noma usho imigqa yokuqala emibili kanyekanye, bese uvumele abafundi ukuthi basho emva kwakho.
   e Qhubeka ngalendlela kuze kufike lapho abafundi bezokwazi ukucula ingoma noma umlolozelo wonke.
5 Faka indlela efanele yokulingisa iculo noma umlolozelo ngaso sonke isikhathi.
6 Vumela abafundi bacule ingoma abayithandayo ekugcineni kosuku – lena indlela ejabulisayo yokugcizelela ulimi olusha abalufundile.

## Yethula Isihloko: Ukuhlola Ulwazi Lwangaphambili

***Inhloso****: Ukuthola nokubona ulwazi lwangaphambili lwabafundi ngesihloko, uphinde wakhele phezu kwalokho abakwaziyo ngaleso sihloko. Ukutshengisa ukuhleleka kwemidwebo yolwazi ngokusebenzisa isu lebalazwe lomqondo.*

1 Kulo msebenzi, uthisha uqala ngokwenza masinyane ibalazwe lomqondo ebhodini.
2 Uthisha udweba isiyingi esinegama lesihloko maphakathi nebhodi.
3 Okulandelayo, uthisha ubuza abafundi*: Yini enivele seniyazi mayelana nale sihloko?*
4 Uthisha ubhala phansi yonke imibono izungeze ibalazwe lomqondo. Uthisha kufanele azame ukuqoqela ndawonye imibono ecishe ifane, ngokwesibonelo, uma isihloko simayelana 'Nobungani' ungaba nebalazwe lomqondo elifana naleli elilandelayo:




**5** Esontweni lesibili lomjikelezo, uthisha uzosebenzisa ibalazwe lomqondo ukusiza abafundi babuyekeze bese bezindla ngalokho abakufundile esontweni lokuqala lomjikelezo.

**6** Uthisha uzobuza abafundi: Yiziphi izinto ezintsha nezithakazelisayo enifunde ngazo kule sihloko kuze kube manje?

## Ubuciko Bokuxoxa Izindaba Isonto 1

***Inhloso:*** *Ukunika abafundi ithuba lokusebenzisa ulimi olusha ngokuzenzakalelayo, futhi basebenzise ulwazi lwesihloko nobuciko bokuqamba indaba enomqondo. Ukwakha ikhono lokulandelanisa. Ukunika abafundi ithuba lokusebenza ngokubambisana nangokuzwana eqenjini elincane.*

**1** Lo msebenzi unikeza abafundi ithuba lokusebenzisa imicabango nobuciko babo, amagama amasha esihloko kanye namakhono okulandelanisa ukuze benze indaba entsha.

**2** Tshela abafundi ukuthi baye emaqenjini abo amancane.

**3** Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yephepha lobuciko bokuxoxa izindaba ngesihloko. Uzothola lokhu Emgodleni Wezinsiza-kufundisa.

4 Lawa maphepha anochungechunge lwezithombe ezi-3–4 ezingasetshenziswa ukwakha indaba ehlobene nesihloko.
5 Tshela abafundi ukuthi bacabange indaba ehambisana nezithombe.
6 Nikeza abafundi umzuzu noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
7 Okulandelayo, wonke umfundi eqenjini kufanele athole ithuba lokwabelana ngombono wakhe ngendaba.
8 Hamba phakathi kwabo uphinde ulalele abafundi abahlukene njengoba bexoxa izindaba zabo.
9 Qoqa amaphepha bese uwabeka kahle ngoba azosebenza ngesonto elilandelayo.
10 Gqugquzela abafundi ukuthi baxoxe izindaba zabo nomunye umuntu ekhaya.

## Ubuciko Bokuxoxa Izindaba Isonto 2

***Inhloso**: Ukunika abafundi ithuba lokusebenzisa ulimi olusha ngokuzenzakalelayo, futhi basebenzise ulwazi lwesihloko nobuciko bokuqamba indaba enomqondo. Ukwakha ikhono lokulandelanisa. Ukunika abafundi ithuba lokusebenza ngokubambisana nangokuzwana eqenjini elincane.*

1 Tshela abafundi ukuthi baye emaqenjini abo amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yephepha lobuciko bokuxoxa izindaba ngesihloko.
3 Khumbuza abafundi ukuthi ngesonto eledlule, bazenzele izindaba zabo ngezithombe.
4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni ngendaba yeqembu.
5 Khumbuza abafundi ukuthi izindaba zabo kumele zibe nobuciko, kodwa zihambisane nezithombe!
6 Cela abafundi bonke ukuba bakunake futhi bakulalele.
7 Cela amaqembu 1–2 ahlukene ukuthi axoxe ngezindaba zawo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa kwabo ngezindaba zabo.

## Ingxoxo Ngombhalo Wokufunda Ngokuhlanganyela

***Inhloso**: Ukufundisa abafundi ukubaluleka kokucabanga kanye namakhono okufinyeza bese ubanikeza ithuba lokuzilolonga nokuthuthukisa lawa makhono. Ukwakha ukuzethemba kubafundi ngokunikeza amathuba angempela okuba bakhe futhi babeke imibono ngokucacile, ukuhlola, ukuxhumanisa kanye nokwenza iziphetho. Ukunikeza abafundi ithuba lokusebenza ngokubambisana nangokuzwana emaqenjini amancane.*

1 Ingxoxo Ngombhalo Wokufunda Ngokuhlanganyela yenziwa ngoLwesihlanu.
2 Qala ngokubhala uhlaka lwengxoxo ebhodini.
3 Okulandelayo, funda uphinde uchazele abafundi ngohlaka lwengxoxo.
4 Kumele abafundi baqonde ukuthi akukho ukwahlulela ezimpendulweni zemibuzo evulekile – izimpendulo ezahlukahlukene nemibono kwamukelekile.

**5** Ekugcineni kwesifundo, cela abafundi bonke ukuthi bakunake futhi bakulalele.
**6** Emizuzwini embalwa yokugcina, cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zabo.
**7** Bonga abafundi ngezimpendulo kanye nokufaka isandla kwabo.
**8** Uma izimpendulo zabo zingalungile, noma zifuna okwelulwa, lungisa abafundi noma ubuze imibuzo eholayo.

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo/ Ukubhala Kahle ngesandla

**Ibanga 1 & 2 (kuze kuphele uhlelo lwemisindo)**

Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo kanye Nokubhala Kahle Ngesandla kusebenza ndawonye kulolu hlelo.

### Ukuhlanganisa ndawonye: IMisombuluko

***Inhloso:*** *Ukuhlola abafundi ngokungahleliwe ngokubona ubudlelwane phakathi kohlamvu nomsindo kanye nokukhumbula imisindo nokubhala kahle ngesandla okufundisiwe. Ukulungisa kanye nokuhlanganisa ndawonye ulwazi lwemisindo yezinhlamvu nelokubhala kahle ngesandla ngokwazi ukuzilungisa. Inhloso yakho ukwenza ukuhlola okungahleliwe.*

**1** NgeMisombuluko ngesikhathi Sokubhala kahle ngesandla, abafundi bazilolongela ukubhala kwabo ngokubuyekeza imisindo kanye namagama afundwe emasontweni edlule.
**2** Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela. Uma sebezivulile, kufanele babhale usuku.
**3** Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bagoqe ikhasi libe uhhafu, bese bebhale izinombolo zisuke ku-1–5 kwimajini, futhi besuke ku-6–10 phakathi nekhasi. *(inani lemisindo kanye namagama lizohluka kwisifundo ngasinye)*
**4** Tshela abafundi ukuthi babhale umsindo noma igama njengoba ulibiza – kufanele babhale okulandelayo enombolweni efanele. Uma bengakwazi ukubhala umsindo noma igama, kufanele babhale udwi –
**5** Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi osheshayo ozokwenza sibone ukuthi basakhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama asebewafundile.
**6** Tshela abafundi ukuthi babheka imisindo yabo kanye nokubhala kahle ngesandla.
- Kufanele babone ukuthi bayakwazi yini ukubhala umsindo noma igama ngendlela efanele.
- Kufanele ukuthi babuye babone ukuthi bayakwazi yini ukwakha izinhlamvu ngokufanele.

**7** Biza imisindo kanye namagama asohlelweni lwesifundo.

8 Okulandelayo, yalela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala balungise umsebenzi wabo.
9 Bhala kahle imisindo kanye namagama ebhodini, usho umsindo futhi uchaze nendlela yokubhala njengoba ubhala.
10 Tshela abafundi ukuthi uma benobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu, kumele bakwenze lokhu phakathi nesonto.
11 Ekupheleni kosuku thatha izincwadi zabafundi, bese ubheka ukuthi yimuphi umfundi odinga usizo olwengeziwe.

## Ukufunda Imisindo Namagama Amasha: ULwesibili nangoLwesithathu

***Inhloso:*** *Ukuthuthukisa ulwazi lokuzwa nokubona imisindo ngendlela ecacile nehlelekile. Ukufundisa ulwazi lwemisindo yolimi lwasekhaya kubafundi ngendlela ecacile nehlelekile, nokuthi bazilolongele ukubona kanye nokusebenzisa imisindo ekumagama afundiwe.*

### Yethula umsindo omusha

1 Yisho umsindo bese uphakamisela phezulu ifleshi-khadi, ngokwesibonelo:**/m/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka-3.
3 Xoxa ngokuthi umsindo/m/ufana kanjani olimini lwasekhaya kanye nasesiNgisini./ wehluke kanjani olimini lwasekhaya nasesiNgisini.
4 Ngemisindo enhlamvunye, khombisa abafundi umsindo kwishadi lama-alfabhethi.
5 Buza abafundi: Ingabe ungacabanga ngamagama aqala ngo-/**p/**
6 Cabangani amagama kanye nabafundi, afana nathi: **iposi, impi, ipani, iponi.**

### Yethula amagama amasha

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile njengoba ukhombise nefleshi-khadi: **iposi, impi, ipani, iponi.**
2 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama ngemva kwakho.
3 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

## Ukubhala Uhlamvu/Izinhlamvu Namagama Amasha: NgoLwesibili nangoLwesithathu.

***Inhloso:*** *Ukuthuthukisa ikhono labafundi ngendlela ecacile nehlelekile yokuthi bakwazi ukubhala kahle nangokushelela izinhlamvu ezihambelana nolwazi lwemisindo efundisiwe.*

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha izinhlamvu ezibhaliwe kanye nemisindo efundisiwe.
2 Tshengisa ukubhalwa komsindo ebhodini – chaza indlela yokwakha uhlamvu njengoba ulubhala.

3 Tshela abafundi abasebenzisa isandla sekwesokunxele ukuthi balalise amakhanda abo phezu kwedeski.
4 Yibe usufulathela abafundi, uphakamise isandla sakho sokudla.
5 Tshela abafundi abasebenzisa isandla sokudla ukuthi balandele indlela obhala ngayo u/izinhlamvu emoyeni.
6 Okulandelayo, phinda lendlela futhi kubafundi abasebenzisa isandla sokunxele.
7 Yibe usutshela abafundi ukuthi basebenze nabalingani babo futhi babhale umsindo emihlane yabo ngeminwe.
8 Emva kwalokho, tshela abafundi ukuthi babhale umsindo phezu kwamadeski abo ngeminwe yabo.
9 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukuthi zakhiwa kanjani u/izinhlamvu namagama ebhodini.
10 Kufanele abafundi babhale umsindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
11 Kumele abafundi badwebele umsindo kunoma yimaphi amagama/imisho ebhaliwe.

## Ukuhlakaza Nokuhlanganisa: OLwesine

***Inhloso:*** *Ukuthuthukisa ikhono labafundi lokuzwa nokubona imisindo ngendlela ecacile nehlelekile, kanye nekhono lokuhlanganisa nokuhlakaza imisindo efundiwe, ukuze bakwazi ukufunda nokubhala ngokuzimela. Ukuthuthukisa ukubonwa kwemisindo ngokuzenzakalela.*

### Ngiyenza...

1 Qala ngegama elisesifundweni sangoLwesibili
2 Yisho igama: **iposi**
3 Hlakaza igama libe imisindo ezimele ngayodwa:/**i**/-/**p**/-/**o**/-/**s**/-/**i**/
4 Yisho umsindo wokuqala wegama:/**i**/
5 Yisho umsindo wesibili wegama/**p**/
6 Yisho umsindo wesithathu wegama/**o**/
7 Yisho umsindo wesine egameni:/s/
8 Yisho umsindo wokugcina owodwa egameni:/i/
9 Bhala igama ebhodini: **iposi**
10 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa imisindo ukuze wenze igama:/**i**/-/**p**/-/**o**/-/**s**/-/**i**/= **iposi**
11 Okulandelayo, yisho ilunga lokuqala legama:/i/.
12 Yisho ilunga lesibili legama:/po/
13 Yisho ilunga lesithathu legama**:/si/**
14 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa amalunga ukuze wenze igama:/**i**/-/**po**/-/**si**/= **iposi**
15 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

### Siyenza...

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.

2 Yisho igama: **impi**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni?/**i**/
4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo ophakathi nendawo?/**m**/
5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo olandelayo?/**p**/
6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo osekugcineni?/**i**/
7 Cela abafundi ukuba bahlakaze igama libe imisindo ezimele ngawodwa:/**i**/-/**m**/-/**p**/-/**i**/
8 Bhala igama ebhodini: **impi**
9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo esegameni kanye nawe**:**/**i**/-/**m**/-/**p**/-/**i**/
10 Buza abafundi: Yiliphi ilunga lokuqala egameni?:/**i**/
11 Buza abafundi: Yiluphi ilunga lesibili egameni?:/**mpi**/
12 Tshela abafundi ukuthi bahlanganise amalunga amagama bakhe igama:/**i**/-/**mpi**/= **impi**
13 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

## Ukuthola Igama: NgoLwesihlanu

***Inhloso:** Ukunikeza abafundi ithuba lokuhlanganisa ulwazi lwemisindo abayifundisiwe. Ukunikeza abafundi ithuba lokuzilolongela ikhono lokuhlanganisa ukuze kwakheke amagama. Ukuthuthukisa ukubona ngokuzenzakalelayo nangokushelela ulwazi lwemisindo.*

Bhala ithebula ebhodini, elizofaka imisindo efundwe ngokwedlule kanye nemisindo efundwe ngoLwesibili nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **bl-** | **i** | **P** |
| **oo** | **d** | **a** |
| **nk** | **e** | **m** |

| | | |
|---|---|---|
| **bh-** | **i** | **l** |
| **o** | **d** | **a** |
| **nk** | **e** | **m** |

### Tshengisa

1 Khumbuza abafundi ngemisindo yesonto: isibonelo: **bh/no/nk/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3 Chazela abafundi ukuthi bazoba nemizuzu emithathu ukwakha amagama amaningi abangawenza besebenzisa imisindo nezihlanganisi ezingenhla.
4 Khombisa abafundi ukuthi igama lakhiwa kanjani usebenzisa umsindo ohlosiwe, njengokuthi**;**/**i**/-/**bh**/-/**o**/–/**d**/–/**i**/
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangenza igama besebenzisa imisindo eyahlukene – abaphoqelelekile ukusebenzisa/**bh**/**no**-/**nk**/
6 Khombisa abafundi ukuthi elinye igama bangalakha kanjani, njengokuthi:/**i**/-/**nk**/-/**o**/-/**l**/-/**o**/

7 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa imisindo ehlosiwe, efana nelithi **ibhodi** noma amagama angenanhloso, afana nokuthi **inkolo**

**Okwenziwa abafundi**

1. Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela babhale isihloko: **bh, o.**
2. Yalela abafundi ukuthi baqale ukubhala.
3. Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokufuna nokwakha amagama amaningana ngangokunokwenzeka.
4. Nikeza abafundi imvume yokulungisa imisebenzi yabo. Khombisa abafundi ukuthi akhiwa kanjani lawa magama (kanye namanye): **ibhodi, inkolo, ibhadi, idili, made, ibhola, bhala, bhema, imali, ima, mela.**

## Ukubona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo kanye Nokubhala Kahle Ngesandla

**Ibanga 2 & 3 (uma uhlelo lwemisindo seluphelile)**

Ukubona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo kanye Nokubhala Ngesandla kusebenza ndawonye kulolu hlelo.

### IBANGA 2 AMATHEMU 3–4

#### UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

### Ukushintsha Amagama: IMisombuluko

***Inhloso:*** *Ukulungisa noma ukuhlanganisa ulwazi lwemisindo kanye nokubhala kahle ngesandla ngokwenza ukuzilungisa. Ukuthuthukisa ulwazi lokufunda ngokusiza abafundi ukuthi bakwazi ukubona ushintsho emagameni noma emishweni, eshintsha incazelo yamagama noma imisho.*

***Qaphela:*** *Ekuqaleni, kufanele abafundi benze lomsebenzi ngokubhala NGOKWAHLUKANISA. Ngokushesha lapho abafundi sebekwazi ukubhala ngokuhlanganisa okulingene, sicela ubalayele ukuthi baqedelele umsebenzi NGOKUBHALA NGOKUHLANGANISA.*

1. NgeMisombuluko ngesikhathi sokubhala kahle ngesandla, abafundi kumele bazilolongele <u>ukubhala ngokuhlanganisa</u>, ngokubuyekeza imisindo namagama afundwe emasontweni edlule.
2. Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela bese bebhala usuku.
3. Ngokulandelayo tshela abafundi ukuthi babhale izinombolo 1–5 eduze kwemajini, beqe umugqa phakathi kwenombolo ngayinye.
4. Bhala ebhodini umusho owunikwe esifundweni eduze nenombolo 1, kanje:

- Ngifuna incwadi.

5 Yalela abafundi ukuthi bakopishele umusho ezincwadini zabo.

6 Okulandelayo, yalela abafundi ukuthi babhale isihloko esahlukile samamofini ( ngesiNgisi noma Isibhunu – izabizwana) eduze nezinombolo, kanje:
- U
- Ni
- Si
- Ba

7 Yalela abafundi ukuthi baphinde babhale imisho, besebenzisa lezi zihloko zamamofimi (ngesiNgisi noma Isibhunu – izabizwana)

8 Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi esizowenza ngokushesha kuze kubonakale ukuthi basakhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama abawafundile ngaphambili.

9 Tshela abafundi ukuthi bahlola imisindo nokubhala kahle ngesandla kwabo.

10 Ekupheleni kwesifundo, bhala umusho ngokufanele ebhodini, ulokhu usho umsindo futhi uchaze indlela yokubhala ngokuhlanganisa njengoba wenza lokhu.

11 Khona-ke, cela abafundi ukuthi bakhombe noma yiliphi iphethini abalibonayo, njengokuthi: lapho kushintsha khona umusho.

12 Dwebela iphethini noma yimaphi amaphethini, kanje:
- Ufuna incwadi.
- Nifuna incwadi.
- Sifuna incwadi.
- Bafuna incwadi.

13 Yalela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala balungise umsebenzi wabo.

14 Tshela abafundi ukuthi uma beba nobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu ngokuhlanganisa, kufanele basebenzele kulokhu phakathi nesonto.

15 Ekupheleni kosuku qoqa izincwadi zabafundi, bese wenza ukuphawula ngalabo abadinga usizo olwengeziwe. Abanye abafundi kungenzeka bahlangabezane nobunzima ngemisindo, ngesikhathi abanye behlangabezana nobunzima bokubhala ngokuhlanganisa!

## IBANGA 3 ITHEMU 1–2

### UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

### Amagama Obunye Nobuningi: IMisombuluko

***Inhloso:*** *Ukulungisa noma ukuhlanganisa imisindo kanye nolwazi lokubhala ngesandla ngokwenza ukuzilungisa. Ukuthuthukisa amakhono okufunda ngokusiza abafundi ukuze babone futhi babone kusengaphambili ushintsho kumaphethini egama kuye ngesijobelelo sebizo.*

***Qaphela:** Ekuqaleni, abafundi kufanele benze lomsebenzi NGOKUPHRINTA. Ngokushesha nje lapho abafundi sebenolwazi olwanele lokubhala ngokuhlanganisa, bayalele ukuthi baqedele umsebenzi NGOKUBHALA NGOKUHLANGANISA.*

1. NgeMisombuluko ngesikhathi Sokubhala Kahle Ngesandla, abafundi abazilolongele <u>ukubhala ngokuhlanganisa</u> ngokubuyekeza amagama abawafunde emasontweni edlule.
2. Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela futhi babhale usuku kanye nesihloko: **<u>Amagama Obunye Nobuningi</u>**
3. Ngokulandelayo tshela abafundi ukuthi babhale izinombolo 1–5 kwimajini, beqe imigqa phakathi kwezinombolo.
4. Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi osheshayo ozobonisa ukuthi bayakukhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama esebawafundile.
5. Tshela abafundi ukuthi bahlola imisindo yabo kanye nokubhala kahle ngesandla.
6. Biza amagama asebunyeni asohlelelweni lwesifundo. Abafundi kufanele babhale lawa magama eduze kwezinombolo, ngale ndlela elandelayo:
   **<u>Amagama asuka Ebunyeni aye Ebuningini</u>**
   - ikati
   - umfana
   - imoto
   - impukane
   - umntwana
7. Okulandelayo, yalela abafundi ukuthi baphinde babhale lamagama ngobuningi.
8. Emizuzwini emihlanu yokugcina yesifundo, bhala kahle ebhodini amagama, usho imisindo futhi uchaze indlela yokubhala ngokuhlanganisa njengoba wenza lokhu.
9. Ngemva kwalokho, cela abafundi ukuthi bakhombe noma yimaphi amaphethini abawabonayo, njengokuthi: lapho amagama eshintsha khona.
10. Dwebela lawa maphethini, kanje:
    **<u>Amagama asuka Ebunyeni aye Ebuningini</u>**
    1. <u>i</u>kati
       amakati
    2. <u>umfana</u>
       <u>abafana</u>
    3. <u>i</u>moto
       <u>izi</u>moto
    4. <u>i</u>mpukane
       <u>izi</u>mpukane
    5. <u>um</u>ntwana
       <u>aba</u>ntwana
11. Tshela abafundi ukuthi bacabange ngalawa maphethini lapho befunda noma bebhala.
12. Yalela abafundi ukuthi bathathe amapeni abo ombala bese belungisa umsebenzi wabo.
13. Tshela abafundi ukuthi uma beba nobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu ngokuhlanganisa, kufanele basebenzele kulokhu phakathi nesonto.

**14** Ekupheleni kosuku qoqa izincwadi zabafundi, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe. Abanye abafundi kungenzeka babe nobunzima ngemisindo, ngesikhathi abanye bangase babe nobunzima bokubhala ngokuhlanganisa!

## IBANGA 3 ITHEMU 4

### UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

### Imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini: IMisombuluko

***Inhloso:*** *Ukulungisa noma ukuhlanganisa imisindo kanye nolwazi lokubhala kahle ngesandla ngokwenza ukuzilungisa***.** *Ukuthuthukisa amakhono okufunda ngokusiza abafundi ukuba babone futhi balindele ushintsho lwamaphethini amagama kuye ngesijobelelo sebizo.*

***Qaphela:*** *Ekuqaleni, abafundi kufanele benze lo msebenzi NGOKUPHRINTA. Ngokushesha nje lapho abafundi sebenolwazi olwanele lokubhala ngokuhlanganisa, sicela ubayalele ukuthi baqedele umsebenzi NGOKUBHALA NGOKUHLANGANISA.*

**1** NgeMisombuluko ngesikhathi Sokubhala Kahle Ngesandla, abafundi bazilolongele ukubhala ngokuhlanganisa ngokubuyekeza amagama abawafunde emasontweni edlule.
**2** Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhalela babhale usuku kanye nesihloko: **imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini**
**3** Ngokulandelayo tshela abafundi ukuthi babhale izinombolo 1–5 kwimajini, beqe imigqa phakathi kwezinombolo.
**4** Khumbuza abafundi ukuthi lona umsebenzi osheshayo ozobonisa ukuthi bayakukhumbula yini ukubhala imisindo kanye namagama esebawafundile.
**5** Tshela abafundi ukuthi bahlola imisindo kanye nokubhala kahle ngesandla kwabo.
**6** Biza amagama esebunyeni asohlelweni lwesifundo. Abafundi kufanele babhale lawa magama eceleni kwezinombolo, kanje:
**Imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini**
  **1** Ikati liphuza ubisi.
  **2** Umfana ukhahlela ibhola.
  **3** Imoto imile.
  **4** Impukane iyandiza.
  **5** Indlu iwile
**7** Okulandelayo, tshela abafundi ukuba baphinde babhale imisho ibe sebuningini.
**8** Emizuzwini emihlanu yokugcina yesifundo, bhala kahle ebhodini imisho, usho imisindo futhi uchaze indlela yokubhala ngokuhlanganisa njengoba wenza lokhu.
**9** Ngemva kwalokho, cela abafundi ukuba bakhombe noma yimaphi amaphethini abawabonayo, njengokuthi: lapho amagama eshintsha khona.

**10** Dwebela lawa maphethini, kanje:
**Imisho esuka Ebunyeni iye Ebuningini**

1 Ikati liphuza ubisi.
Amakati aphuza ubisi.
2 Umfana ukhahlela ibhola.
Abafana bakhahlela ibhola.
3 Imoto imile.
Izimoto zimile.
4 Impukane iyandiza.
Izimpukane ziyandiza.
5 Indlu iwile.
Izindlu ziwile.

11 Tshela abafundi ukuthi bacabange ngalawa maphethini lapho befunda noma bebhala.
12 Yalela abafundi ukuba bathathe amapeni abo ombala bese belungisa umsebenzi wabo.
13 Tshela abafundi ukuthi uma benobunzima bokukhumbula umsindo noma ukubhala uhlamvu ngokuhlanganisa, kufanele basebenzele kulokhu phakathi nesonto.
14 Ekupheleni kosuku qoqa izincwadi zabafundi, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe. Abanye abafundi kungenzeka babe nobunzima ngemisindo, ngesikhathi abanye kungenzeka babe nobunzima bokubhala ngokuhlanganisa!

## IMISINDO

### Ukubuyekeza imisindo ngokuhlakaza nangokuhlanganisa: OLwesibili nangoLwesithathu

***Inhloso:*** *Ukuthuthukisa ulwazi lokuzwa nokubona imisindo ngendlela ecacile nehlelekile, nekhono lokuhlanganisa nokuhlakaza imisindo namalunga amagama, ukuze bakwazi ukubhala nokufunda ngokuzimela. Ukuthuthukiswa nokubona imisindo kanye namalunga amagama ngokuzenzakalela.*

**Ngiyenza...**

1 Qala ngegama elisesifundweni sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **iposi**
3 Hlakaza igama libe nemisindo ezimele ngayodwa:/**i**/-/**p**/-/**o**/-/**s**/-/**i**/
4 Yisho umsindo wokuqala wegama:/**i**/
5 Yisho umsindo wesibili wegama:/**p**/
6 Yisho umsindo wesithathu wegama:/**o**/
7 Yisho umsindo wesine wegama:/**s**/
8 Yisho umsindo wokugcina wegama:/**i**/
9 Bhala igama ebhodini**: iposi**
10 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa imisindo ukuze wakhe igama:/**i**/-/**p**/-/**o**/-/**s**/-/**i**/= **iposi**
11 Okulandelayo, yisho ilunga lokuqala legama:/**i**/
12 Yisho ilunga lesibili legama**:/po/**

13 Yisho ilunga lesithathu legama**:/si/**
14 Tshengisa ngokukhomba nokuhlanganisa amalunga ukuze wakhe igama:/**i**/-/**po**/-/**si**/= **iposi**
15 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

**Siyenza...**

1 Qala ngomsindo wesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama**: impi**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owodwa wokuqala wegama?/**i**/
4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owodwa wesibili wegama?/**m**/
5 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owodwa wesithathu wegama?/**p**/
6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo owodwa wokugcina wegama?/**i**/
7 Cela abafundi ukuba bahlukanise igama amalunga ngalinye elihamba ngalodwa:/**i**/-/**mpi**/
8 Bhala igama ebhodini**: impi**
9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo esegameni kanye nawe::/**i**/-/**m**/-/**p**/-/**i**/= **impi**
10 Buza abafundi: Yiliphi ilunga lokuqala legama?/**i**/
11 Buza abafundi: Yiluphi ilunga lwesibili legama?/**mpi**/
12 Tshela abafundi ukuba bahlanganise amalunga ukuze bakhe igama:/**i**/-/**mpi**/= **impi**
13 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu.

**Siyenza...**

1 Tshela abafundi ukuthi bakhiphe izincwadi zabo zokubhala bese bebhala usuku nesihloko: **Amagama p.**
2 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi babhale izinombolo 1–5 kwimajini.
3 Biza amalunga amahlanu noma amagama athathwe ohlelweni lwesifundo.
4 Abafundi kufanele babhale lawa magama eceleni kwenombolo efanele. Kufanele basebenzise ikhono lokuhlakaza nokuhlanganisa ukubasiza ukuba bapele lawa magama.
5 Abafundi kufanele badwebele umsindo osetshenzisiwe egameni ngalinye.
6 Emizuzwini emibili yokugcina yesifundo, bhala kahle amagama ebhodini, bese udwebela umsindo osetshenzisiwe.
7 Tshela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo ngepeni lombala.
8 Chazela abafundi ukuthi bazofunda indlela yokubhala lo msindo NGOKUHLANGANISA esifundweni esilandelayo.

## UKUBHALA KAHLE NGESANDLA

### Ukubhala Izinhlamvu Namagama Amasha: NgoLwesibili nangoLwesithathu

***Inhloso:*** *Ukuthuthukisa ngokuhlelekile ikhono labafundi lokulungisa lokubhala ngokufanele nangokugeleza imisindo yezinhlamvu ehambisana nemisindo efundisiwe.*

1. Fundisa abafundi ukuba bakhe ngendlela efanele izinhlamvu ngokubhala ngokuhlanganisa umsindo ofundiwe.
2. Fundisa ngohlamvu ngalunye oluncane kanye nolukhulu.
3. Tshengisa ukubhala umsindo ebhodini-chaza indlela yokwakha uhlamvu njengoba ulubhala.
4. Tshela abafundi abasebenzisa isandla sokunxele ukuthi babeke amakhanda abo phezu kwamadeski.
5. Emva kwalokho, yima ufulathele abafundi, bese uphakamisa isandla sakho sokudla.
6. Tshela abafundi abasebenzisa isandla sokudla ukuthi balandele indlela obhala ngayo emoyeni.
7. Okulandelayo, phinda lenqubo kubafundi abasebenzisa isandla sokunxele.
8. Emva kwalokho tshela abafundi ukuthi basebenzisane nozakwabo ngokubhala umsindo emhlane womunye ngeminwe yabo.
9. Ngemva kwalokhu, tshela abafundi ukuba babhale umsindo emadeskini abo ngeminwe yabo.
10. Ekugcineni, phinda ubonise abafundi ukuthi izinhlamvu namagama kwakhiwa kanjani ebhodini.
11. Abafundi kufanele babhale umsindo/amagama/imisho ezincwadini zabo.
12. Ngesikhathi utshengisa amagama, gcizelela indlela yokubhala ngokuhlanganisa noma ngokuxhumanisa nezinye izinhlamvu.
13. Abafundi kufanele <u>badwebele</u> umsindo kunoma yimaphi amagama/umusho obhaliwe.

## IMISINDO

### Ukushintsha Izinhlamvu: NgoLwesine

***Inhloso:*** *Ukulungisa noma ukuhlanganisa ulwazi lwemisindo. Ukuthuthukisa ikhono lokufunda ngokusiza abafundi ukuthi bagxile ekuboneni ushintsho olulodwa egameni okungashintsha okushiwo yigama.*

#### Ngiyenza...

1. Chaza ukuthi namuhla, sizozilolongela ukubheka umehluko omncane kumagama. Lokhu kuzosisiza ukuba sibe abafundi abangcono.
2. Bhala ebhodini amagama amabili anikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: bila, sila

3 Chaza ukuthi namuhla, sizozama ukubheka ukuthi yimuphi umsindo ohlukile kumagama amabili.
4 Bonisa abafundi indlela yokuthola umehluko, njengokuthi: **bila, sila**
5 Chaza umehluko, njengokuthi: umsindo/b/no-/s/yehlukene, kodwa yonke enye into egameni iyafana!

**Siyenza...**

**Ingxenye 1**
1 Bhala ebhodini amagama amabili anikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: **sola, sala**
2 Buza abafundi: Yini umehluko phakathi kwala magama amabili?
3 Biza abafundi ukuthi beze bezodwebela umehluko phakathi kwamagama amabili, kanje: **sola, sala**
4 Chaza umehluko phakathi kwamagama amabili.

**Ingxenye 2**
1 Okulandelayo, bhala ebhodini igama elinikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: **bila**
2 Buza abafundi: **Yimuphi umsindo owodwa ongawushintsha kuleli gama ukuze lenze igama elehlukile?**
3 Bhala ebhodini uhlu lwemibono abafundi, njengokuthi: **mila, sala; bila, bala**

**Uyenza …**
1 Bhala ebhodini igama elinikezwe ohlelweni lwesifundo, njengokuthi: **mila**
2 Buza abafundi: **Yimuphi umsindo owodwa ongawufaka endaweni yomunye umsindo kuleli gama ukuze lenze igama elehlukile?**
3 Yalela abafundi ukuthi bakhe amagama amaningi ngangokunokwenzeka, abangawafaka endaweni yomsindo owodwa egameni.
4 Ekugcineni kwesifundo, biza abafundi ukuthi bahlangane.
5 Biza abafundi ukuthi bazokuma phambi kwebhodi futhi babhale elinye lamagama abo.
6 Funda amagama, bese uyachaza ukuthi yimuphi umsindo oshintshiwe. **mila, sala, bila, bala**

**IMISINDO**

## Ukuthola Amagama: NgoLwesihlanu

***Inhloso:*** *Ukunikeza abafundi ithuba lokuhlanganisa ulwazi lwemisindo efundiwe. Ukuvumela abafundi ukuthi bazilolongele ikhono lokuhlanganisa ukuze bakhe amagama. Ukuthuthukisa ukubona imisindo ngokuzenzakalelayo.*

Bhala ithebula ebhodini. Lifaka imisindo efundwe ngokwedlule kanye nemisindo efundisiwe ngoLwesibili nangoLwesithathu.

| | | | |
|---|---|---|---|
| **ph-** | **u-** | **p** | **ama-** |
| **th-** | **b** | **a** | **isi-** |
| **l** | **e** | **m** | **izi-** |

### Tshengisa

1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto:**/ph/no-/th/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nezinhlamvu ezihamba ngazimbili ebhodini.
3 Chazela abafundi ukuthi sizoba nemizuzu emithathu ukwenza amagama amaningi ngangokunokwenzeka ngokusebenzisa imisindo kanye nezinhlamvu ezihamba ngazimbili.
4 Bonisa abafundi indlela yokwakha igama usebenzisa umsindo onikeziwe. njengokuthi:/**th/–/a/–/th/-/a/= thatha**
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangenza igama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa/th/noma/ph/
6 Bonisa abafundi indlela yokwakha elinye igama, njengokuthi:/**u/–/m/–/a/–/m/–/a/= umama**
7 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama ngokusebenzisa umsindo ohlosiwe, njengokuthi: **phula,** noma igama elingenawo umsindo ohlosiwe, njengokuthi: **amabala**.

### Okwenziwa abafundi

1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zokubhala bese bebhala isihloko: **ph, th**.
2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3 Nika abafundi imizuzu emi-3 yokuba bathole futhi bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Bonisa abafundi ukuthi bangawakha kanjani lawa magama (kanye namanye): **phuma, thuma, isithuba, izithuba, amathuba, thetha, amaphupho, thatha, zethu, lethu, latha, pam, izibele, ibele, mela, lala, lam, amaphela, phupha**

## Ukufunda Ngokuhlanganyela Okunamasu Okuqondisisa

Masonto onke kunendaba entsha Yokufunda Ngokuhlanganyela.

Ukufunda Ngokuhlanganyela kwenziwa ngalendlela elandelayo:

NgoMsombuluko: Ngaphambi kokufunda
NgoLwesibili: Ukufunda kokuqala
NgoLwesine: Ukufunda kwesibili

NgoLwesihlanu: Ngemva kokufunda

Kulezi zikhathi Zokufunda Ngokuhlanganyela, yenza isiqiniseko sokuthi abafundi bonke bahlezi kahle futhi babona kahle nangokucacile izithombe ezisencwadini enkulu. Khumbuza abafundi ngaloko okulindele ngenkathi kufundwa ngokuhlanganyela, njengokuthi:

- Hlala ukhululeke futhi UNGANYAKAZI
- Gcina IZANDLA zakho phezu kwamathanga akho
- Gcina AMEHLO kanye nemicabango yakho isendabeni
- *Ungaphimisi AMAZWI (yenza ukushukuma komzimba ungakhulumi ngokuzwakalayo)*

***Izinjongo ezimqoka Zokufunda Ngokuhlanganyela kulolu hlelo yilezi ezilandelayo:***

1 *Ukuba abafundi bezwa ukufundwa kwendaba ephelele elukhuni nabangakakwazi ukuyifunda bona bebodwa. Ngenxa yokuthi abafundi abazikhathazi ngezingxenye ezilukhuni zokufunda, bangagxila engqikithini yendaba kanye nabalingisi. Abafundi bangathokozela futhi izindaba bese bethuthukisa uthando lokufunda.*

2 *Njengoba uthisha efunda indaba ngokuzwakalayo, ngokuzenzakalelayo ulingisa amanye amakhono okufunda: ufunda kusukela ekhasini lokuqala ukuya kwelokugcina; ufunda kusukela phezulu kwekhasi eye ekupheleni kwekhasi; ufunda kusukela kwesokunxele aye kwesokudla; alandele izimpawu zokufunda; ufunda ngokugeleza kanye nangejubane elifanele; futhi ufunda ngokufaka umuzwa, okunezelela ekuqondeni indaba. Abafundi ngokuzenzakalelayo bafunda amakhono amaningi ngokuqaphela umfundi ogelezayo.*

3 *Njengoba uthisha efunda, ufakela ukuqonda ngokuthi: akhombe ingxenye yesithombe; ngokusebenzisa ukushukuma komzimba noma ukunyakaza; nangokuthi anezele umuzwa ezwini lakhe. Uthisha uphinde afake ngokucacile ukuqonda, ngokuma achaze igama noma ibinzana lamagama. Ngokulalela uthisha kanye nokumbukela, abafundi bazuza amakhono amasha olwimi.*

4 *Bese okubaluleke kakhulu ngenkathi Yokufunda Ngokuhlanganyela, ukuthi uthisha kufanela afundise abafundi ukuthi bangacabanga kanjani ngendaba, futhi bangazakhela kanjani ukuyiqonda indaba. Kulolu hlelo, sikhethe ukwakha amakhono okuqondisisa ngokulingisa kanye nokufundisa amasu ehlukile okuqondisisa. Amasu okuqondisisa alandelayo aye asetshenziswa:*
   - *Ukuqagela*
   - *Ukwakha isithombe sengqondo*
   - *Ukucinga umbhalo*
   - *Ukufingqa*
   - *Ukucabanga ngombhalo (ukuzibuza)*
   - *Ukwenza uxhumaniso*
   - *Ukwenza indlela yokuphetha*
   - *Ukwenza ukuhlola*

## AMASU OKUQONDISISA

Ithebula elilandelayo linikeza ulwazi ngesu ngalinye.

| **Isu 1: Ukuqagela** | |
|---|---|
| Incazelo | Ngesikhathi abafundi beqagela, basuke besho lokho abacabanga ukuthi kuzokwenzeka endabeni. Abafundi bangaqagela ukuthi kuzokwenzekani ngokubuka izithombe ezisencwadini enkulu. Bangaqagela futhi ukuthi kuzobuye kwenzekeni ngemuva kokufunda indaba ekhasini. Okokugcina, abafundi bangaqagela ngokuthi bacabanga ukuthi indaba izophela kanjani. |
| *Injongo* | *Ngokwenza abafundi ukuba baqagele, wenza ukuba bacabange ngendaba ngaphambi kokuba bayifunde. Abafundi kufanele basebenzise izinkombasisombululo ukuzama ukuveza ukuthi ngobani abalingisi, nokuthi yisiphi isehlakalo esibalulekile esizokwenzeka. Ngokuqagela, abafundi bakha amakhono abo okuqondisisa ngokucabanga ngendaba* |
| Izinyathelo<br>*(Ukuqagela ngezithombe)* | **1** Buka isithombe.<br>**2** Buza abafundi: Nicabanga ukuthi yini eyenzakayo lapha?<br>**3** Vumela abafundi bacabange ngombuzo.<br>**4** Uma abafundi bengakwazi ukuphendula, nika isibonelo sempendulo yombuzo.<br>**5** Bonisa ukuthi izithombe zixhumene kanjani nesinye ukuze zakhe indaba. |
| Izibonelo<br>*(Ukuqagelq ngezithombe)* | **1** Ucabanga ukuthi kwenzekani lapha?<br>**2** Ucabanga ukuthi lo mlingisi uzizwa kanjani? Kungani?<br>**3** Ucabanga ukuthi uzobonani esithombeni esilandelayo? |
| Izinyathelo<br>*(Ukuqagela ngombhalo)* | **1** Funda ikhasi lombhalo.<br>**2** Buza abafundi: Nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?<br>**3** Vumela abafundi bacabange ngombuzo.<br>**4** Uma abafundi bengakwazi ukuphendula, nika isibonelo sempendulo yombuzo. |
| Izibonelo<br>*(Ukuqagela ngombhalo)* | **1** Ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?<br>**2** Ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenziwa yilo mlingisi?<br>**3** Ucabanga ukuthi le ndaba izophela kanjani? |
| **Isu 2: Ukwakha isithombe sengqondo** | |
| Incazelo | Ngesikhathi abafundi bakha isithombe sengqondo, kufanele bacabange ngalokho okwenzekayo endabeni njengesehlakalo esikubhayikobho. Kufanele bazame ukubona indaba ezingqondweni zabo njengoba yenzeka. |
| *Injongo* | *Ukwakha isithombe sengqondo kusiza ukuba uqonde okushiwo amagama asekhasini ngokuwaphendula abe yibhayisikobho ezingqondweni zabafundi. Ukwakha isithombe sengqondo kusiza futhi ukuba abafundi babone ukuthi izigameko embhalweni zihlangana kanjani. Lokhu kubasiza ukuba bakhe ukuqonda ngokucabanga ngendaba yonke iphelele, kunokubona ikhasi nekhasi.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo osekhasini.<br>**2** Yithi: Manje sizozakhela isithombe sengqondo ngendaba kwangathi besibuka ibhayisikobho.<br>**3** Yalela abafundi ukuba bavale amehlo abo. Chaza ukuthi abafundi kufanele balalele amagama bese bakha ngawo ibhayisikobho ezingqondweni zabo.<br>**4** Phinda ufunde umbhalo.<br>**5** Tshela abafundi okubonayo wena ngeso lengqondo. (Linganisa ikhono)<br>**6** Buza abafundi: Uboneni? (Kwenzekeni kwibhayisikobho yakho?)<br>**7** Lalela bese nixoxe ngezimpendulo zabafundi. Qiniseka ukuthi izimpendulo zabafundi ziyahambisana nokwenzeke endabeni. |

| | |
|---|---|
| Izibonelo | **1** Nginesithombe sengqondo sikaJoe enqoba emjahweni. Ngathi ngiyawubona umjuluko wakhe wehla usuka ekhanda futhi usakazeka yonke indawo. Ngathi ngiyawabona amehlo akhe ajonge emgqeni wokugcina, nomzimba wakhe usebenza kanzima ngakho konke.<br>**2** Uboneni ngeso lengqondo? Kwenzekeni kwibhayisikobho yakho? |
| **Isu 3: Ukucinga umbhalo** | |
| Incazelo | Ukucinga imibuzo yombhalo kuwuhlobo oluyisisekelo kakhulu semibuzo yokuqondisisa. Lena mibuzo idinga abafundi bacabange noma babheke amagama esekhasini, bese bekhumbula ukwaziswa. |
| *Injongo* | *Lena mibuza iyisisekelo sokuhlola ukuqonda amagama asekhasini. Le lisu libonisa abafundi indlela yokubona kanye nokucinga amagama amqoka azokubasiza ukuphendula imibuzo.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo osekhasini.<br>**2** Buza abafundi umbuzo ngokwaziswa okusembhalweni, njengokuthi: Ngubani uJoe ayefuna ukumehlula emjahweni?<br>**3** Vumela abafundi baphendule umbuzo.<br>**4** QAPHELA: Siza abafundi ukuba bathole impendulo ngokubona amagama amqoka awusizo, bese becinga embhalweni igama elimqoka. Loku ngokuvamile kubaholela ekutholeni impendulo. |
| Izibonelo | **1** <u>**Ngubani**</u> uJoe ayefuna ukumehlula emjahweni?<br>**2** <u>**Yini**</u> eyenziwa uJoe ngaphambi komjaho?<br>**3** <u>UJoe wazivocavocela **nini** umjaho</u>?<br>**4** <u>Wawenzelwa **kuphi**</u> umjaho? |
| **Isu 4: Ukufingqa** | |
| Incazelo | Ngesikhathi abafundi befingqa, basuke becabanga ngalokho okwezeke endabeni. Bangacabanga futhi nangezinye izinto, njengokuthi: kuyini abakuthandile endabeni, nokuthi bafundeni endabeni. |
| *Injongo* | *Ukufingqa kubonisa ukuthi umfundi uyiqondile futhi wacabanga ngendaba. Ukucela abafundi ukuba bafingqe indaba yindlela engcono yokuhlola ukuqonda kwabo.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo.<br>**2** Khumbuza abafundi: Ngesikhathi sifingqa, sisuke sicabanga ngazo zonke izingxenye ezibalulekile zendaba. Singacabanga futhi ngalokho esikuthandile ngendaba, nokuthi futhi sifundeni endabeni.<br>**3** Nika abafundi umzuzu ukuba bacabange ngendaba.<br>**4** Yalela abafundi ukuthi bajike bese bayakhuluma futhi baxoxele umngane isifingqo sabo.<br>**5** Okokugcina, ungacela abafundi ukuba babhale phansi izifingqo zabo, besebenzisa uhlaka lomsebenzi ukubasiza. |
| Izibonelo | Indaba: UJoe unqoba umjaho<br><u>Abafunda bangafingqa indaba ngendlela elandelayo:</u><br>**Le ndaba imayelana** nomfana obizwa ngokuthi nguJoe ofuna ukwehlula umfana onejubane ukubendlula bonke esikoleni, uSizwe emjahweni wokugijima. UJoe uyazivocavoca sikhathi sonke, ekugcineni wamehlula uSizwe.<br>**Ngathanda** ingxenye lapho uJoe eshaya intambo ekupheleni komjaho – ngazizwa ngename kakhulu.<br>**Ngifunde** ukuthi uma uzama ngamandla futhi ungayekeleli ungaphumelela. |

| Isu 5: Ukucabanga ngombhalo (Ukuzibuza) | |
|---|---|
| Incazelo | Ngesikhathi uthisha ezibuza, uthisha usuke ephimisa imicabanga yakhe ngombhalo. Uvumela abafundi bezwe lokho akucabangayo ngombhalo. |
| *Injongo* | *Ngokutshengisa indlela ocabanga ngayo/uzibuza ngombhalo, usuke ufundisa abafundi izinto ezimbili. Okokuqala, ufundisa abafundi ukuthi abafundi abakahle abamane nje bafunde amagama, ngaso sonke isikhathi bayacabanga ngalokho abakufundayo. Okwesibili, sibonisa abafundi uhlobo lwemicabango abafundi abakahle abanayo ngombhalo.*<br><br>*Ngokwenza lokhu, sibonisa abafundi indlela yokucabanga ngobuhlakani nangokujulile ngombhalo. Ngokuhamba kwesikhathi, abafundi bazoqala ukuzenzela lokhu ngokwabo.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo osekhasini.<br>**2** Cabanga umbuzo noma umqondo umfundi ogelezayo angaba nawo ngombhalo. (Imibono enikeziwe kumablokhi athi Ngaphambi Kokufunda nelithi Funda Okwesibili ezinhlelweni zesifundo.)<br>**3** Yithi: Ngiyabona/Ngiyaqaphela...<br>**4** Yithi: Ngiyazibuza...?<br>**5** Abafundi abaphoqelelekile ukuba baphendule umbuzo. |
| Isibonelo | **Ngiyabona** ukuthi uSizwe wamhleka uJoe uma engenela umjaho. **Ngizibuza** ukuthi ingabe lokhu kwamthukuthelisa yini uJoe? |
| **Isu 6: Ukwenza uxhumaniso** | |
| Incazelo | Ngesikhathi abafundi benza uxhumaniso, baqhathanisa izindaba nezimpilo zabo (umbhalo noqobo lwakho) noma nomunye umbhalo (umbhalo nombhalo), noma nento ethile nje esezweni (umbhalo nokusezweni). |
| *Injongo* | *Ukwenza uxhumaniso kusiza abafundi ukuba baqonde umbhalo ngokujulile ngokuwuxhumanisa nezinye izinto asebezazi kakade, noma abake bahlangabezana nako. Ukubonisa abafundi ukuba bangenza izinhlobo ezahlukene zokuxhumanisa: umbhalo komunye umbhalo, umbhalo noqobo lwakho, nempilo yabo, kanye nombhalo nezwe – nokunye ukwaziswa asebenakho kakade ngezwe.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo osekhasini.<br>**2** Buza abafundi umbuzo, njengokuthi: Kunini lapho wafisa khona ukunqoba okuthile, njengoJoe?<br>**3** Sebenzisa ukutshengisa ukunika impendulo elula, njengokuthi: Ngenkathi uJoe efisa ukunqoba umjaho, kungikhumbuze indlela engangithanda ngayo ukuncintisana nodadewethu esikoleni. Waye hlala njalo ethola amamaki aphezulu kuyo yonke into, abazali bami babeziqhenya. Ngangifisa baziqhenye nangami futhi. |
| Izibonelo | **1** Lokhu kukukhumbuza impilo yakho kanjani?<br>**2** Ngitshele ngesikhathi lapho kwenzeka khona into efana naloku kuwe.<br>**3** Uma wawunguJoe, ubuzokwenzani uma uSizwe ekuhleka?<br>**4** Ucabanga ukuthi uSizwe wazizwa kanjani ngesikhathi uJoe emehlula?<br>**5** Lokhu kukukhumbuza muphi omunye umlingisi? |
| **Isu 7: Ukwenza indlela yokuphetha** | |
| Incazelo | Ukwenza indlela yokuphetha kudinga ukuba usebenzise ulwazi onalo, nokufundile ukuze uqagele kahle okuthize endabeni. Yiloku okushiwo 'ukufunda phakathi kwemigqa'. Uma abafundi benza indlela yokuphetha, baqagela kahle ngokuthize okusendabeni. Kwesinye isikhathi umbhali akabhali yonke imininingwane yendaba. Umbhali ushiya ezinye izingxenye zendaba zingaphelelanga, ukuze ofundayo azitholele yena. |

| | |
|---|---|
| *Injongo* | *Abafundi kufanele bazitholele izingxenye zendaba ngokuzenzela uxhumaniso – Kufanele bafunde 'ukufunda phakathi kwemigqa'. Ukwenza lokhu, kufanele basebenzise okubhaliwe, kanye nalokho asebekwazi ukuze bazitholele lokho okungabhalwanga ngokucacile.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo osekhasini.<br>**2** Buza abafundi: Wazini ngalokhu? Uthini umbhalo?<br>**3** Buza abafundi: Yikuphi okunye esingakuqagela ngalokhu? Kukhona yini okunye umbhalo ongakusho?<br>**4** Buza abafundi: Kukhona yini okunye esingakuphetha mayelana nokuzivocavoca kukaJoe?<br>**5** Lalela futhi **uxoxe** ngezimpendulo zabafundi. Qiniseka ukuthi izimpendulo zabafundi zinomqondo.<br>**6** Uma abafundi behluleka, banike isibonelo sokwenza indlela yokuphetha. Sebenzisa uhlaka lomusho ukusiza: Ngenxa yokuthi ... ngicabanga ukuthi ... |
| Isibonelo | **Umbhalo:**<br>Umfowethu wafaka isicelo sokuya eNyuvesi. Ngafika ekhaya ngathola umfowethu ephethe incwadi futhi emamatheka. Umama wami wayekhala, ehleka futhi emanga.<br>**Ukwenza indlela yokuphetha:**<br>Ngokwesisekelo sokuthi umfowethu wafaka isicelo sokuya enyunivesi, nokuthi usephethe incwadi emenza abukeke ethokozile, ngiyaqagela ukuthi isicelo sakhe siphumelele. |
| **Isu 8: Ukwenza ukuhlola** | |
| Incazelo | Ngesikhathi sihlola umbhalo, sisuke senza isahlulelo ngesici esithile sombhalo. |
| *Injongo* | *Abafundi kufanele bafundiswe ukuthi ngaso sonke isikhathi benze ukuhlola ngalokho abakufundayo, futhi bakwazi ukusekela noma ukuba nesizathu sokuzihlola kwabo.* |
| Izinyathelo | **1** Funda umbhalo osekhasini.<br>**2** Buza abafundi imibuzo yokuzihlola, futhi ubacele basekele izimpendulo zabo. Isibonelo: Ucabanga ukuthi u X wenze into elungile? Kungani uthi noma ungathi?<br>**3** Lalela futhi **nixoxe** ngezimpendulo zabafundi. Qiniseka ukuthi izimpendulo zabafundi zinengqondo.<br>**4** Uma abafundi bathola ubunzima, yenza ukuzihlola kwakho njengesibonelo: **Ngicabanga** ukuthi uX wenze into elungile **ngoba** X |
| Isibonelo | **Eminye imibuzo yokuhlola iqala ngokuthi:**<br>**1** Ucabanga ukuthi ...<br>**2** Uvumelana nokuthi ...<br>**3** Ngokombono wakho ...<br>**4** Ingabe ukuthandile ukuthi ... |

Ngezansi kunencazelo yenqubo eyisisekelo yohlelo yesifundo ngasinye Sokufunda Ngokuhlanganyela: Ngaphambi Kokufunda, Ukufunda Kokuqala; Ukufunda Kwesibili; kanye Nangemuva Kokufunda. Funda lezi zincazelo ukuze uthole ukuqonda okucacile ngokuhamba kwesifundo ngasinye.

## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: NGAPHAMBI KOKUFUNDA

### ISU LOKUQONDISISA: UKUQAGELA

Ngaphambi kokufunda, sisuke sakha amakhono okuqondisisa ngokwenza abafundi ukuthi bacabange ngendaba ngaphambi kokuba ifundwe.

1. Tshela abafundi ukuthi namuhla bazobheka izithombe ezisendabeni, bese becabanga ngendaba.
2. Tshela abafundi ukuthi, ngesisekelo saloku abakubonayo, bazoqagela ukuthi indaba izoba mayelana nani. Lokhu kusho ukuthi bazosebenzisa izithombe ukuzama kanye nokuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
3. Chazela abafundi ukuthi bangacabangi ngesithombe esisodwa kuphela. Kufanele bacabange ngendlela izithombe ezihlobana ngayo nesinye. Kufanele baxhumanise zonke izithombe ukuze bazame ukuthola ukuthi indaba yonke imayelana nani.
4. Bonisa abafundi ikhava yendaba bese ufunda ngokuzwakalayo isihloko sendaba.
5. Buza abafundi: Nicabanga ukuthi yini ezokwenzeka kule ndaba?
6. Okulandelayo, bheka isithombe ngasinye endabeni, futhi njengoba ubheka, buza abafundi:
   - **a** Yini oyibonayo kulesi sithombe?
   - **b** Ucabanga ukuthi yini ezokwenzeka lapha?
   - **c** Ucabanga ukuthi kungenzeka kwenzekeni ngokulandelayo?
7. Uma abafundi bekhohlwa ukuxhumanisa izithombe ezahlukene, bakhuthaze ukukweza. Isibonelo: ‘Uyakhumbula ukuthi umfana ubenzani esithombeni esedlule? Wenzani manje? Ucabanga ukuthi yini eyenzekayo?’
8. Uma ufika esithombeni sokugcina, buza abafundi: Ucabanga ukuthi le ndaba izophela kanjani (uma kufanelekile)?
9. Bonga abafundi ngokuqagela kwabo.
10. Uma unesikhathi, funda indaba yonke kanye ngaphandle kokuma.

## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: UKUFUNDA KOKUQALA

### ISU LOKUQONDISISA: ISU OKUFANELE LISETSHENZISWE ELISHIWO OHLELWENI LWESIFUNDO.

Ekufundeni Kokuqala, siqala ukwakha amakhono okuqondisisa ngokufunda bese sichazela abafundi indaba. Siyalingisa futhi ukuthi ucabanga kanjani ngendaba. Ngaphambi kokufunda, tshela ikilasi ukuthi yini ozoyenza. Yisho lokhu: ‘*Bafundi, sekuyisikhathi soKufunda Ngokuhlanganyela. Khumbulani, noma nini uma sifunda noma silalela*

*indaba, kubalulekile ukuba uhlale ucabanga ngendaba. Namuhla, ngizonikhombisa ukuthi ngicabanga kanjani ngendaba. Ngizokwenza lokhu ngo (isibonelo) kwenza isithombe engqondweni salokho okwenzeka endabeni. Loku kusho ukuthi ngenkathi ngifunda, ngizokwenza ibhayisikobho ngendaba engqondweni yami.'*

1. Funda ikhasi ngalinye lendaba ngokugeleza nangokucacile. Njengoba ufunda, sebenzisa ukushukuma komzimba, iminyakazo nesimo sobuso, bese ushintsha nephimbo (umuzwa) ukubonisa okushiwoyo.
2. Lapho kudingeka khona, yima uchazele abafundi igama noma ibinzana lamagama.
3. Ngaso leso sikhathi, ngesikhathi soKufunda Kokuqala, sigxila futhi ekulingiseni nasekufundiseni abafundi isu lokuqondisisa.
4. Ekugcineni kwekhasi ngalinye uzobona amablokhi amabili anemibala, abhalwe Ukufunda Kokuqala nelithi Ukufunda Kwesibili.
5. Uma usufundele abafundi ikhasi lonke, yima isikhashana futhi ubonise ukuthi uyacabanga ngokusho loko okusemablokhini. Ngokwenza loku, ulingisa indlela *yokucabanga ngendaba*. Kubalulekile ukuba uqonde loko okushoyo – uma kungazwakali kahle kuwe, angeke kuzwakale kahle nakubafundi.
6. Ekhasini lokugcina lendaba, kunemibuzo embalwa emablokhini Okufunda Kokuqala kanye Nokwesibili.
7. Cela abafundi abahlukene baphendule imibuzo.
8. Bonisa abafundi ukuthi umbuzo ungaba nezimpendulo ezingaphezu kweyodwa ezilungile, nokuthi abafundi bangaba nemibono eyehlukile.

## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: UKUFUNDA KWESIBILI

### ISU LOKUQONDISISA: ISU OKUFANELE LISETSHENZISWE ELISHIWO OHLELWENI LWESIFUNDO.

*Ukufundeni Kwesibili, siqhubeka nokwakha amakhono okuqondisisa ngokufundela abafundi indaba, nokulingisa indlela yokucabanga ngendaba. Phinda futhi, utshele ikilasi ukuthi yini ozoyenza. Yisho lokhu: 'Bafundi, sekuyisikhathi soKufunda Ngokuhlanganyela. Khumbulani, noma nini uma sifunda noma silalela indaba, kubalulekile ukuba uhlale ucabanga ngendaba. Namuhla, ngizonikhombisa ukuthi ngicabanga kanjani ngendaba. Ngizokwenza lokhu ngo (isibonelo) kwenza isithombe engqondweni salokho okwenzeka endabeni. Loku kusho ukuthi ngenkathi ngifunda, ngizokwenza ibhayisikobho ngendaba engqondweni yami.'*

1. Okulandelayo, funda ikhasi ngalinye lendaba ngokugeleza nangokucacile. Njengoba ufunda, sebenzisa ukushukuma komzimba, iminyakazo nesimo sobuso, bese ushintsha nephimbo (umuzwa) ukubonisa okushiwoyo.
2. Ngaso leso sikhathi, ngesikhathi soKufunda Kwesibili, uzolingisa indlela yokucabanga ngendaba.
3. Ekugcineni kwekhasi ngalinye uzobona amablokhi amabili anemibala, abhalwe Ukufunda Kokuqala nelithi Ukufunda Kwesibili.

4 Uma usufundele abafundi ikhasi lonke, yima isikhashana futhi ubonise ukuthi uyacabanga ngokusho loko okusemablokhini ngoKufunda Kwesibili. Ngokwenza loku, ulingisa indlela *yokucabanga ngendaba*. Kubalulekile ukuba uqonde loko okushoyo – uma kungazwakali kahle kuwe, angeke kuzwakale kahle nakubafundi.
5 Ekhasini lokugcina lendaba, kunemibuzo embalwa emablokhini Okufunda Kokuqala kanye Nokwesibili.
6 Cela abafundi abahlukene baphendule imibuzo.
7 Ekugcineni, cela abafundi ukuthi bazakhele umbuzo omayelana nombhalo.
   a Cela abafundi ngokuzimela bacabange umbuzo owodwa abangawubuza ngombhalo.
   b Uma kudingeka, khumbuza abafundi ngamanye amagama emibuzo noma ibinzana ngamagama, ngokwesibonelo: ngubani; kuyini; nini; kuphi; kanjani; kungani; ngombono wakho; ucabanga ukuthi; uhla; njl,.
   c Tshela abafundi ukuthi bajike bese bayakhuluma futhi babelane ngemibuzo yabo omunye komunye.
   d Ngemva kwalokho, cela abafundi abambalwa ukuba bazokwabelana ngemibuzo yabo nekilasi lonke.
   e Nika abanye abafundi ithuba lokuphendula lena mibuzo.

## UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA: NGEMVA KOKUFUNDA

Inhloso yomsebenzi waNgemuva Kokufunda ukunika abafundi ithuba lokuhlanganisa ukuqonda kwabo indaba, nokuzilolongela ukusebenzisa ulimi olusha abalufundile.

**Ngemva Kokufunda, uzokwenza owodwa walemisebenzi emine:**
1 Fanekisa umbhalo
2 Lingisa indaba
3 Ukuzikhumbuza ngokukhuluma noma ngokubhala okusuka endabeni
4 Ukuqondisisa okubhaliwe

### FANEKISA UMBHALO

1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, nezincwadi zabo zokubhalela noma amaphepha angabhaliwe, amapensela noma amakhrayoni.
2 Tshela abafundi ukuthi bazokwakha isithombe somqondo ngokuthile okusembhalweni. Khumbuza abafundi ukuthi uma bakha isithombe somqondo ngokuthile, abacabange ngokuthi kubukeka kanjani, kunephunga elinjani, kuzwakala njani uma ukuthinta, nokuthi unjani umsindo wako. Bazokwakha futhi isithombe sokuthi bazizwa kanjani ngalomlingisi, isehlakalo noma into esembhalweni.
3 Cela abafundi ukuthi bavale amehlo bakhululeke. Bafundele umbhalo futhi.
4 Bese ucela abafundi ukuthi bavule amehlo abo, badwebe lokho abakubonile okusuka embhalweni. Abafundi bangafaka amalebula ukuchaza iphunga, ukunambitha, njl,.
5 Ngemva kwalokho, abafundi kufanele basebenzise isiqalo somusho ukuba babhale umusho noma emibili ngalokho abakubonile.

6 Okokugcina, vumela abafundi ukuba bajika bese bayakhuluma, futhi babelane ngemifanekiso yabo nabalingani babo.

## LINGISA INDABA


1. Hlalisa kahle abafundi kukhaphethe, noma endaweni ethulile ngaphandle.
2. Tshela abafundi ukuthi namuhla bazolingisa izingxenye zendaba abayifundile.
3. Bamba uphakamise incwadi enkulu. Funda ikhasi lokuqala.
4. Nika abafundi umyalelo wokuthi balingise ini. (esohlelweni lwesifundo)
5. Lingisa umyalelo kanye nabafundi.
6. Phinda ngekhasi ngalinye.
7. Qeqesha abafundi ukuba balandele izimpawu uma kufanele bathule futhi balalele uma ufunda ekhasini phakathi kokulingisa.

## UKUZIKHUMBUZA NGOKUKHULUMA NOMA NGOKUBHALA OSENDABENI

1. Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunaka futhi bakulalele.
2. Landela izinyathelo emiyelelweni yesifundo ukuzikhumbuza izingxenye zendaba nabafundi.
3. Okokuqala, uzolingisa ukukhumbula okuthile okusendabeni.
4. Okulandelayo, uzotshela abafundi ukuthi bacabange ngokuthile okusendabeni – bangathathi lokho okukhumbulwe nguwe.
5. Ngemva kwalokho, abafundi BAZOJIKA BESE BAYAKHULUMA futhi babelana ngalokho abakukhumbulayo nabalingani babo.
6. Okokugcina, uzobiza abafundi abambalwa bazokwabelana ngalokho bona abakukhumbulayo kanye nekilasi.
7. Uma kungukukhumbula okubhalwayo, abafundi bazodweba/bazobhala abakukhumbulayo ezincwadini zabo zokubhala.

## UKUQONDISISA OKUBHALWAYO

1. Ngaphambi kwesifundo, bhala isihloko sombhalo njengesihloko ebhodini.
2. Okulandelayo, bhala imibuzo yokuqondisisa ebhodini, kanye neziqalo zemisho yezimpendulo. (Lapho kudingeka khona)
3. Yalela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo zokubhala bese bebhala isihloko.
4. Tshela abafundi ukuthi namuhla, bazocabanga futhi babhale izimpendulo zale mibuzo.
5. Funda yonke imibuzo kanye nabafundi, bese uyachaza uma kudingeka.
6. Tshela abafundi ukuthi akudingeki babhale imibuzo, kuphela izimpendulo.
7. Hamba hamba usize abafundi abahlulekayo.
8. Emizuzwini emibili yokugcina, funda zonke izimpendulo kanye nabafundi, bavumele balungise umsebenzi wabo.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

***Inhloso:*** *Ukulalela umfundi ngamunye efunda yedwa ngokuzwakalayo, nokwakha amakhono obuchwepheshe bokufunda ngokucacile kanye namakhono okuqondisisa kumfundi ngamunye. Ukunika bonke abafundi ithuba lokuzilolongela amagama omsindo ofundwayo, amagama abonwa njalo kanye nemisho emifishane eguqukayo, ngaphambi kokuba benze imisebenzi yokubhala ngokuqondisisa okufushane ngokuzimela.*

Kubalulekile ukuthi ulalele bonke abafundi befunda ngamunye, okungenani kanye ngesonto.

**OKUFANELE UKWENZE NEKILASI LONKE:**

**1** Ngaphambi kokuthi uqale ukufunda ngamaqembu okulawulwayo neqembu, kufanele uqale ngokuhlalisa ikilasi lonke libe nezincwadi zokubhalela kanye neZincwadi Zokufunda.
**2** Qiniseka ukuthi izincwadi zokufunda zivikelekile, ngokusebenzisa amafayela noma izikhwama zepulasitiki.
**3** Qeqesha abafundi ngesimiso Sokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Kolimi Lwasekhaya ngendlela elandelayo:
- **a** Hlalisa kahle abafundi babe nezincwadi zabo zokufunda
- **b** Bachazele ngomsebenzi wokufunda wokuqala okufanele bawenze
- **c** Biza iqembu ukuba lizokufundela
- **d** Uma usulalele umfundi ngamunye eqenjini, phindisela iqembu ezihlalweni zabo
- **e** Yalela abafundi ukuthi benze umsebenzi woshintsho, njengokuthi: Uthisha Uthi Umcimbi wokudansa; Yaluza, yaluza, yaluza, yima uthule du; noma Isihlalo sami nami.
  - *Qaphela: Imizuzu engama 30 isikhathi eside kubafundi abasesabancane ukuthi bangahlala behlezi ngokuthula bebodwa. Ngenxa yalesi sizathu, kubalulekile ukwenza umsebenzi woshintsho ukunika abafundi ithuba lokuba bathathe ikhefu benze okuzobajabulisa futhi kushukumise umzimba.*
- **f** Phinda uhlalise abafundi nezincwadi zabo zokufunda
- **g** Chaza ukuthi umsebenzi wokufunda olandelayo kufanele uqedwe
- **h** Biza elinye iqembu ukuthi lizokufundela

**4** Kuwumbono omuhle ukuhlalisa umfundi obuthakathaka eduze komfundi oqinile, ukuze kuthi uma abafundi befunda izincwadi zokufunda, bakwazi ukusizana.

**UHLAKA LWEZINCWADI ZOKUFUNDA:**

**1** Isonto ngalinye linemisebenzi eyi-10 yokufunda. Kunamaseshini ayi-10 okufunda ngamaqembu okulawulwayo isonto ngalinye. Kodwa, iqembu ngalinye lithola ithuba lokusebenza nothisha kanye ngesonto. Lokhu kusho ukuthi bonke abafundi bazoqeda umsebenzi Wokufunda phakathi neseshini ye – 9.
**2** **Izithombe zikhumbuza abafundi ngokufanele bakwenze osukwini ngalunye:**
- **a** Umlomo ukhumbuza abafundi ukuthi baphimise imisindo.

- **b** Iso likhumbuza abafundi ukuthi bafunde lawa magama ngokuwabuka.
- **c** Ingane eyodwa ikhumbuza abafundi ukuthi bazifundele ngayedwana.
- **d** Izingane ezimbili zikhumbuza abafundi ukuthi bafunda nomlingani.
- **e** Isandla esibambe ipeni sikhumbuza abafundi ukuthi badwebe noma babhale.

**3** Uhla oluyinhloko lwamagama emisindo yonke kanye nolwamagama esiwabona njalo afundisiwe luyalondolozwa. Izindaba ezintsha zihlelwe ngendlela ngokusetshenziswa imisindo namagama esiwabona njalo esonto, kanye nokufaka imisindo namagama esiwabona njalo afundiswe ngenkathi edlule. Lokhu kusho ukuthi abafundi ngeke bahlangabezane namagama amasha abangakaze bawabone ezincwadini zokufunda.

## UKWABELA AMAQEMBU NOKUKHETHWA KOMBHALO WOKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO:

**1** Emasontweni amabili okuqala esikole, lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa.
**2** Sebenzisa irubhrikhi engezansi ukuhlukanisa abafundi ngamakhono abo.
**3** Yabela abafundi emaqenjini ekhono elifanayo.
**4** Kulolu hlelo, kunamathuba ayi – 10 ngesonto okulalela ukufunda. Lokhu kusho ukuthi kuzokwakhiwa amaqembu ayi-10. Uma uzokwakha amaqembu angaphansi kwayi – 10, ungasebenzisa isikhathi samathuba asele ngokusiza abafundi abadinga usizo.
**5** Kusithungathi sakho uzothola ifomu lokugcwalisa amagama abafundi eqenjini ngalinye, kanye nethebula elizokuvumela ukuthi ukwazi ukulandela okufundwe iqembu ngalinye.
**6** **Siza uqaphele**: le rubhrikhi ihlukanisa abafundi ngokusekelwe kubuchwepheshe bamakhono abo okufunda.
**7** Uma kukhona abafundi abaningi ezingeni elifanayo, kungafaneleka ukuba usebenzise ukufundwa ngokuqondisisa njengendlela eyengeziwe yokwehlukanisa iqembu ukuya phambili.
**8** **Ekilasini elinabafundi abangama – 40, kungenzeka ukuthi:**

- Kungabikho iqembu eligcwele elisezingeni 1, kube nabafundi abambalwa
- Iqembu 1 elisezingeni 2
- Amaqembu 2 noma 3 asezingeni 3
- Amaqembu 2 noma 3 asezingeni 4
- Iqembu 1 noma 2 elisezingeni 5

| Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 1 | Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 2 | Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 3 | Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 4 | Ngicabanga ukuthi lo mfundi ufunda: Ezingeni 5 |
|---|---|---|---|---|
| • Lo mfundi akawazi amagama noma wazi amagama ambalwa.<br>• Lo mfundi kubonakala sengathi akakwazi ukubona ubudlelwano bezinhlamvu nemisindo. | • Lo mfundi wazi nje amagama ambalwa ajwayelekile.<br>• Lo mfundi kubonakala sengathi akakwazi ukubona ubudlelwano bezinhlamvu nemisindo. NOMA lo mfundi udinga usizo oluningi ukufunda amagama angakaze awabone ngaphambili. | • Lo mfundi wazi amagama amaningi ajwayelekile.<br>• Lo mfundi udinga usizo lokuqonda amagama angakaze awabone ngaphambili. | • Lo mfundi wazi amagama amaningi ajwayelekile. futhi ungakwazi ukuqonda amagama amaningi angakaze awabone ngaphambili.<br>• Lo mfundi udinga usizo kancane lokuqonda amagama amaningi alukhuni.<br>• Lo mfundi ufunda ngokugeleza okuthile. | • Lo mfundi wazi amagama amaningi ajwayelekile.<br>• Lo mfundi angaqonda amagama amaningi angakaze awabone ngaphambili.<br>• Lo mfundi ufunda ngokugeleza nangokuboni-sa imizwa.<br>• Lo mfundi ungomunye wabafundi abafunda kahle kakhulu ekilasini. |

## OKUMELWE KWENZIWE IQEMBU NGALINYE NGESIKHATHI SOKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO:

**1** Biza iqembu ukuba lizokufundela.
- **a** Qiniseka ukuthi banombhalo ofanele bonke.
- **b** Hlalisa iqembu lenze indilinga.
- **c** Khumbuza abafundi ngamagama esiwabona njalo abawafundile angesonto. Khombisa iqembu amafleshi-khadi alawa magama futhi bazilolongele ukuwafunda.
- **d** Okulandelayo, nika abafundi imizuzu embalwa yokuthi bafunde ingxenye yombhalo ngokuzimela nangokuthula.
- **e** Ngemva kwalokho, tshela umfundi ngamunye ukuthi azifundele ngokuphimisela ingxenye yombhalo ngokuzimela.

**2** Ngesikhathi sokufunda ngamaqembu okulawulwayo, kubalulekile ukukhumbula lokhu:
- **a** **Khomba amagama esiwabona njalo**. Khumbuza abafundi ukuthi kunamanye amagama avela njalo, nokuthi kufanele sikwazi ukuwafunda ngokuwabuka.
- **b** **Yakha amakhono okuqonda**. uma umfundi engakwazi ukufunda igama, ungamane usize umfundi ngaso leso sikhathi. Okungenani, gqugquzela umfundi ukuthi aphimise imisindo yegama, bese ehlanganisa imisindo ukuze akhe igama.

- **c** **Ncoma bese ugqugquzele abafundi.** Yenza ukuthi ukufunda ngamaqembu okulawulwayo kube okuhlangenwe nakho okwakhayo kubafundi futhi usebenzise lesi sikhathi ukuzama ukwakha ukuzethemba kubafundi.
- **d** **Yakha ukufunda ngokugeleza.** Siza abafundi ukuthi bathuthukise ukufunda ngokugeleza. Tshela abafundi ukuthi ukufunda kwabo kufanele kuzwakale sengathi bayakhuluma. Lingisela abafundi ngokufunda ngokugeleza bese ubavumele ukuthi baphinde emuva kwakho.
- **e** **Yakha ukufunda ngokuqondisisa.** Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngalokhu abakufundayo ngaso sonke isikhathi. Fundisa abafundi ukuthi bathathe ikhefu, babuyele emuva baphinde bafunde lokhu abakufundile uma kwenzeka belahlekelwa incazelo. Fundisa abafundi ukuthi bakhe isithombe ngenkathi befunda – ukuthi benze ibhayisikobho yalokhu abakufundayo emakhanda abo. Fundisa abafundi ukuthi bazame ukukhumbula abakufundile. Phinda ugqugquzele abafundi ukuthi babuze uma kukhona abangakuqondi.

### UKUNAKEKELA IZINCWADI ZOKUFUNDA:

1. Kungumbono omuhle ukubeka izincwadi zokufunda phakathi kwamafayela noma ezikhwameni zamapulasitiki uma abafundi bezisebenzisa.
2. Nakekela lezi zincwadi zokufunda ngokucophelela futhi uzigcine kahle uma sezisetshenzisiwe.
3. Kufanele uphinde ukwazi ukusebenzisa izincwadi zokufunda iminyaka eminingi, ngoba abafundi ababhaleli kuzo. Kunalokho, babhalela ezincwadini zabo zokubhalela.

## OKUNYE OKUNGENZIWA EKUFUNDENI NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO

Khumbula ukuthi isizathu Sokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo ukulalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa, ukuze kwazeke ukusiza izingane zakhe ubuchwepheshe bamakhono okufunda. Uma ungenayo indawo eyanele ekilasini lakho yokwenza lokhu, noma uthola kunzima ukulawula ukuziphatha kwekilasi ngenkathi ulalele iqembu lifunda, kukhona enye indlela.

Ngesikhathi Sokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo, hlalisa bonke abafundi emadeskini abo nezincwadi zokufunda. Ngemva kwalokho, yenza okulandelayo:

1. Chaza umsebenzi wokufunda kokuqala okufanele bakwenze.
2. Ngemva kwalokho, bizela etafuleni lakho umfundi ngamunye ukuthi azokufundela ngokuzwakalayo.
3. Lalela umfundi ngamunye efunda ezingeni lombhalo ofanele.
4. Yakha ikhono lobuchwepheshe lokufunda.
5. Emuva kwemizuzu eyi-15, yalela abafundi ukuthi benze umsebenzi woshintsho.
6. Ngemva kwalokho, phinda uhlalise kahle abafundi ezihlalweni zabo nezincwadi zabo zokufunda.
7. Chaza umsebenzi olandelayo okufanele bawenze.

**8** Qhubeka nokubizela etafuleni lakho umfundi ngamunye ukuthi azokufundela ngokuzwakalayo.

Uma unquma ukusebenzisa lena indlela yokulalela ukufunda, kufanele uqiniseke ukuthi ulalela wonke umfundi okungenani kanye ngesonto.

## Inqubo Yokubhala

***Inhloso:*** *Ukufundisa abafundi inqubo yokubhala ukuveza imicabango ephuma kubo ngokuyibhala ngokuhlelekile bethola ukusekelwa. Ukubonisa abafundi ukuthi ukusebenza ngokulandela inqubo yokubhala okuhlelekile kubanika ithuba lokushintsha, babhale kangcono nokuthuthukisa imicabango yabo, kunokuthi bavele 'bafike esiphethweni salokhu abakubhalayo ngomzamo wokuqala'.*

Uhlelo lokulungiselela ukubhala lubandakanya ukuhlela, ukwenza umbhalo osalungiswa, ukulungisa umbhalo, ukushicilelwa nokwethulwa kombhalo. Lezi zingxenye ezine zenqubo yokubhala ziqala ukufundiswa kumabanga aphansi omathathu, njengoba abafundi baya ngokuya beqhubeka bephumelela ukukhuphuleni izinga lokubhala.

### HLELA UKUBHALA

**1** Kulolu hlelo, ukuhlela kugxile kakhulu ekufundiseni abafundi indlela yokuhlela besebenzisa:
   **a** Uhla lwamagama
   **b** Ibalazwe lomqondo
**2** Ngaphambi kokuthi abafundi baqale ukuhlela kwabo, kufanele ubatshengise kuqala, ukuze bazi kahle ukuthi kulindeleke ukuthi benzeni. Uhlelo lwesifundo luyakuqondisa ekwenzeni lokhu.
**3** Chazela abafundi ukuthi uhlala njalo UCABANGA ngalokhu ozokubhala. Kufanele ubachazele imicabango yakho ngokuzwakalayo, ukuze abafundi bezwe.
**4** Sebenzisa isibonelo sokuhlela ukuze wakhe olwakho uhlaka lokubhala.
**5** Okulandelayo, nikeza abafundi imizuzu embalwa yokucabanga ngalokho abazokubhala.
**6** Nikeza abafundi ithuba lokujika bese bayakhuluma, futhi bacobelelane imibono nozakwabo.
**7** Okokugcina, qondisa futhi usekele abafundi njengoba besebenzisa isibonelo sokuhlela ukuba benze okwabo ukuhlela.

### UKWENZA UMBHALO OSALUNGISWA

**1** Ngaphambi kokuthi isifundo siqale, phinda ubhale ebhodini uhlaka lokuhlela ukubhala olwenziwe esifundweni sangoMsombuluko. Bhala isibonelo sohlaka lokubhala ebhodini.

2 Okulandelayo, chaza kafushane bese utshengisa abafundi ukuthi bazolusebenzisa kanjani uhlaka lwabo ukuze bakhe umbhalo wabo osalungiswa.
3 Bonisa abafundi isibonelo sokubhala uhlaka oluzobasiza ukwenza lokhu.
4 Ngesikhathi abafundi beqedela umbhalo osalungiswa, yibe ulokhu uhambahamba ekilasini futhi usekele abafundi abadinga usizo

### UKULUNGISA UMBHALO

1. Bhala ebhodini uhla lwezinto ezibhekwayo ezithathelwe ohlelweni lwesifundo.
2. Funda konke futhi uchazele abafundi uhla lwalokhu okuhlolwayo.
3. Ungase ufise ukukhombisa abafundi ukuthi alungiswa kanjani amaphutha ajwayelekile.
4. Nikeza abafundi ithuba lokwenza ushintsho nokulungisa imibhalo yabo besebenzisa uhla lwezinto ezibhekwayo.

### UKUSHICILELA NOKWETHULA UMBHALO

1. Nika abafundi umyalelo wokuphinda babhale ngobunono imibhalo yabo yokugcina.
2. Nikeza abafundi ithuba lokushintshanisa ngezincwadi bafundelane omunye nomunye imibhalo yabo.
3. Nikeza abafundi abahlukene ithuba lokwabelana ngombhalo wabo ngokuwufundela ikilasi lonke.
4. Cela abanye abafundi ukuthi baphinde babhale imisebenzi yabo ephepheni elisha bese bedweba imifanekiso, baphinde bayisayine. Beka lona mbhalo odongeni lwekilasi
5. Qoqa izincwadi zabafundi. Ulindeleke ukuba umake imisebenzi yemibhalo emi-2 ngaphansi kohlelo lokuhlola oluhlelekile ngethemu usebenzise irubrikhi oyinikeziwe. Kepha ke, uyanxuswa ukuba ufunde bese uphawula ngombhalo wokugcina womfundi ngawo wonke umjikelezo.
6. Siyaphinda, ukuzethemba kuyingxenye ebalulekile kakhulu ekukhuliseni amazinga olwazi lokubhala.

## Amasu Okubhala

***Inhloso:*** *Ukuhlomisa abafundi ngamacebo ambalwa okubhala besebenza ngohlaka olubalekelela ukuguqula imicabango yabo ibe umbhalo ongokoqobo.*

1. Landela izihlelo zesifundo ukwenza umsebenzi wesonto ngalinye.
2. Ezinhlelweni zesifundo, uzoqaphela ukuthi kulandelwa ngaso sonke isikhathi isimiso esifanayo. Lokhu kusiza abafundi, ukuze bazi okulindelekile ezifundweni zokubhala.
3. Uzoqaphela futhi ukuthi amacebo ahlukile afundiswa kancane kancane ukuze abafundi bakwazi ukufinyelela ezingeni eliyimpumelelo lokubhala uhlaka lwemisho.
4. Inhloso ukuthi abafundi ekugcineni basebenzise lawa masu ngokuzenzakalelayo.
5. Lawa masu asiza abafundi ukuthi bazethembe ngemibhalo yabo ngokubabonisa uchungechunge lwezinyathelo zokulandelwa ngesikhathi bebhala.

**ISU 1: UTHISHA UTSHENGISA INDLELA YOKUBHALA KUQALA**

- **a** Uthisha uqala ngokubonisa umsebenzi ekilasini (ubonisa okulindelekile ukuthi abafundi kufanele bakwenze kanjani)
- **b** Ngokubukela uthisha, abafundi baba nombono ocacile ngokulindeleke kubo ngesikhathi benza umsebenzi.

**ISU 2: ABABHALI BAYACABANGA NGAPHAMBI KOKUTHI BABHALE**

- **a** Ukubhala kuyisenzo sokuveza imicabango ephepheni.
- **b** Lokhu kusho ukuthi ababhali kufanele baqale ngokucabanga bese benquma ukuthi yini abazobhala ngayo ngaphambi kokuthi babhale.
- **c** Lokhu futhi kusho ukuthi azikho 'izimpendulo' eziyiphutha nezingelona iphutha uma bebhala – bonke ababhali banemicabango yabo ababhala ngayo.
- **d** Njalo yakha isikhathi sokuba abafundi bacabange ngalokho abafuna ukukubhala.

**ISU 3: ABABHALI BADWEBELA UMUGQA WEGAMA NGALINYE**

- **a** Abafundi bayacabanga ngomusho abafuna ukuwubhala, futhi bawusho ngokuzwakalayo.
- **b** Bayabala ukuthi mangaki amagama emshweni, bese bedweba umugqa omele igama ngalinye.
- **c** Imigqa kufanele idwetshwe kusukela ngakwesobunxele kuye kwesokudla nokusuka phezulu ekhasini kuye phansi.
- **d** Imigqa kufanele icishe ilingane nobude bamagama.
- **e** Izikhala kufanele zishiywe phakathi kwamagama.
- **f** Ekugcineni komusho, umfundi afake ungqi.
- **g** Uma sekunemigqa, abafundi bagcwalisa amagama abawaziyo, noma kufanele bazame ukuqala ukubhala uhlamvu lokuqala lwegama ngaphambi kokucela usizo.
- **h** Lokhu kunikeza abafundi indlela yokubhala, eyakha ukuzethemba. Ngisho nabafundi abanobunzima bangaqala inqubo yokubhala ngale ndlela.

**ISU 4: ABAFUNDI BASEBENZISA IZINSIZA-KUFUNDA UKUBHALA AMAGAMA**

- **a** Fundisa abafundi ukuthi bangaqali ngokucela usizo lwamagama abangawazi. Kufanele baqale ngokusebenzisa ezinye izinsiza-kufunda ukuthola ukuthi libhalwa kanjani igama elingaziwa. Ngokwesibonelo:
- **b** Amagama asodongeni lwamagama
- **c** Ezinye izincwadi
- **d** Uhla lwesipelingi
- **e** Bangabuza ngisho nozakwabo ekilasini.

**ISU 5: ABABHALI BASEBENZISA ABAKUKHUMBULAYO UKUBHALA AMAGAMA**

**a** Abafundi kufanele bazame ukukhumbula amagama abawafundile, futhi babhale lawa magama ngokuzikhumbulela bona.

**ISU 6: ABABHALI BASHO AMAGAMA NGOKUNENSA NJENGOFUDU**

**a** Fundisa abafundi ukusho amagama abangawazi ngokunensa okukhulu ukuze bakwazi ukuzwa imisindo yawo ehlukile. (ukuhlukanisa uhlamvu nohlamvu)
**b** Okulandelayo, fundisa abafundi ukubhala umsindo ngamunye abakwazi ukuwuzwa. (Bangase bangakwazi ukupela igama ngendlela efanele, kodwa lokhu kungaba isinyathelo sokuqala ukubhala amagama abangawazi. Ngokwesibonelo**,** **zi** lingabhalwa kanje noma **z.** Uthisha angakhela kulokhu bese ebonisa umbhali isipelingi esifanele.
**c** Zama ukufunda imibhalo yemisindo yabafundi, bese ubancoma ngokusebenzisa ulwazi lwabo lwemisindo.

**ISU 7: ABABHALI BAFUNDA LOKHU ABAKUBHALAYO**

**a** Abafundi bazifundela imisho yabo kuzwakale noma bafundele ozakwabo. Ukufunda umbhalo womunye ekilasini kwenza inqubo yokubhala ibe nomqondo kakhulu.
**b** Njengoba benza lokhu, bahlola ukuthi awekho yini amagama abawashiye ngephutha.
**c** Baphinde bahlole ukuthi ukusetshenziswa kolimi kubhalwe ngendlela elungile yini.
**d** Okubaluleke kunako konke, kwenze konke lokhu ukuze abafundi bayijabule indlela ehlelekile yokubhala, baphinde baziqhenye ngalokho abakubhalile.

**ISU 8: ABABHALI BAYAJIKA BESE BAYAKHULUMA**

**a** Ezikhathini ezahlukene zesifundo, abafundi bangashintshana nozakwabo, futhi banikezane ithuba lokuthi nomunye akhulume.
**b** Lokhu kungenziwa ukuze babonisane ukuthi ingabe bazobhala ngani, bafundelane abakubhalile, baxoxele abanye ngezithombe zabo, noma bahlole ukuthi ingabe bayakuqonda yini okulindele ukuthi bakwenze.
**c** Fundisa abafundi ukubhekana bakhulume behlise amaphimbo abo uma bekhuluma bebhekene.

**ISU 9: UKUBAMBA IZINGXOXO EZINCANE**

**a** Leli cebo liwusizo kakhulu kubafundi uma bebhala.
**b** Hambahamba egumbini, futhi uthi ukuma uma ubona umfundi exakekile noma edinga usizo.
**c** Bamba izingxoxo ezincane nalowo mfundi.
**d** Khuluma ngomsebenzi womfundi, lalela umfundi, bese usiza umfundi uma kunesidingo.
**e** Khumbula ukuzama nokunika bonke abafundi ukunakwa ngokomuntu ngamunye, futhi uncome imizamo kanye nentuthuko yabo.

## Ukulungiselela Ikilasi

1. Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2. Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3. Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4. Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: amaphazili, izimfumbe, izihloko ezimayelana nezinkinga zezwe (njengokushintsha kwesimo sezulu) kanye nezihloko ezimayelana nabantu abaxazulula izinkinga emiphakathini yakubo.
5. Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: abantu abaxazulula izinkinga emiphakathini yakubo eNingizimu Afrika noma emhlabeni wonke.
6. Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7. Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 60 – 61, Masifunde

**Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 62 – 63, Masibhale

**Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 64, Masifunde

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngenkinga oyixazululile.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

**YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)**

1 Khombisa abafundi ikhava engaphambili endabeni eseNcwadini Enkulu: Ikilasi elonakalisiwe
2 Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Uxazulula izinkinga
3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   a Yini inkinga?
   b Yiziphi izinkinga ezivamile ezikhona ezimpilweni zethu?
   c Yiziphi ezinye zezindlela zokuxazulula izinkinga?

**ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO**

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - inkinga
   - xazulula
   - lungisa
   - yonakalisa

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Nginenkinga, nginenkinga | *Zikhombe wena bese ukhomba umngane wakho* |
| Nawe unayo, nawe unayo | *beka umunwe ekhanda lakho sengathi uyacabanga* |
| Masicabange ngayo | *Khomba isihlakala sakho, sengathi ufake iwashi* |
| Sithole isixazululo | *Khomba emuva kwakho* |
| Sithokoze sonke, sithokoze sonke | *Khombisa ubuso obumoyizelayo* |

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1. Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2. Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **unana**
   b **nami**
   c **duda**
   d **cela**
   e **fola**
   f **lala**
   g **dela**
   h **guga**
   i **hola**
   j **jabula**
3. Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4. Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5. Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ______________________________________________

Amagama: ______________________________________________

______________________________________________

Umusho: ______________________________________________

______________________________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

## Ngaphambi Kokufunda

### ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

1. Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2. Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: <u>Ikilasi elonakalisiwe</u>
3. Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4. Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
5. Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6. Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala: Imizuzu engama-30

### Hlela Bese Wenza Ubhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala ngesikhathi owaxazulula ngaso inkinga.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho

**ISU LOKUHLELA:** Bhala uhlu

#### YETHULA ISIHLOKO OKUZOBHALWA NGASO.

1. Bonisa abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
2. Khuluma, uchaze imibono yakho ngendaba yakho, njengokuthi:
   Ngake ngacasuka kakhulu ngesikhathi udadewethu ethatha ijezi lami! Ngizobhala ngaleyo nkinga, kanye nendlela engayixazulula ngayo. Ngamthethisa ukuze ngixazulule inkinga – kodwa ngicabanga ukuthi ngabe ngasebenzisa indlela eyehlukile kunokuba ngimthethise.

#### TSHENGISA ISU LOKUHLELA (NGIYENZA)

1. Dweba uhlaka lwebalazwe lomqondo ngakolunye uhlangothi lwebhodi.
2. Bonisa abafundi indlela yokwenza ibalazwe lomqondo ngokuphendula imibuzo.
3. Qedela ibalazwe lomqondo ngakolunye uhlangothi lwebhodi.

| Imibuzo Yokuhlela | Hlela |
|---|---|
| **Isigaba 1**<br>**1** Yini eyayikade iyinkinga?<br>**2** Wazizwa kanjani ngenkinga?<br>**Isigaba 2**<br>**1** Wayixazulula kanjani inkinga?<br>**2** Ingabe isixazululo sakho sasebenza? Kungani kunjalo noma kungani kungenjalo?<br>**3** Yini owayifunda ngalokho?<br>**4** Ingabe ikhona enye indlela ehlukile obungenza ngayo esikhathini esizayo? | **Isigaba 1**<br>**1** Udadewethu wathatha ijezi lami engacelile.<br>**2** Ngacasuka kakhulu. Ngazizwa sengathi ulitshontshile.<br>**Isigaba 2**<br>**1** Ngathethisa udadewethu.<br>**2** Kwasebenza – walibuyisa ijezi lami.<br>**3** Ukuthetha kwangenza ngazizwa kabi. Ngazizwa kabi ngemva kwalokho.<br>**4** Esikhathini esilandelayo ngiyozama ukucela ngomusa kunokuba ngithethe. |

#### ABAFUNDI BASEBENZISA ISU LOKUHLELA (BAYENZA)

1. Tshela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngesikhathi abake baba nenkinga ngaso– kanye nalokho abakwenza ukuze baxazulule inkinga.
2. Okulandelayo, tshela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** kanye nozakwabo, ukuze baxoxe ngezindaba zabo.

3 Bonisa abafundi uhlaka lwebalazwe lomqondo elisebhodini bese ubatshela ukuba basebenzise lolu hlaka ukuhlela umbhalo wabo, njengoba wenzile.

4 Banike izincwadi zokubhalela.

5 Tshela abafundi ukuthi ababhale imibono okungeyabo –**hhayi** ukuba bakopishe ukuhlela kwakho.


6 Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi bese ubamba izingxoxo ezincane.

Isigaba 1

1. Ngilahlekelwe ipensela lami.
2. Bengicasukile ngoba yilona englithanda kakhulu.

Isigaba 2

1. Ngitshele uthisha wami ukuthi libukeka kanjani.
2. Kwangisebenzela – Uthisha wami wacela bonke abafundi ukuthi bangisize ukulicinga!
3. Kufanele nginakekele izinto zami.
4. Ngokuzayo ngizokwenza isiqiniseko sokuthi angilahlekelwa yilutho futhi.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30



**AMAQEMBU:** ______________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 1**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1. Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/k/**
2. Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3. Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/k/**?
4. Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **suka, ikati, ikamu**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1. Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **ikati, isikelo, sika, suka, ikamu**
2. Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3. Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4. Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ imisindo/ amagama/ nemisho emisha

1. Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Kk**
2. Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3. Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4. Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5. Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15


### Ukufunda Kokuqala

**AMASU OKUQONDISISA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO**

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Ikilasi elonakalisiwe**<br><br>NgoLwesihlanu, kwakuyithuba likaZweli lokukhombisa abanye abafundi indaba yakhe.<br><br>'Yimina lona, ngisiza umama wami engadini,' kusho uZweli ekhomba umdwebo wakhe. Wayesefunda umusho wakhe.<br><br>'Usebenze kahle!' kwasho uMnu. Maboya. | -- |
| Kwakhala insimbi. UMnu. Maboya wabuza, 'Ngicela ukuphanyeka umsebenzi wakho odongeni?'<br><br>'Kulungile!' kusho uZweli ngokwenama. UMnu. Maboya waphanyeka umsebenzi kaZweli maphakathi nodonga, lapho uzobonwa khona yiwo wonke umuntu ngoMsombuluko ekuseni. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani uMnu. Maboya aphanyeka umsebenzi kaZweli odongeni? Ngicabanga ukuthi yingoba wayejabulele indaba kaZweli. |
| Kusihlwa ngalobo busuku, uZweli wahlala nomama kanye nodadewabo omncane.<br><br>'Bekunjani esikoleni?' kubuza umama wakhe.<br><br>'Bekumnandi!' kwasho uZweli. 'Ngifundele ikilasi indaba yami, uMnu. Maboya wayeseyiphanyeka odongeni!' | -- |
| UZweli wayecabanga ngendaba yakhe esodongeni impelasonto yonke. Wayefisa sengathi uMsombuluko ungafika, lapho bonke abantwana bezobona indaba yakhe esodongeni. | **Ngiyazibuza** ukuthi abanye abantwana bazothini uma bebona indaba kaZweli odongeni? |
| Kodwa, ngenkathi izingane ziya ekilasini lazo ngoMsombuluko ekuseni, lalibukeka kabi!<br><br>UZweli wabheka indaba yakhe odongeni, kodwa yayingasekho.<br><br>UMnu. Maboya wama phambi kwekilasi. Wabukeka engeneme ngempela.<br><br>'Bafundi,' kusho uMnu. Maboya, 'ngoMgqibelo, ikwaya belisebenzisa ikilasi lethu. Kubonakala sengathi kukhona osuse umsebenzi wenu odongeni futhi wawonakalisa. Ngizizwa ngidumele ngalokhu, futhi ngiyaqiniseka ukuthi nani futhi. Ngiyaxolisa kakhulu.' | UZweli wabantu! Indaba yakhe ayisekho! **Ngiyazibuza** ukuthi uzoyixazulula kanjani le nkinga? |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Kusihlwa ngalobo busuku, uZweli wahlala nomama kanye nodadewabo omncane.<br>'Bekunjani esikoleni?' kubuza umama wakhe.<br>'Bekungemnandi!' kwaphendula uZweli. 'Indaba yami ayisekho odongeni. UMnu. Maboya uthi bekukhona ikwaya ekilasini lethu ngoMgqibelo. Kukhona othathe wonke umsebenzi wethu omuhle odongeni wawonakalisa.'<br>'U-Anti Helen ungumphathi wekwaya,' kusho umama. 'Ngizomshayela ucingo emuva kwesidlo sakusihlwa.' | Bheka isithombe – umama kaZweli ubukeka edabukile uma ezwa ngosuku lukaZweli! **Ngiyazibuza** ukuthi kukhona yini angamsiza ngakho? |
| Emuva kwesidlo sakusihlwa, umama kaZweli washayela u-Anti Helen ucingo.<br>'Ikwaya belisekilasini likaZweli ngoMgqibelo, kwaba khona okhipha konke okwakusodongeni,' uZweli wezwa umama wakhe esho. 'UZweli uphatheke kabi kakhulu. Ubebhale indaba eyonakalisiwe!'<br>Umama walalela u-Anti Helen imizuzwana embalwa. Wayesethi, 'Ngiyabonga anti,' wayesevala ucingo. | **Ngiyazibuza** ukuthi utheni u-Anti Helen kumama kaZweli? |
| Ngakusasa ekuseni, uZweli wabona u-Anti Helen. Wamphakamisela isandla.<br>'Kungani u-Anti Helen esesikoleni?' ezibuza.<br>Insimbi yakhala, noZweli wangena ekilasini lakhe. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani u-Anti Helen eze esikoleni? **Ngiyazibuza** ukuthi ingabe uze lapho ngoba umama kaZweli emtshele ngokwenzekile ekilasini yini? |
| UMnu. Maboya wama ngaphambi kwekilasi no-Anti Helen.<br>'Lona uMaDlamini wasekwayeni,' kusho uMnu. Maboya. 'Ufuna ukukhuluma nani nonke.'<br>'Ngixolisa kakhulu ngokwenzeke ekilasini lenu,' kusho u-Anti Helen kubafundi. 'Ngiyazi ukuthi eminye imisebenzi yenu yonakalisiwe. Ngokulandelayo uma sizosebenzisa ikilasi lenu, sizoqaphela kakhulu!' esho. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani u-Anti Helen eza ekilasini? Oh! Ngicabanga ukuthi yingoba umama kaZweli wamshayela ucingo ngalokhu okwenzekile. |
| Emuva kokuthi u-Anti Helen esehambile, uMnu. Maboya wanikeza umfundi ngamunye ipheshana.<br>'Ngoba manje sesiyazi ukuthi umsebenzi wethu ngeke wonakaliswe, masenze ikilasi lethu libe lihle futhi!' esho.<br>Base beyenza. | **Ngiyazibuza** ukuthi umsebenzi wabo wobuciko uzophepha yini? Ngethemba kanjalo! |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| UZweli walifundela ngaliphi ilanga ikilasi lakhe indaba yakhe? | NgoLwesihlanu. |
| Ikwaya lalisekilasini ngaliphi ilanga? | NgoMgqibelo. |
| UZweli wabona ngaliphi ilanga ukuthi indaba yakhe yayingasekho? | NgoMsombuluko. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani u-Anti Helen eza esikoleni? | • Weza ukuzoxolisa ngezindaba zabo ezadatshulwa<br>• Weza ngoba umama kaZweli wamshayela ucingo wamtshela ngokwenzeka ekilasini likaZweli<br>• Weza ngoba nguyena umphathi wekwaya, kanti ikwaya yilona elalisebenzisa ikilasi labo<br>• Wayezotshela uMnu. Maboya kanye nekilasi lakhe ukuthi ngeke liphinde lonakaliswe |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ______________________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 1**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- xolisa
- ikwaya
- ukubukeka kabi

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Nginenkinga, nginenkinga | *Zikhombe wena bese ukhomba umngane wakho* |
| Nawe unayo, nawe unayo | *beka umunwe ekhanda lakho sengathi uyacabanga* |
| Masicabange ngayo | *Khomba isihlakala sakho, sengathi ufake iwashi* |
| Sithole isixazululo | *Khomba emuva kwakho* |
| Sithokoze sonke, sithokoze sonke | *Khombisa ubuso obumoyizelayo* |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
5 Okulandelayo bonke abafundi eqenjini mabathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
6 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibenobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
7 Khumbuza abafundi ukuba balalelisise izindaba zozakwabo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1. Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/q/**
2. Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3. Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo **/q/**?
4. Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **qala, qoba, qina**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1. Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **qeda, qoba, qina, qala**
2. Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3. Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4. Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1. Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Qq**
2. Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3. Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4. Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5. Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6. Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/amagama/imisho.
7. Abafundi kumele <u>badwebele</u> umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Yenza Umbhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala ngesikhathi owaxazulula ngaso inkinga.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho

**UHLAKA LOKUBHALA:**

Ngesinye isikhathi…(Chaza imininingwane yenkinga! Sebenzisa 3–4 imisho.)

Ngazizwa…

Ngaxazulula inkinga ngokuthi…(Chaza imininingwane yesisombululo! Sebenzisa 2–3 imisho.)

Kwasebenza / Akusebenzanga ngoba…

Ngicabanga…

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela okwenze ngoMsombuluko ebhodini.

#### TSHENGISA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OSALUNGISWA (NGIYENZA)

1 Khumbuza abafundi ngokuhlela okwenze ngoMsombuluko.
2 Funda konke ukuhlela kwakho okubhale ebhodini.
3 Okulandelayo, funda lonke uhlaka lokubhala kanye nabafundi.
4 Tshengisa indlela yokuqedela uhlaka lokubhala ngokusebenzisa okwakho ukuhlela, njengokuthi:
**Ngesinye isikhathi** ngake ngaba nenkinga. Ngangifuna ukugqoka ijezi lami elisha kodwa angizange ngilithole kuyo yonke indawo! Ngemva kwalokho, ngabona udadewethu eligqokile! Wayedlala ngaphandle nabangane bakhe, egqoke ijezi lami. Wayengacelile ukuba aleboleke. **Ngacasuka** ngesikhathi ngimbona.
**Ngaxazulula inkinga ngokuthi** ngithethise udadewethu. Ngamthethisa kakhulu. **Kwasebenza, ngoba** walibuyisa ijezi. Kodwa, kamuva ngazizwa kwabi. **Ngicabanga** ukuthi ngabe ngayixazulula kangcono inkinga. Mhlawumbe kwakungaba ngcono ukube ngakhuluma naye ngomoya ophansi.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OWALUNGISWA (BAYENZA)

1 Banike izincwadi zokubhalela.
2 Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Ngesikhathi ngixazulula inkinga: Ukubhala umbhalo osalungiswa**


3 Tshela abafundi ukuba bathole ukuhlela kwabo kwangoMsombuluko bese becabanga ngemibono yabo.
4 Tshela abafundi ukuba baqedela uhlaka lokubhala basebenzise ukuhlela kwabo.
5 Tshela abafundi ukuthi bangangeza imisho eyengeziwe noma imininingwane uma benesikhathi.
6 Khumbuza abafundi ngamasu abangawasebenzisa ukuze abasize.
7 Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi futhi usize abafundi abanobunzima.

Ngenkathi ngixazulula inkinga:
Okusalungiswa

Ngelenie elanga ngalahlekelwa ipensela leme.
Ngangisesikolene ngenkathi lilaheka.
Ngaziwa ngicasukile ngokulahleka kwiol.

Ngaxazulula inkinga yami ngokutshele
uthisha wami ukuthe ngilahlekelwe epensele
lami. Ngatshela ukuthi libukeka kanjani
wayesecla abandi ukuthi bangisisze
ukulicinga.

kwasebenza ngode ngalithola ipensela lame!
Ngicabanga ukuthi kufanile ukuthi
ngizinakekile kakhulu izinto zami.
Kuthaneli ngizinakekele kangcono.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ___________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 1**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **suka**
3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/s/-/u/-/k/-/a/**
4 Yisho umsindo wokuqala wegama: **/s/**
5 Yisho umsindo wesibili wegama: **/u/**
6 Yisho umsindo wesithathu wegama: **/k/**
7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8 Bhala igama ebhodini: **suka**
9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/su/-/ka/ = suka**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **qina**

**SIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **sika**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/s/**
4 Buza abafundi: Yimuphi umsindo ophakathi nendawo egameni? **/i/**
5 Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/k/**
6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/a/**
7 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/s/-/i/-/k/-/a/**
8 Bhala igama: **sika**
9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/si/-/ka/ = sika**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **qoba**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

# Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15


## Ukufunda Kwesibili

### AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **<u>Ikilasi elonakalisiwe</u>**<br>NgoLwesihlanu, kwakuyithuba likaZweli lokukhombisa abanye abafundi indaba yakhe.<br>'Yimina lona, ngisiza umama wami engadini,' kusho uZweli ekhomba umdwebo wakhe. Wayesefunda umusho wakhe.<br>'Usebenze kahle!' kwasho uMnu. Maboya. | -- |
| Kwakhala insimbi. UMnu. Maboya wabuza, 'Ngicela ukuphanyeka umsebenzi wakho odongeni?'<br>'Kulungile!' kusho uZweli ngokwenama. UMnu. Maboya waphanyeka umsebenzi kaZweli maphakathi nodonga, lapho uzobonwa khona yiwo wonke umuntu ngoMsombuluko ekuseni. | Buka uZweli ebuka umsebenzi wakhe odongeni ngokuziqhenya. **Ngingaphetha** ngokuthi uzizwa eziqhenya ngokuthi uMnu. Maboya wayefuna ukuphanyeka umsebenzi odongeni! |
| Kusihlwa ngalobo busuku, uZweli wahlala nomama kanye nodadewabo omncane.<br>'Bekunjani esikoleni?' kubuza umama wakhe.<br>'Bekumnandi!' kwasho uZweli. 'Ngifundele ikilasi indaba yami, uMnu. Maboya wayeseyiphanyeka odongeni!' | -- |
| UZweli wayecabanga ngendaba yakhe esodongeni impelasonto yonke. Wayefisa sengathi uMsombuluko ungafika, lapho bonke abantwana bezobona indaba yakhe esodongeni. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZweli ujabulela ukuya esikoleni kakhulu, ngoba ufuna ukuzwa ukuthi bonke ozakwabo bazothini ngendaba yakhe! |
| Kodwa, ngenkathi izingane ziya ekilasini lazo ngoMsombuluko ekuseni, lalibukeka kabi!<br>UZweli wabheka indaba yakhe odongeni, kodwa yayingasekho.<br>UMnu. Maboya wama phambi kwekilasi. Wabukeka engeneme ngempela.<br>'Bafundi,' kusho uMnu. Maboya, 'ngoMgqibelo, ikwaya belisebenzisa ikilasi lethu. Kubonakala sengathi kukhona osuse umsebenzi wenu odongeni futhi wawonakalisa. Ngizizwa ngidumele ngalokhu, futhi ngiyaqiniseka ukuthi nani futhi. Ngiyaxolisa kakhulu.' | -- |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Kusihlwa ngalobo busuku, uZweli wahlala nomama kanye nodadewabo omncane.<br><br>'Bekunjani esikoleni?' kubuza umama wakhe.<br><br>'Bekungemnandi!' kwaphendula uZweli. 'Indaba yami ayisekho odongeni. UMnu. Maboya uthi bekukhona ikwaya ekilasini lethu ngoMgqibelo. Kukhona othathe wonke umsebenzi wethu omuhle odongeni wawonakalisa.'<br><br>'U-Anti Helen ungumphathi wekwaya,' kusho umama. 'Ngizomshayela ucingo emuva kwesidlo sakusihlwa.' | Hhayi bo! **Ngiyazibuza** ukuthi kungani uZweli ebukeka edangele? Kungenzeka ukuthi udumele kakhulu. Wayelinde impelasonto yonke ukuthi abangane bakhe babone indaba yakhe phezulu odongeni. Manje indaba yakhe ayisekho kanti akekho namunye ozoyibona! |
| Emuva kwesidlo sakusihlwa, umama kaZweli washayela u-Anti Helen ucingo.<br><br>'Ikwaya belisekilasini likaZweli ngoMgqibelo, kwaba khona okhipha konke okwakusodongeni,' uZweli wezwa umama wakhe esho. 'UZweli uphatheke kabi kakhulu. Ubebhale indaba eyonakalisiwe!'<br><br>Umama walalela u-Anti Helen imizuzwana embalwa. Wayesethi, 'Ngiyabonga anti,' wayesevala ucingo. | **Ngiyazibuza ukuthi uZweli wazizwa kanjani ngenkathi umama wakhe eshayela u-Anti Helen ucingo?** Ngicabanga ukuthi wayesaphatheke kabi ngendaba yakhe. Kodwa uZweli naye mhlawumbe wayezizwa ejabulile ngokuthi umama wakhe uzama ukumsiza – kungenzekia ukuthi uzizwa kahle ngokuthi umama wakhe uyamzwela ngokungaphatheki kahle kwakhe. |
| Ngakusasa ekuseni, uZweli wabona u-Anti Helen. Wamphakamisela isandla.<br><br>'Kungani u-Anti Helen esesikoleni?' ezibuza.<br><br>Insimbi yakhala, noZweli wangena ekilasini lakhe. | -- |
| UMnu. Maboya wama ngaphambi kwekilasi no-Anti Helen.<br><br>'Lona uMaDlamini wasekwayeni,' kusho uMnu. Maboya. 'Ufuna ukukhuluma nani nonke.'<br><br>'Ngixolisa kakhulu ngokwenzeke ekilasini lenu,' kusho u-Anti Helen kubafundi. 'Ngiyazi ukuthi eminye imisebenzi yenu yonakalisiwe. Ngokulandelayo uma sizosebenzisa ikilasi lenu, sizoqaphela kakhulu!' esho. | **Ngingaphetha** ngokuthi u-Anti Helen wayezizwa engaphathekile kahle ngalokhu okwenzekile ekilasini likaZweli, ngoba weza esikoleni ezoxolisa ezinganeni. |
| Emuva kokuthi u-Anti Helen esehambile, uMnu. Maboya wanikeza umfundi ngamunye ipheshana.<br><br>'Ngoba manje sesiyazi ukuthi umsebenzi wethu ngeke wonakaliswe, masenze ikilasi lethu libe lihle futhi!' esho.<br><br>Base beyenza. | **Ngiyazibuza** ukuthi uZweli uzizwe kanjani ekugcineni? Ngicabanga ukuthi uzizwe engconywana, ngoba uzizwa kamnandi uma umuntu exolisa. |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Kungani uZweli wayejabulele ukuya esikoleni ngoMsombuluko? | Ngoba wayejabulele ukuthi ezinye izingane zizobona indaba yakhe odongeni. |
| Ubani owashayelwa ucingo umama kaZweli? | Washayela ucingo u-Anti Helen. |
| Kungani u-Anti Helen eza ukuzoxolisa ekilasini? | Ngoba wayengumphathi wekwaya. Ikilasi lonakaliswa ngenkathi lisetshenziswa yikwaya. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uZweli aba nosuku olungemnandi esikoleni? | • Ngoba wayecabanga ukuthi indaba yakhe izoba sodongeni, kodwa yayidatshuliwe.<br>• Ngoba wayejabule impelasonto yonke ngokuthi zonke izingane zizobona indaba yakhe odongweni, kodwa indaba yakhe yayidatshuliwe kwangaba khona namunye oyibonayo.<br>• Ngoba wayedumele ngokuthi indaba yakhe yayidatshuliwe odongweni<br>• Ngoba wayedumele ngokuthi ikilasi lakhe lalonakalisiwe.<br>• Ngoba weyezwe ubuhlungu ukuthi uMnu. Maboya wayedumele kakhulu. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ______________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 1**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ukufutheka
- ukudumazeka
- ukuziqhenya

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Nginenkinga, nginenkinga | *Zikhombe wena bese ukhomba umngane wakho* |
| Nawe unayo, nawe unayo | *beka umunwe ekhanda lakho sengathi uyacabanga* |
| Masicabange ngayo | *Khomba isihlakala sakho, sengathi ufake iwashi* |
| Sithole isixazululo | *Khomba emuva kwakho* |
| Sithokoze sonke, sithokoze sonke | *Khombisa ubuso obumoyizelayo* |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Inkinga ekule ndaba…
Inkinga ekule ndaba yaxazululwa ngokuthi…
Ukuba ngangiwuZweli, bengingazizwa…ngoba…
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

# Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

## Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **k** | **q** | **i** |
| **a** | **e** | **d** |
| **m** | **u** | **t** |
| **s** | **l** | **o** |

### TSHENGISA

1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/k/** kanye **/q/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/q/**-**/e/**-**/d/**-**/a/** = **qeda**
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/m/**-**/a/**-**/m/**-**/a/** = **mama**

### OKWENZIWA ABAFUNDI


1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **k, q**
2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **ikati, isikelo, sika, suka, ikamu, qeda, qala, mama, luma, dela, idamu, sula, umusa**

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________




## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

**ISU LOKUQONDISISA: FINGQA INDABA**

**YAKHA ISITHOMBE SOMBHALO**

1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, namabhuku abo noma amaphepha angabhalwanga, amapensela kanye namakhrayoni.
2 Chaza ukuthi namuhla abafundi **bazobhala bese bedweba** ngenkinga esendabeni kanye nombono abanawo wokulungisa inkinga**.**
3 **Tshengisa** indlela **ocabanga ngayo ngenkinga isendabeni**, njengokuthi: Inkinga esendabeni ukuthi kunekilasi elonakalisiwe.
4 Dweba isithombe sakho ebhodini sekilasi elonakalisiwe.
5 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ufake umusho noma emibili esithombeni sakho, njengokuthi: Inkinga esendabeni yikilasi elonakalisiwe. Ngicabanga ukuthi ingalungiswa ngokusebenza ngokubambisana ekubeni lihlanzwe.
6 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bazocabanga ngenkinga esendabeni, kanye nesixazululo senkinga.
7 Tshela abafundi ukuthi bavale amehlo bese banethezeka. Phinda ubafundele umbhalo.
8 Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo bese bedweba imibono yabo.
9 Ekugcineni, cela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma**, nokuthi babelana ngemidwebo yabo nabalingani.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ______________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 1.**
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

1. Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2. Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3. Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4. Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   - a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   - b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   - c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   - d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   - e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   - f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   - g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   - h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5. Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo,

   bese uwalondoloza ngokucophelela.
3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: Izithombe eziku-inthanethi zembawula yamanzi yesola kaXochitl, izithombe zomphakathi aphuma kuwo (owaseChiapas, eMexico), izithombe zabantu abaxazulula izinkinga – ukuhlanza amabhentshi, ukwakha izindlu, ukusiza abanye, njl.
5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: amacebo amahle okuxazulula izinkinga zabantu abasha.
6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 70, Masifunde

**Umsebenzi 2:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 71 – 72, Masibhale

**Umsebenzi 3:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 73 – 74, Masifunde

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngesikhathi owaba nengxabano ngayo nengane yakwenu noma umngane. Wayixazulula kanjani inkinga?

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ISONTO 2

**BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)**

1 Khombisa abafundi isithombe sikaXochitl ebona izihlahla emphakathini wakubo ukuthi azisekho eNcwadini Enkulu: Imbawula yamanzi esola kaXochitl
2 Tshela abafundi ukuthi siqhubeka nesihloko esithi: Ukuxazulula izinkinga
3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4 Buza abafundi*: Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   a Yiziphi ezinye zezindlela ezikahle zokuxazulula izinkinga?
   b Yini eyinselele ngokuxazulula inkinga?
   c Kuba njani ukuba nenkinga?
   d Kuba njani ukuxazulula inkinga?

**ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO**

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - isola
   - umphakathi
   - imbawula

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Nginenkinga, nginenkinga | *Zikhombe wena bese ukhomba umngane wakho* |
| Nawe unayo, nawe unayo | *beka umunwe ekhanda lakho sengathi uyacabanga* |
| Masicabange ngayo | *Khomba isihlakala sakho, sengathi ufake iwashi* |
| Sithole isixazululo | *Khomba emuva kwakho* |
| Sithokoze sonke, sithokoze sonke | *Khombisa ubuso obumoyizelayo* |

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **ikati**
   b **isikelo**
   c **sika**
   d **suka**
   e **ikamu**
   f **qeda**
   g **qoba**
   h **qina**
   i **qala**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

### Ngaphambi Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: QAGELA**

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: Imbawula yamanzi yesola kaXochitl
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Ukulungisa Umbhalo

**ISIHLOKO:** Bhala ngesikhathi owaxazulula ngaso inkinga.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho

**UKULUNGISELELA:**

- Bhala uhlu lokulungisa umbhalo ebhodini ngaphambi kwesifundo sokubhala.
- Bhala ebhodini umbhalo wakho osalungiswa ngaphambi kwesifundo. Hlanganisa iphutha elilodwa noma amabili.

**UHLU LOKULUNGISA UMBHALO:**

1 Ingabe ngisebenzise inkathi eyedlule?
2 Ingabe ngisebenzise isabizwana somuntu okhulumayo ('mina' nokuthi 'thina')?
3 Ingabe izehlakalo zami zibekwe ngokulandelana kwazo ngesikhathi ezenzeke ngazo?
4 Ingabe nginayo okungenani imisho eyi-10 ephelele ehlelwe yaba yizigaba ezimbili?
5 Ingabe onke amagama apelwe kahle?
6 Ingabe yonke imisho iqala ngohlamvu olukhulu?
7 Ingabe yonke imisho igcina ngophawu lokubhala olufanele?




#### TSHENGISA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (NGIYENZA)

1 Fundela abafundi ngokuzwakalayo uhlu lokulungisa umbhalo.
2 Ngemva kwalokho, fundela abafundi umbhalo osalungiswa wakho.
3 Funda uhlu, bese usho noma umbhalo osalungiswa wakho ulungile yini, noma kudingeka uwulungise noma uwuthuthukise.
4 Lingisela abafundi benza inqubo yokulungisa.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (BAYENZA)

1 Banikeze izincwadi zokubhalela.
2 Tshela abafundi ukuba babheke umbhalo wabo osalungisa womsebenzi wokubhala.
3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi bafunde uhlu lokwenza umbhalo osalungiswa bese benza noma yikuphi ukulungisa noma ukuthuthukisa okudingekile.
4 Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe izingxoxo ezincane – qiniseka ukuthi usebenza neqembu elihlukile labafundi kumsebenzi wokubhala ngamunye.
5 Buka noma yimaphi amaphutha avamile embhalweni wabafundi.
6 Cela abafundi ukuba balalele futhi banake bese ubhala amaphutha avame ukwenziwa ebhodini.
7 Khombisa abafundi indlela yokulungisa lawa maphutha.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 2**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/t/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/t/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **isitina, teta, totoba**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **utamatisi, totoba, teta, tetema, isitina**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/izinhlamvu /amagama /imisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Tt**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

# Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

## Ukufunda Kokuqala


### AMASU OKUQONDISISA: NGIYAZIBUZA/YENZA UKUCABANGELA

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Imbawula yamanzi yesola kaXochitl**<br>*UXochitl Cruz wayeneminyaka eyisishiyagolombili ngenkathi enza imbawula yamanzi esebenzisa isola ngokusebenzisa izinto ezisetshenzisiwe. Wenza lokhu ukuze asize abantu bomphakathi wakhe ukuze bakwazi ukuthola amanzi ashisayo ngaphandle kokugawula izihlahla. UXochitl owaseChiapas eMexico.*<br>*Izindlu eziningi zabantu baseNingizimu Afrika zisebenzisa izimbawula zamanzi ezisebenzisa isola ezenziwe yizinkampani zase zifakwa abantu abasebenza ngamapayipi. Le ndaba yayimangalisa ngoba le ntombazane eneminyaka eyisishiyagalombili yenza imbawula yamanzi yokuqala emphakathini wakubo.*<br>*Xochitl (ibizwa ngokuthi Soh-cheel)* | -- |
| Ngelinye ilanga elalishisa kakhulu ehamba evela esikoleni, uXochitl wabona ukuthi izihlahla ezivame ukumnika umthunzi azisekho. Kuyo yonke indlela, izihlahla zazigawuliwe. 'Ziyephi zonke izihlahla?' ezibuza. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani zonke izihlahla zingekho?<br>Lokhu kubonakala sengathi kuyinkinga! |
| Ekuseni ngelanga elilandelayo, uXochitl wabuka ubaba wakhe efaka izinkuni emlilweni ukufudumeza amanzi okugeza asekuseni.<br>'Baba, sigawula izihlahla eziningi kakhulu ukuze sifudumeze amanzi ethu okugeza!' kusho uXochitl. Ingabe ayikho yini enye indlela umphakathi wethu ungathola ngayo amanzi ashisayo?' ebuza.<br>'Xochitl, asinayo imali eyanele yokuthenga imbawula yamanzi yezinga eliphezulu – ngokunjalo nangomakhelwane bethu!' kuphendula ubaba wakhe.<br>'Ngakho-ke sengenze isinqumo – ngizokwenza imbawula ukuze bonke abantu baseChiapas bezokwazi ukuba nayo,' esho ngokuzethemba. | Oh! **Ngicabanga** ukuthi abantu bomphakathi wakuboXochitl bagawula izihlahla ukuze benze umlilo wokupheka amanzi ashisayo. **Ngiyazibuza** ukuthi uXochitl uzokwazi yini ukuxazulula inkinga? |
| Lapho uXochitl efika ekhaya esebuya esikoleni ngalelo langa, waqala iphrojekthi yakhe. Okokuqala, wenza ipulani. Emuva kwalokho, waqala waqoqa amapulasitiki kanye namabhodlela alahliwe, izingilazi zakudala, izicucu zamapayipi kanye namapulango amancane. | **Ngiyazibuza** uma uXochitl uzokwazi yini ukusebenzisa udoti ukwenza imbawula yamanzi? |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Emuva kwamasonto ambalwa, ekugcineni uXochitl wayesenezinto zokusebenza ezanele. Wasebenzisa izinto zokuhlanganisa amakhebula nepayipi kanye namabhodlela epulasitiki ukuze amanzi azohlala phakathi kwamabhodlela bese efudunyezwa yilanga. Ngakho, wayesependa yonke into yaba mnyama, ngoba wayazi ukuthi imibala emnyama ikwazi ukudonsa ilanga. | **Ngiyazibuza** ukuthi uXochitl wawucabanga kanjani umbono wokupenda yonke into ibe mnyama? Ngiyazi ukuthi izinto ezimnyama zidonsa ukushisa kwelanga, ngoba imigwaqo enetiyela elimnyama ishisa kakhulu uma libalele ilanga. **Ngiyazibuza** ukuthi uXochitl wakucabanga yini nalokho? |
| Ekugcineni, ubaba wakhe wamsiza ngokwakha ibhokisi lento ayeyiqalile. Ibhokisi lalinohlaka lwamapulango kanye namaphaneli engilazi ukudonsa ukushisa okuvela elangeni.<br><br>'Ngicabanga ukuthi ilanga lizokwenza amanzi ngaphakathi kwebhokisi ashise ngokwanele ukuthi singageza ngawo!' kuzicabangela uXochitl. | **Ngiyabona** ukuthi umdwebo wakhe uhlangene! **Ngiyazibuza** ukuthi uzokwazi ngempela yini ukwenza amanzi ashise? |
| Ekuseni ngosuku olulandelayo ngaphambi kokuthi uXochitl aye esikoleni, wafaka amanzi phakathi kwembawula yamanzi yesola. Usuku lonke esikoleni, wayezibuza ukuthi ingabe lokhu akusungulile kuzosebenza yini. | -- |
| Emuva kokuphuma kwesikole, wagijimela ekhaya eyobona ukuthi yini eyenzekile! Wavula imbawula enovalo, wayesebeka isandla ekugcineni kwepayipi. Amanzi ashisayo aphuma! Ayeshisa ngendlela yokuthi enza ukuba asuse isandla sakhe masinyane. 'Ngikwenzile!' ecabanga, ebiza ubaba wakhe ukuthi ezobona. | Wow! Ipulani lakhe lisebenzile. Wakwazi ukusebenzisa udoti ukwenza imbawula yamanzi ebiza kancane. **Ngicabanga** ukuthi uXochitl ungumxazululi wezinkinga ohlakaniphile. |
| 'Bheka Baba! Iyasebenza! Ngenze imbawula yamanzi engawusebenzisi umlilo nengabizi kakhulu. Kanti isebenzisa amandla amahhala ahlale ekhona: ilanga,' kumamatheka uXochitl. Wathatha isandla sikababa wakhe wasifaka emanzini ashisayo ayegeleza.<br><br>'Wow!' kubabaza ubaba wakhe. 'Lokhu kuyamangalisa!' | -- |
| Lapho uXochitl esebonile ukuthi into ayisungulile iyasebenza, wanquma ukwenza enkudlwana – ukuze bezoba namanzi ashisayo okugeza azokwanela umndeni wakubo wonke.<br><br>'Sizoyibeka kuphi?' kubuza ubaba wakhe lapho enkudlwana isiphelile.<br><br>UXochitl wacabanga ngendawo eyayishisa kunazo zonke. 'Ngicabanga ukuthi siyibeke phezu kophahla!' esho. 'Ngaleyondlela amanzi azoshisa, bese engena endlini!' Kusukela ngalolo suku, umndeni kaXochitl waba namanzi ashisayo okugeza, okuhlanza kanye nokuwasha izitsha. | UXochitl wabona inkinga wase esebenzisa ikhono lakhe ukuxazulula leyo nkinga. Manje, umndeni wakhe usunamanzi ashisayo ngaphandle kokugawula izihlahla! |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Omakhelwane babona isakhiwo ophahleni lomndeni wakuboXochitl. 'Yini lena?' bebuza ngelukuluku. 'Lena imbawula yamanzi yesola!' kusho umama kaXochitl. 'Yenziwe uXochitl ngezicucu ayezicosha. Kanti ifudumeza amanzi ngamandla amahhala nahlale ekhona: Ilanga!'<br><br>'Nami futhi, ngiyayifuna!' kusho umakhelwane oyedwa. 'Sengikhathele ukuyofuna izinkuni zokubasa!'<br><br>'Nathi siyayifuna, bandla Xochitl,' kucela omunye umndeni, 'lokhu kuzogcina umoya endlini yethu uhlanzekile.' | **Ngiyazibuza** ukuthi uXochitl uzokwazi yini ukwenza imbawula yamanzi awo wonke umuntu wasemphakathini wakhe? Lokhu kubonakala njengomsebenzi omkhulu! |
| NgoNdasa ka 2018, uXochitl waklomeliswa ngendondo ebizwa ngokuthi 'Recognition of the Institute of Nuclear Science for Women.'<br><br>Lena indondo evame ukunikezwa abantu abadala. Kodwa iNyuvesi yaseMexico, eyamnikeza lendondo, yabona ukuthi uXochitl wenza into emangazayo. Babefuna ukukhuthaza uXochitl ukuthi aqhubeke nokusungula izinto zesayensi futhi aqhubeke nokuxazulula izinkinga zabantu basemphakathini wabo. | **Ngiyazibuza** ukuthi ingabe wonke umuntu emphakathini kaXochitl uyayisebenzisa yini imbawula efana nalena ayenzile? |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Yini eyakhiwa uXochitl? | Wakha imbawula yamanzi yesola. Waqala ngokwakha encane emuva kwalokho wakha enkudlwana. |
| UXochitl wasebenzisa ziphi izinto ukwakha imbawula yamanzi yesola? | Wasebenzisa amabhodlela epulasitiki, izingilazi ezindala, izicucu zamapayipi alahliwe, amapulango amancane kanye nopende omnyama. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uXochitl anquma ukwakha imbawula yamanzi yesola? | • Ngoba wabona ukuthi abantu basemphakathini wakhe babegawula izihlahla ukuze bafudumeze amanzi.<br>• Ngoba wayengafuni abantu ukuthi bagawule izihlahla, kodwa wayazi ukuthi badinga enye indlela yokufudumeza amanzi abo.<br>• Ngoba wayefuna ukwakhela umndeni wakhe kanye nabanye emphakathini wakhe imbawula yamanzi esishibhile abazoyisebenzisa. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama – 30



**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 2**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- inani eliphezulu
- ezinhle
- ukukwazi ukuba nakho

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Nginenkinga, nginenkinga | *Zikhombe wena bese ukhomba umngane wakho* |
| Nawe unayo, nawe unayo | *beka umunwe ekhanda lakho sengathi uyacabanga* |
| Masicabange ngayo | *Khomba isihlakala sakho, sengathi ufake iwashi* |
| Sithole isixazululo | *Khomba emuva kwakho* |
| Sithokoze sonke, sithokoze sonke | *Khombisa ubuso obumoyizelayo* |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1. Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/p/**
2. Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3. Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo /**p**/?
4. Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **popola, ipapa, ipuleti**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1. Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **ipani, ipapa, ipeni, ipuleti, popola**
2. Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3. Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4. Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1. Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Pp**
2. Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3. Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4. Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5. Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6. Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/ amagama/imisho.
7. Abafundi kumele <u>badwebele</u> umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Ukushicilela Nokwethula

**ISIHLOKO:** Bhala ngesikhathi owaxazulula ngaso inkinga.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho

**UHLAKA LOKUBHALA:**

Ngesinye isikhathi…(Chaza imininingwane yenkinga! Sebenzisa 3–4 imisho.)

Ngazizwa…

Ngaxazulula inkinga ngokuthi…(Chaza imininingwane yesixazululo! Sebenzisa 2–3 imisho.)

Kwasebenza / Akuzange kusebenze ngoba…

Ngicabanga…

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela kombhalo osalungiswa okwenze ngoMsombuluko ebhodini.



#### TSHENGISA INQUBO YOKUSHICILELA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ukuthi ngoMsombuluko wasebenzisa uhlu lokulungisa umbhalo ukwenza umbhalo osalungiswa ukuze ulungise umbhalo wakho osalungiswa.
2. Ngokulandelayo, tshela abafundi ukuthi namuhla sizoshicilela bese sethula umbhalo wethu wokugcina.
3. Khombisa abafundi indlela yokuphinde ubhale umbhalo wakho siqu, onesihloko kanye nosuku.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKUSHICILELA (BAYENZA)

1. Nikeza abafundi izincwadi zokubhalela.
2. Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Ngesikhathi ngixazulula inkinga**
3. Tshela abafundi ukuba baphinde babhale ngobunono umbhalo wabo wokugcina, ungabi namaphutha.
4. Uma abafundi benesikhathi, bangadweba masinyane umfanekiso.
5. Ngesikhathi abafundi bebhala, hambahamba egumbini lokufunda futhi usize abafundi abanobunzima.

## ABAFUNDI BETHULA UMBHALO WABO

1. Emizuzwini yokugcina emihlanu yesifundo, tshela abafundi ukuba babeke phansi amapeni namapensela abo.
2. Tshela abafundi ukuba Bajike bese Bekhuluma nozakwabo futhi bafunde umbhalo wabo.
3. Lapho abafundi sebekwenzile lokhu, biza umfundi oyedwa noma ababili ukuba azofundela ikilasi umbhalo wakhe.
4. Choma umbhalo wabafundi uzungeze ikilasi. Lokhu kuzosiza abafundi ukuba bafunde imibhalo yabanye, bese bexoxa ngokusebenzisa amagama amasha.


9 Novemba 2020


Ngenkathi ngixazulula inkinga


Ngelinye ilanga ngalahlekelwa ipensela lami. Ngangisesikoleni ngenkathi lilahleka. Ngazizwa ngicasukile ngokulahleka kwalo.


Ngaxazulula inkinga yami ngokutshela uthisha wami ukuthi ngilahlekelwe ipensela lami. Ngamtshela ukuthi libukeka kanjani wayesecela abandi ukuthi bangisisize ukulicinga.

Kwasebenza ngoba ngalithola ipensela lami! Ngicabanga ukuthi kufanele ukuthi ngizinakekele kakhulu izinto zami. Kufanele ngizinakekele kangcono.









## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ____________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 2**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15



### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **teta**
3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/t/-/e/-/t/-/a/**
4 Yisho umsindo wokuqala wegama: **/t/**
5 Yisho umsindo wesibili wegama: **/e/**
6 Yisho umsindo wesithathu wegama: **/t/**
7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8 Bhala igama ebhodini: **teta**
9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/te/-/ta/** = **teta**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **ipeni**

**SIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **tetema**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/t/**
4 Buza abafundi: Uthini umsindo wesibili egameni? **/e/**
5 Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/t/**
6 Buza abafundi: Uthini umsindo wesine egameni? **/e/**
7 Buza abafundi: Uthini umsindo wesihlanu egameni? **/m/**
8 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/a/**
9 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/t/-/e/-/t/-/e/-/m/-/a/**
10 Bhala igama: **tetema**
11 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/te/-/te/-/ma/** = **tetema**
12 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **popola**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ukufunda Kwesibili

**AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / YENZA UKUCABANGELA**


| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Imbawula yamanzi yesola kaXochitl**<br>*UXochitl Cruz wayeneminyaka eyisishiyagolombili ngenkathi enza imbawula yamanzi esebenzisa isola ngokusebenzisa izinto ezisetshenzisiwe. Wenza lokhu ukuze asize abantu bomphakathi wakhe ukuze bakwazi ukuthola amanzi ashisayo ngaphandle kokugawula izihlahla. UXochitl owaseChiapas eMexico.*<br>*Izindlu eziningi zabantu baseNingizimu Afrika zisebenzisa izimbawula zamanzi ezisebenzisa isola ezenziwe yizinkampani zase zifakwa abantu abasebenza ngamapayipi. Le ndaba yayimangalisa ngoba le ntombazane eneminyaka eyisishiyagalombili yenza imbawula yamanzi yokuqala emphakathini wakubo.*<br>*Xochitl (ibizwa ngokuthi Soh-cheel)* | Namuhla sizocabanga kakhulu ngokwenza uXochitl abe umxazululi wezinkinga ohlakaniphile. |
| Ngelinye ilanga elalishisa kakhulu ehamba evela esikoleni, uXochitl wabona ukuthi izihlahla ezivame ukumnika umthunzi azisekho. Kuyo yonke indlela, izihlahla zazigawuliwe. 'Ziyephi zonke izihlahla?' ezibuza. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi uXochitl ungumuntu obhekisisayo – wabona okwakumzungezile. Ubona inkinga emphakathini wabo. |
| Ekuseni ngelanga elilandelayo, uXochitl wabuka ubaba wakhe efaka izinkuni emlilweni ukufudumeza amanzi okugeza asekuseni.<br>'Baba, sigawula izihlahla eziningi kakhulu ukuze sifudumeze amanzi ethu okugeza!' kusho uXochitl. Ingabe ayikho yini enye indlela umphakathi wethu ungathola ngayo amanzi ashisayo?' ebuza.<br>'Xochitl, asinayo imali eyanele yokuthenga imbawula yamanzi yezinga eliphezulu – ngokunjalo nangomakhelwane bethu!' kuphendula ubaba wakhe.<br>'Ngakho-ke sengenze isinqumo – ngizokwenza imbawula ukuze bonke abantu baseChiapas bezokwazi ukuba nayo,' esho ngokuzethemba. | **Ngicabanga** ukuthi uXochitl ungumxazululi wezinkinga. Uyabona ukuthi ukuze abantu bayeke ukugawula izihlahla, bazodinga indlela ehlukile yokufudumeza amanzi abo. Ngakho, unquma ukwenza eyodwa! |
| Lapho uXochitl efika ekhaya esebuya esikoleni ngalelo langa, waqala iphrojekthi yakhe. Okokuqala, wenza ipulani. Emuva kwalokho, waqala waqoqa amapulasitiki kanye namabhodlela alahliwe, izingilazi zakudala, izicucu zamapayipi kanye namapulango amancane. | **Ngicabanga** ukuthi uXochitl ungumxazululi wezinkinga ngoba wenza umdwebo ngaphambi kokuthi aqale! |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Emuva kwamasonto ambalwa, ekugcineni uXochitl wayesenezinto zokusebenza ezanele. Wasebenzisa izinto zokuhlanganisa amakhebula nepayipi kanye namabhodlela epulasitiki ukuze amanzi azohlala phakathi kwamabhodlela bese efudunyezwa yilanga. Ngakho, wayesependa yonke into yaba mnyama, ngoba wayazi ukuthi imibala emnyama ikwazi ukudonsa ilanga. | -- |
| Ekugcineni, ubaba wakhe wamsiza ngokwakha ibhokisi lento ayeyiqalile. Ibhokisi lalinohlaka lwamapulango kanye namaphaneli engilazi ukudonsa ukushisa okuvela elangeni.<br><br>'Ngicabanga ukuthi ilanga lizokwenza amanzi ngaphakathi kwebhokisi ashise ngokwanele ukuthi singageza ngawo!' kuzicabangela uXochitl. | -- |
| Ekuseni ngosuku olulandelayo ngaphambi kokuthi uXochitl aye esikoleni, wafaka amanzi phakathi kwembawula yamanzi yesola. Usuku lonke esikoleni, wayezibuza ukuthi ingabe lokhu akusungulile kuzosebenza yini. | **Ngiyakhumbula** ukuthi uXochitl wenza imbawula encane ukuze ahlole ukuthi ipulani lakhe lizosebenza. Ngicabanga ukuthi leli isu elihle. Akamoshi izinto eziningi zokusebenza uma kwenzeka isu lakhe lingasebenzi okokuqala. |
| Emuva kokuphuma kwesikole, wagijimela ekhaya eyobona ukuthi yini eyenzekile! Wavula imbawula enovalo, wayesebeka isandla ekugcineni kwepayipi. Amanzi ashisayo aphuma! Ayeshisa ngendlela yokuthi enza ukuba asuse isandla sakhe masinyane. 'Ngikwenzile!' ecabanga, ebiza ubaba wakhe ukuthi ezobona. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi uXochitl waba nepulani elicatshangisiswe kahle – ngoba umbono wakhe wasebenza ngomzamo wokuqala! |
| 'Bheka Baba! Iyasebenza! Ngenze imbawula yamanzi engawusebenzisi umlilo nengabizi kakhulu. Kanti isebenzisa amandla amahhala ahlale ekhona: ilanga,' kumamatheka uXochitl. Wathatha isandla sikababa wakhe wasifaka emanzini ashisayo ayegeleza.<br><br>'Wow!' kubabaza ubaba wakhe. 'Lokhu kuyamangalisa!' | -- |
| Lapho uXochitl esebonile ukuthi into ayisungulile iyasebenza, wanquma ukwenza enkudlwana – ukuze bezoba namanzi ashisayo okugeza azokwanela umndeni wakubo wonke.<br><br>'Sizoyibeka kuphi?' kubuza ubaba wakhe lapho enkudlwana isiphelile.<br><br>UXochitl wacabanga ngendawo eyayishisa kunazo zonke. 'Ngicabanga ukuthi siyibeke phezu kophahla!' esho. 'Ngaleyondlela amanzi azoshisa, bese engena endlini!' Kusukela ngalolo suku, umndeni kaXochitl waba namanzi ashisayo okugeza, okuhlanza kanye nokuwasha izitsha. | **Ngicabanga** ukuthi uXochitl waqala kancane khona ezokwazi ukuhlola icebo lakhe. Ngoba manje esehlolile futhi usuyazi ukuthi liyasebenza, usengenza imbawula enkudlwana ukufudumeza amanzi omndeni wonke. |

ISONTO 2

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Omakhelwane babona isakhiwo ophahleni lomndeni wakuboXochitl. 'Yini lena?' bebuza ngelukuluku. 'Lena imbawula yamanzi yesola!' kusho umama kaXochitl. 'Yenziwe uXochitl ngezicucu ayezicosha. Kanti ifudumeza amanzi ngamandla amahhala nahlale ekhona: Ilanga!'<br><br>'Nami futhi, ngiyayifuna!' kusho umakhelwane oyedwa. 'Sengikhathele ukuyofuna izinkuni zokubasa!'<br><br>'Nathi siyayifuna, bandla Xochitl,' kucela omunye umndeni, 'lokhu kuzogcina umoya endlini yethu uhlanzekile.' | **Ngicabanga** ukuthi ngokulandelayo uXochitl kuzofanele acabange indlela azokwenza ngayo izimbawula zamanzi eziningi.<br><br>Lena inkinga entsha okuzomele ayixazulule! |
| NgoNdasa ka 2018, uXochitl waklomeliswa ngendondo ebizwa ngokuthi 'Recognition of the Institute of Nuclear Science for Women.'<br><br>Lena indondo evame ukunikezwa abantu abadala. Kodwa iNyuvesi yaseMexico, eyamnikeza lendondo, yabona ukuthi uXochitl wenza into emangazayo. Babefuna ukukhuthaza uXochitl ukuthi aqhubeke nokusungula izinto zesayensi futhi aqhubeke nokuxazulula izinkinga zabantu basemphakathini wabo. | **Ngicabanga** ukuthi uXochitl ungumxazululi wezinkinga okhaliphile. Ngiyazibuza ukuthi yiziphi ezinye izinkinga angazixazulula ngokuzayo. |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Iyiphi inkinga eyabonwa uXochitl? | • Wabona ukuthi abantu basemphakathini wakhe babegawula izihlahla ukuze bafudumeze amanzi.<br>• Wabona ukuthi abantu basemphakathini wakhe abakwazi ukuzithengela izimbawula zamanzi ezibizayo – babephoqelekile ukusebenzisa izinkuni zokubasa ukuze bafudumeze amanzi.<br>• Wabona izihlahla emphakathini wakhe ukuthi zazishabalala ngoba abantu bebezigawula ukuze bafudumeze amanzi. |
| Wayixazula kanjani uXochitl le nkinga? | • Wenza imbawula yamanzi ashisayo ngodoti kanye nopende omnyama.<br>• Wasebenzisa ikhono lakhe ukwakha imbawula yamanzi eshibhile |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Yikuphi ukucabangela ongakwenza ngoXochitl? Sebenzisa ubufakazi obusendabeni! | *Ngenza ukucabangela kokuthi uXochitl … ngoba…* |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ______________________________



1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 2**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- sungula
- abilayo
- hlola (hlola into ethile)

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Nginenkinga, nginenkinga | *Zikhombe wena bese ukhomba umngane wakho* |
| Nawe unayo, nawe unayo | *beka umunwe ekhanda lakho sengathi uyacabanga* |
| Masicabange ngayo | *Khomba isihlakala sakho, sengathi ufake iwashi* |
| Sithole isixazululo | *Khomba emuva kwakho* |
| Sithokoze sonke, sithokoze sonke | *Khombisa ubuso obumoyizelayo* |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Inkinga ekule ndaba…
UXochitl wanquma ukuba…
UXochitl ungumxazululi okahle wenkinga ngoba...
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

# Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

## Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **t** | **p** | **i** |
| **a** | **e** | **n** |
| **o** | **l** | **b** |
| **m** | **s** | **u** |



### TSHENGISA

1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/t/** kanye **/p/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/t/**-/**e**/-/**t**/-/**a**/ = **teta**
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/b/**-/**a**/-/**l**/-/**a**/ = **bala**

### OKWENZIWA ABAFUNDI

1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **t, p**
2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **utamatisi, totoba, teta, tetema, isitina, ipani, ipapa, ipeni, ipuleti, popola, bala, luni, sina, nina, ubone**

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

### ISU LOKUQONDISISA: FINGQA INDABA / YENZA UKUCABANGELA

### UKUBUYEKEZA OKUXOXWAYO NOMA OKUBHALWAYO KWENDABA

1 Chaza ukuthi namuhla *sizocabanga ngezingxenye ezibaluleke kakhulu ngendaba esembhalweni.*

2 Sizophinde *sicabange ngokucabangela esingakwenza ngoXochitl.*

3 Bhala uhlaka lokubuyekeza ebhodini.

4 Yalela abafundi ukuba basebenzise uhlaka ukuphendula imibuzo:
**Le ndaba imayelana**… (2–3 imisho)
**Ngithandile…**
**Ngicabanga ukuthi uXochitl u…ngoba…**

5 Chaza ukuthi abafundi ngeke bakwazi ukusho yonke into ngendaba esembhalweni – bazodinga ukukhetha izingxenye ezibaluleke kakhulu.

6 Tshengisa abafundi isibonelo sakho. Yithi: ***Le ndaba imayelana*** *noXochitl owakha imbawula yamanzi esola. Wabona inkinga esemphakathini wakubo wase enquma ukuyilungisa.* ***Ngithandile*** *ukuthi umndeni kaXochitl ungasebenzisa imbawula yamanzi asendlini yakubo.* ***Ngicabanga ukuthi uXochitl*** *uhlakaniphile kakhulu* ***ngoba*** *wacabanga ngendlela yokwenza imbawula ngezinto esezilahliwe.*

7 Khombisa abafundi izithombe ezisendabeni eseNcwadini Enkulu.


8 Nikeza abafundi isikhathi sokucabanga ngendaba esembhalweni.

9 Yalela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** futhi baxoxe nozakwabo ngokufingqwa kwendaba **yabo**. ***(Akufanele baphinde lokho okushiwo uthisha. Lokhu kufanele kube imibono yabafundi ngokwabo!)***

10 Cela abafundi ukuba baphinde bahlangane ndawonye.

11 Cela abafundi 1–2 ukuba baxoxe ngokufingqwa kwendaba yabo nekilasi.

12 Yenza ukufingqwa kwendaba yekilasi, njengokuthi: ***Le ndaba imayelana*** *nendlela uXochitl asebenzisa ngayo ikhono lokusungula izinto ukuze akhe imbawula yamanzi esola. Wenza imbawula engabizi kakhulu ngodoti ukuze abantu emphakathini wakubo kungadingeki ukuthi bagawule izihlahla eziningi.* ***Sikuthandile*** *ukuthi uXochitl wahlola ngokwenza imbawula encane kwase kuthi kamuva wakha enkulu lapho esebona ukuthi ipulani lakhe liyasebenza.* ***Sicabanga ukuthi uXochitl*** *unekhono elikhulu lokusungula izinto,* ***ngoba*** *wakha imbawula yesola ngemfucumfucu!*



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ______________________**

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 2.**
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto Imizuzu eyi-15

1. Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2. Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3. Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4. Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5. Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1. Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2. Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3. Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4. Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: izithombe zezindawo ezahlukene zangesikhathi esedlule (iminyaka engama-50, iminyaka eyi-100 eyedlule), cela abafundi ukuba beze nezithombe zemindeni zangesikhathi esedlule.
5. Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: amaqiniso athakazelisayo ngomlando waseNingizimu Afrika.
6. Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7. Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 75, Masibhale

**Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 76 – 77, Masenze

**Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 78 – 79, Masifunde

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngomuntu owake waba khona omaziyo.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

**YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)**

1 Khombisa abafundi ikhava engaphambili yendaba eseNcwadini Enkulu: Indlovukazi eyiqhawe
2 Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Umlando
3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4 Buza abafundi*: Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   a Yini umlando?
   b Kuyini okwaziyo ngomlando?
   c Iyiphi indlela ongafunda ngayo ngomlando?

**ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO**

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - Umlando
   - isikhathi esedlule
   - isithombe
   - iqhawe

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hambahamba (globally) lapho ukhona |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese u vula amehlo akho kakhulu |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Masha lapho umi khona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese uvula izandla zakho kakhulu |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapha umi khona |

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **utamatisi**
   b **totoba**
   c **teta**
   d **tetema**
   e **isitina**
   f **ipani**
   g **ipapa**
   h **ipeni**
   i **ipuleti**
   j **popola**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

Umusho: ______________________________

______________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngaphambi Kokufunda

Imizuzu eyi-15

### ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

1 Hlalisa abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: Indlovukazi eyiqhawe
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala: Imizuzu engama-30

## Hlela Bese Wenza Ubhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala indaba eyenzeka esikhathini esedlule. Zama ukufaka amaqiniso owaziyo ngomlando.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**ISU LOKUHLELA:** Yenza ibalazwe lomqondo



### YETHULA ISIHLOKO OKUZOBHALWA NGASO.

1 Bonisa abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
2 Khuluma, uchaze imibono yakho ngendaba yakho, njengokuthi:
*Ngizobhala ngendaba eyenzeka eGibhithe Lasendulo. Ngizobhala ngeGibhithe Lasendulo ngakho ngizohlanganisa Nemibhoshongo ecijile, ngoba ngiyazi ukuthi yakhiwa esikhathini eside esedlule. Uma Imibhoshongo ecijile yakhiwe endabeni yami, umfundi uzokwazi ukuthi indaba yenzeka esikhathini esedlule.*

### TSHENGISA ISU LOKUHLELA (NGIYENZA)


1 Dweba uhlaka lwebalazwe lomqondo ngakolunye uhlangothi lwebhodi.
2 Bonisa abafundi indlela yokwenza ibalazwe lomqondo ngokuphendula imibuzo.
3 Qedela ibalazwe lomqondo ngakolunye uhlangothi lwebhodi.


| **Ukuhlela ibalazwe lomqondo** | | |
|---|---|---|
| Ubani umlingiswa oyinhloko endabeni? | | Ingabe bakhona abanye abalingiswa? |
| Iyini inkinga esendabeni? | **Indaba yami** | Yaxazululwa kanjani inkinga? |
| Yenzeka kuphi indaba? | Ingabe ikhona eminye imininingwane ebalulekile? | Sazi kanjani ukuthi le ndaba yenzeka esikhathini esedlule? |

| **Ibalazwe lomqondo** | | |
|---|---|---|
| USarah – intombazane yaseGibhithe Lasendulo | | Kunehhashi nomuntu omile abheke ukwakhiwa Kwemibhoshongo ecijile |
| Kuwa itshe elikhulu Emibhoshongweni ecijile eyakhiwayo | **Indaba yami** | USarah wasindisa indoda ngokuyibeka ehhashini lakhe |
| EGibhithe Lasendulo, eceleni Kwemibhoshongo ecijile | Indoda yayephuke umlenze ngakho ingakwazi ukugijima. | Ngoba kwakhiwa imibhoshongo ecijile |

### ABAFUNDI BASEBENZISA ISU LOKUHLELA (BAYENZA)

**1** Tshela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngendawo okwenzeka kuyo indaba yabo esikhathini esedlule. Cela abafundi ukuba bacabange ngemininingwane abangayifaka ukuze ufundi azi ukuthi indaba yenzeka esikhathini eside esedlule.
**2** Okulandelayo, tshela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** kanye nozakwabo, ukuze baxoxe ngezindaba zabo.
**3** Bonisa abafundi uhlaka lwebalazwe lomqondo elisebhodini bese ubatshela ukuba basebenzise lolu hlaka ukuhlela umbhalo wabo, njengoba wenzile.
**4** Banike izincwadi zokubhalela.
**5** Tshela abafundi ukuthi ababhale imibono okungeyabo –**hhayi** ukuba bakopishe ukuhlela kwakho.
**6** Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi bese ubamba izingxoxo ezincane.





## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30



**AMAQEMBU:** ______________________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 3**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1. Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/v/**
2. Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3. Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/v/**?
4. Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **vala, iveni, isivalo**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1. Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **vula, vala, ivila, iveni, isivalo**
2. Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3. Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4. Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u /izinhlamvu /amagama /imisho emisha

1. Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Vv**
2. Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3. Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4. Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5. Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15


### Ukufunda Kokuqala

**AMASU OKUQONDISISA: YENZA UKUCABANGELA**

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Indlovukazi eyiqhawe** | Namuhla, sizokwenza **ukucabangela** ngeNdlovukazi u-Amina – ongumlingiswa oyinhloko endabeni yethu! |
| Ngolunye usuku, u-Amaka nomama wakhe badlula ngasesithombeni esibaziwe seNdlovukazi u-Amina.<br><br>'Bheka laphaya! Bheka owesifazane ogibele ihhashi!' kusho u-Amaka ekhomba.<br><br>'Uyayazi yini indaba yeNdlovukazi u-Amina, Amaka?' kwabuza umama wakhe.<br><br>U-Amaka wanikina ikhanda lakhe. 'Ubani lowo?' | **Ngicabanga** ukuthi iNdlovukazi u-Amina kwakungumuntu wangempela emlandweni, ngoba kukhona isithombe sakhe esibaziwe! Izithombe ezibaziwe zivame ukuba ngezabantu bangempela. |
| 'Kudala ngaphambi kokuthi kube khona izimoto, noma omabonakude noma ugesi kwakukhona umbuso wakudala endaweni eyaziwa namuhla ngokuthi yiNigeria. Kwakuyikhaya labantu bamaHausa ababehlala eMbusweni waseZazzau.' kusho umama ka-Amaka.<br><br>Eminyakeni engamakhulu amaningi eyadlula, uMbuso waseZazzau wawubuswa ngamakhosi kuphela – kwaze kwaba yilapho iNdlovukazi u-Amina eba umholi wabo omkhulu nonamandla! | -- |
| Ngenkathi u-Amina eseyintombazane encane njengawe Amaka, umkhulu wakhe wayembuka edlala nabanye abantwana. Wayebona ngendlela ezinye izingane ezazimlalela ngayo. Wabona nendlela u-Amina ayenomusa futhi akhathalela ngayo. Wabona indlela u-Amina ayemela ngayo iqiniso. Watshela umama ka-Amina ukuthi kumele amkhulise ukuze kuthi ngelinye ilanga abe yindlovukazi enkulu nenamandla. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi iNdlovukazi u-Amina wayengumholi kusukela esasemncane! |
| Noma abantu besifazane namantombazane babengavamile ukuvunyelwa ukuba babekhona emihlanganweni emikhulu nebalulekile, umkhulu ka-Amina wayehamba naye ukuze abekhona. U-Amina walalela waphinde wafunda amakhono ayezowadinga ukuze abe iNdlovukazi enkulu nenamandla. Wafunda ukuhlela ngokucophelela kanye nokukhulumisana kahle. Wafunda nokusebenza kahle nabanye abantu. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi umkhulu ka-Amina wayezimisele ukuthi abe yiNdlovukazi, ngoba wayebona ukuthi wayengumholi okahle, nakuba wayesemncane! |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Embusweni waseZazzau, amantombazane ayengavamile ukuthi abe amasosha noma ayolwa ezimpini. Kodwa umama ka-Amina wenza isiqiniseko sokuthi uba nawo onke amakhono okuba indlovukazi enkulu nenamandla. U-Amina wafunda kanye namasosha asebukhosini. Wafunda ukuthi kuliwa kanjani ezimpini. U-Amina waba namandla, nolaka, waba iqhawe elingahlulwa. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi u-Amina wayehlukile kwamanye amantombazane ngoba wayevumelekile ukwenza izinto amantombazane amaningi ayengavunyelwe ukuzenza! |
| U-Amaka wacabanga ngesithombe esibaziwe. Wacabanga ngeNdlovukazi u-Amina ebonakala enolaka ehhashini lakhe! Ngenkathi sekuyisikhathi sika-Amina ukuthi abe yindlovukazi, abantu bamaHausa babengakaze babone owesifazane ehleli yedwa esihlalweni sobukhosi ngaphambilini! Ekuqaleni, bebengaqiniseki ukuthi uzoba ngumholi okahle.<br><br>'Lowo umsebenzi wamadoda!' bekhononda.<br><br>'Kungenzeka kanjani ukuthi owesifazane asenzele imithetho?' bezibuza.<br><br>Kodwa ke, babheka iNdlovukazi u-Amina esebenza! | Ngenza **ukucabangela** ukuthi u-Amina wayenamandla futhi ezimisele ukuthi abe ngumholi okahle, ngoba akazange avumele abanye abantu ukuthi bamngabaze! |
| INdlovukazi u-Amina wasiza ngokuqinisekisa ukuthi abahwebi bamaHausa banendlela ephephile eya olwandle, khona bezokwazi ukuhweba kalula. Wasiza ngokuthi aqinisekise ukuthi abantu bakhe bathola zonke izinto ezahlukahlukene uma beya emakethe. | Ngingenza **ukucabangela** ukuthi u-Amina wayeyindlovukazi ekahle ngoba wasebenza ngokuzikhandla ukwenza izimpilo zabantu embusweni wakhe zibe ngcono! |
| INdlovukazi u-Amina wasebenza kanzima ukuze athuthukise ukuphepha kwamasosha akhe. Weza nombono wezivekelo zensimbi embusweni wakhe ukuze amasosha akhe angalimali kalula. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi u-Amina wayeyindlovukazi ekahle ngoba wayefuna ukuvikela amasosha akhe ekubeni angalimali! |
| Yaphinde yavikela izwe eyayilibusa. Yakha izindonga eziqinile emizini kanye nasenkanjini zamasosha ukuqinisekisa ukuthi abantu bayo baphephile engozini. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi u-Amina wayeyindlovukazi ekahle ngoba wayefuna ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu embusweni wakhe wayephephile futhi ejabulile. |
| Nakuba abantu babengaqiniseki ekuqaleni, u-Amina wabamholi odumile. U-Amina wakhombisa abantu ukuthi indlovukazi ingabusa njengenkosi. Wayeyindlovukazi enkulu nenamandla futhi ebavikelayo abantu bayo neyenza izimpilo zabo zibe ngcono. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi u-Amina wayengumholi okahle, wenza abantu ukuthi bakhohlwa ukungabaza kwabo ngokuthi umuntu wesifazane angabusa yedwa. |
| 'Ungafunda kulezi zindaba zokhokho bethu, Amaka. Uma uzizwa udukile noma udinga umfutho, ungacabanga ngeNdlovukazi u-Amina, owayeyindlovukazi enkulu nenamandla noma abanye benokumngabaza!' kusho umama ka-Amaka. | -- |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Yayiyiqhawe elinjani iNdlovukazi u-Amina? | Yayinamandla, inolaka futhi iyiqhawe elingahlulwa. |
| Ngubani owahamba neNdlovukazi u-Amina emhlanganweni? | Umkhulu wakhe wahamba naye ukuya emhlanganweni. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Yenza ukucabangela! Ucabanga ukuthi yini eyenza u-Amina abe umholi omkhulu nonamandla? | • Ngicabanga ukuthi iNdlovukazi u-Amina wayengumholi omkhulu nonamandla ngoba:<br>• Wayeyiqhawe elinolaka.<br>• Wayengumuntu olalelayo.<br>• Wayesebenza kahle nabanye abantu.<br>• Wayekhathalela ukuvikela abantu bakhe.<br>• Wayekhathalela ukwenza izimpilo zabantu bakhe zibengcono.<br>• Wayekhombisa abantu bakhe ukuthi abantu besifazane bangabusa njengabantu besilisa! |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 3**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ulaka
- emakethe
- ukuhweba
- umhwebi

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese u vula amehlo akho kakhulu |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Masha lapho umi khona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese uvula izandla zakho kakhulu |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapha umi khona |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
5 Okulandelayo bonke abafundi eqenjini mabathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
6 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibenobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
7 Khumbuza abafundi ukuba balalelisise izindaba zozakwabo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1. Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/w/**
2. Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3. Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo **/w/**?
4. Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **wena, wola, wela**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1. Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **amawele, wela, wola, wa, wena**
2. Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3. Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4. Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

______________________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1. Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Ww**
2. Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3. Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4. Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5. Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6. Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/ amagama/imisho.
7. Abafundi kumele <u>badwebele</u> umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Yenza Umbhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala indaba eyenzeka esikhathini esedlule. Zama ukufaka amaqiniso owaziyo ngomlando.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UHLAKA LOKUBHALA:**

Kwesukasukela… *(sitshele ngabalingiswa nokuthi yenzeka kuphi indaba. Qiniseka ukuthi uhlanganisa imininingwane ebonisa ukuthi indaba yenzeka esikhathini esedlule)*

Ngolunye usuku… *(chaza inkinga)*

Ngemva kwaloko… *(chaza indlela inkinga eyaxazululwa ngayo)*

Ekugcineni… *(yini abantu abayicabangayo ngomlingiswa oyinhloko?)*

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela okwenze ngoMsombuluko ebhodini.

#### TSHENGISA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OSALUNGISWA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ngokuhlela okwenze ngoMsombuluko.
2. Funda konke ukuhlela kwakho okubhale ebhodini.
3. Okulandelayo, funda lonke uhlaka lokubhala kanye nabafundi.
4. Tshengisa indlela yokuqedela uhlaka lokubhala ngokusebenzisa okwakho ukuhlela, njengokuthi:
   **Kwesukasukela,** kwakunentombazane encane eyayiphila eGibhithe Lasendulo ogama layo linguSarah. Nsuku zonke, yayigibela ihhashi layo ukuze iyobheka ukwakhiwa Kwemibhoshongo ecijile emikhulu. Yayibheka amatshe amakhulu ethathwa bese ebekwa ngaphezu kwelinye. **Ngolunye usuku** njengoba uSarah wayebheka, wabona elinye itshe lishelela lase liyawa. Wabheka wase ebona indoda eyayihamba ngezinduku zabakhubazekile ime ngaphansi. Itshe lalizowela phezu kwayo! **Ngemva kwalokho**, uSarah wagijima kakhulu ngangokunokwenzeka. Wadonsa indoda wayibeka ehhashini lakhe – ngaphambi kokuthi itshe liwele phezu kwayo liyilimaze. **Ekugcineni**, indoda yambonga ngokuyiphephisa.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OWALUNGISWA (BAYENZA)

1. Banike izincwadi zokubhalela.
2. Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Indaba yami: Yenza umbhalo osalungiswa**


3 Tshela abafundi ukuba bathole ukuhlela kwabo kwangoMsombuluko bese becabanga ngemibono yabo.
4 Tshela abafundi ukuba baqedela uhlaka lokubhala basebenzise ukuhlela kwabo.
5 Tshela abafundi ukuthi bangangeza imisho eyengeziwe noma imininingwane uma benesikhathi.
6 Khumbuza abafundi ngamasu abangawasebenzisa ukuze abasize.
7 Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi futhi usize abafundi abanobunzima.

Indaba Yami: Okusalungiswa

ngelinye ilanga kwakuna imkosazene eyaybizwa ngokuthi uBoitumelo. Waehlala edolobheni laseKapa. uNelson Mandela ngenkathi ekhululwa etilongwene.

Ngeliny elanga uBoitumelo wayobuka uNelson Mandela ekhululwa etilongweni. Kwakunabantu abaningi lepco. Wabona intombazanyane enkane ikhala

UBoitumela wayeseya kulentomdazane wayesebona ukuthi ulahlekila. UBoitumelo wasiza lentombazanyane ukuthi ifooni umama wayo.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ______________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 3**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1. Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2. Yisho igama: **vala**
3. Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/v/-/a/-/l/-/a/**
4. Yisho umsindo wokuqala wegama: **/v/**
5. Yisho umsindo wesibili wegama: **/a/**
6. Yisho umsindo wesithathu wegama: **/l/**
7. Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8. Bhala igama ebhodini: **vala**
9. Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/va/-/la/** = **vala**
10. Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **wola**

**SIYENZA ...**

1. Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2. Yisho igama: **iveni**
3. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/i/**
4. Buza abafundi: Uthini umsindo wesibili egameni? **/v/**
5. Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/e/**
6. Buza abafundi: Uthini umsindo wesine egameni? **/n/**
7. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/i/**
8. Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/i/-/v/-/e/-/n/-/i/**
9. Bhala igama: **iveni**
10. Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/i/-/ve/-/ni/** = **iveni**
11. Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **wena**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

ISONTO 3

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15


### Ukufunda Kwesibili

**AMASU OKUFUNDA: YENZA UKUCABANGELA**

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Indlovukazi eyiqhawe** | Namuhla **sizokwenza ukucabangela** ngomama ka-Amaka. Sizocabanga ngokuthi kungani wayefuna ukutshela u-Amaka konke ngeNdlovukazi u-Amina. |
| Ngolunye usuku, u-Amaka nomama wakhe badlula ngasesithombeni esibaziwe seNdlovukazi u-Amina.<br>'Bheka laphaya! Bheka owesifazane ogibele ihhashi!' kusho u-Amaka ekhomba.<br>'Uyayazi yini indaba yeNdlovukazi u-Amina, Amaka?' kwabuza umama wakhe.<br>U-Amaka wanikina ikhanda lakhe. 'Ubani lowo?' | |
| 'Kudala ngaphambi kokuthi kube khona izimoto, noma omabonakude noma ugesi kwakukhona umbuso wakudala endaweni eyaziwa namuhla ngokuthi yiNigeria. Kwakuyikhaya labantu bamaHausa ababehlala eMbusweni waseZazzau.' kusho umama ka-Amaka.<br>Eminyakeni engamakhulu amaningi eyadlula, uMbuso waseZazzau wawubuswa ngamakhosi kuphela – kwaze kwaba yilapho iNdlovukazi u-Amina eba umholi wabo omkhulu nonamandla! | Umama ka-Amaka **ucabanga** ukuthi iNdlovukazi u-Amina wayengumholi okahle ngoba umbiza ngokuthi omkhulu nonamandla! |
| Ngenkathi u-Amina eseyintombazane encane njengawe Amaka, umkhulu wakhe wayembuka edlala nabanye abantwana. Wayebona ngendlela ezinye izingane ezazimlalela ngayo. Wabona nendlela u-Amina ayenomusa futhi akhathalela ngayo. Wabona indlela u-Amina ayemela ngayo iqiniso. Watshela umama ka-Amina ukuthi kumele amkhulise ukuze kuthi ngelinye ilanga abe yindlovukazi enkulu nenamandla. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi umama ka-Amaka ufuna ukufundisa u-Amaka ngeNdlovukazi u-Amina ngoba bayafana – bobabili ngabaseNigeria kanti bobabili bangamantombazane amancane! |
| Noma abantu besifazane namantombazane babengavamile ukuvunyelwa ukuba babekhona emihlanganweni emikhulu nebalulekile, umkhulu ka-Amina wayehamba naye ukuze abekhona. U-Amina walalela waphinde wafunda amakhono ayezowadinga ukuze abe iNdlovukazi enkulu nenamandla. Wafunda ukuhlela ngokucophelela kanye nokukhulumisana kahle. Wafunda nokusebenza kahle nabanye abantu. | **Ngicabanga** ukuthi umama ka-Amaka umxoxela le ndaba ukuze amsize afunde ukuba umholi okahle! |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Embusweni waseZazzau, amantombazane ayengavamile ukuthi abe amasosha noma ayolwa ezimpini. Kodwa umama ka-Amina wenza isiqiniseko sokuthi uba nawo onke amakhono okuba indlovukazi enkulu nenamandla. U-Amina wafunda kanye namasosha asebukhosini. Wafunda ukuthi kuliwa kanjani ezimpini. U-Amina waba namandla, nolaka, waba iqhawe elingahlulwa. | Oh! **Ngicabanga** ukuthi umama ka-Amaka umxoxela le ndaba ukuze amsize aqonde ukuthi angenza noma yini afuna ukuyenza – angenza ngisho izinto ezingeke zenziwa amanye amantombazane, njengeNdlovukazi u-Amina. |
| U-Amaka wacabanga ngesithombe esibaziwe. Wacabanga ngeNdlovukazi u-Amina ebonakala enolaka ehhashini lakhe! Ngenkathi sekuyisikhathi sika-Amina ukuthi abe yindlovukazi, abantu bamaHausa babengakaze babone owesifazane ehleli yedwa esihlalweni sobukhosi ngaphambilini! Ekuqaleni, bebengaqiniseki ukuthi uzoba ngumholi okahle.<br><br>'Lowo umsebenzi wamadoda!' bekhononda.<br><br>'Kungenzeka kanjani ukuthi owesifazane asenzele imithetho?' bezibuza.<br><br>Kodwa ke, babheka iNdlovukazi u-Amina esebenza! | U-Amina wayenawo onke amakhono ayewadinga ukuze abe indlovukazi, kodwa abantu babesamngabaza ngoba wayengowesifazane. Ngenza **ukucabangela** ukuthi umama ka-Amaka ufuna ukukhombisa u-Amaka ukuthi akufanele silalele ukungabaza kwabanye abantu! |
| INdlovukazi u-Amina wasiza ngokuqinisekisa ukuthi abahwebi bamaHausa banendlela ephephile eya olwandle, khona bezokwazi ukuhweba kalula. Wasiza ngokuthi aqinisekise ukuthi abantu bakhe bathola zonke izinto ezahlukahlukene uma beya emakethe. | -- |
| INdlovukazi u-Amina wasebenza kanzima ukuze athuthukise ukuphepha kwamasosha akhe. Weza nombono wezivikelo zensimbi embusweni wakhe ukuze amasosha akhe angalimali kalula. | Ngingenza **ukucabangela** ukuthi umama ka-Amaka ufuna ukumbonisa zonke izinto ezimangalisayo iNdlovukazi u-Amina azenza! |
| Yaphinde yavikela izwe eyayilibusa. Yakha izindonga eziqinile emizini kanye nasenkanjini zamasosha ukuqinisekisa ukuthi abantu bayo baphephile engozini. | **Ngicabanga** ukuthi umama ka-Amaka wayefuna u-Amaka abone ukuthi umuntu wesifazane angaba umholi omkhulu! |
| Nakuba abantu babengaqiniseki ekuqaleni, u-Amina wabamholi odumile. U-Amina wakhombisa abantu ukuthi indlovukazi ingabusa njengenkosi. Wayeyindlovukazi enkulu nenamandla futhi ebavikelayo abantu bayo neyenza izimpilo zabo zibe ngcono. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi umama ka-Amaka wamxoxela le ndaba ukuze ambonise ukuthi angavumeli ukungabaza kwabanye abantu kumvimbe! |
| 'Ungafunda kulezi zindaba zokhokho bethu, Amaka. Uma uzizwa udukile noma udinga umfutho, ungacabanga ngeNdlovukazi u-Amina, owayeyindlovukazi enkulu nenamandla noma abanye benokumngabaza!' kusho umama ka-Amaka. | Ngicabanga ukuthi umama ka-Amaka wenza **ukucabangela** ukuthi iNdlovukazi u-Amina ingaba yisibonelo esihle sokulingiswa u-Amaka. |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Le ndaba yenzeka kuphi? (Le ndaba yenzeka nini kanti kuphi) | Yenzeka eminyakeni engamakhulu edlule ebukhosini baseZazzau/eNigeria. |
| Uma senza ukucabangela, sakha imibono. Yini eyodwa oyithandayo ngeNdlovukazi u-Amina? | Ngithanda iNdlovukazi u-Amina ngoba.... |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Ucabanga ukuthi kungani umama ka-Amaka amxoxela indaba yeNdlovukazi u-Amina? | • Ngoba babona isithombe esibaziwe seNdlovukazi u-Amina.<br>• Ngoba u-Amaka wayengazi ukuthi ubani iNdlovukazi u-Amina.<br>• Ngoba umama ka-Amaka wayefuna ukumfundisa ngeNdlovukazi u-Amina.<br>• Ngoba umama ka-Amaka wayecabanga ukuthi u-Amina angaba isibonelo esihle ku-Amaka.<br>• Ngoba umama ka-Amaka wayecabanga ukuthi u-Amaka kufanele afunde ngomlando nangokhokho babo. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ______________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 3**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

ISONTO 3

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ENigeria
- isibonelo sokulingiswa
- isihlalo sobukhosi

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese u vula amehlo akho kakhulu |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Masha lapho umi khona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese uvula izandla zakho kakhulu |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapha umi khona |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba…
Ngithandile ngesikhathi…
Indaba ihlobene nesihloko esithi 'Umlando' ngoba…
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

# Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

## Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **v** | **w** | **u** |
| **a** | **l** | **i** |
| **e** | **n** | **s** |
| **o** | **m** | **b** |

### TSHENGISA

1. Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/v/** kanye **/w/**
2. Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3. Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4. Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/w/-/e/-/l/-/a/** = **wela**
5. Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/b/-/a/-/l/-/a/** = **bala**

### OKWENZIWA ABAFUNDI


1. Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **v, w**
2. Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3. Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4. Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **vula, vala, ivila, iveni, isivalo, amawele, wela, wola, wa, wena, bala, bona, nami, isisu, lalela**

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________




## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ngemva Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: FINGQA INDABA**

**YAKHA ISITHOMBE SOMBHALO**

1. Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, namabhuku abo noma amaphepha angabhalwanga, amapensela kanye namakhrayoni.
2. Chaza ukuthi namuhla abafundi **bazobhala bese bedweba** izinto ezimbili abazifunde endabeni**.**
3. **Tshengisa** indlela **ocabanga ngayo ngento oyifundile endabeni**, njengokuthi: Ngifunde ukuthi Indlovukazi u-Amina yayibusa Umbuso wamaZazzau nokuthi yaba yiqhawe elingehlulwa.
4. Dweba isithombe sakho ebhodini sokubusa kweNdlovukazi u-Amina.
5. Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ufake umusho noma emibili esithombeni sakho, njengokuthi: Indlovukazi u-Amina yayibusa Umbuso wamaZazzau. Indlovukazi u-Amina yaba yiqhawe.
6. Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bazocabanga ngezinto ezimbili abazifundile endabeni.
7. Tshela abafundi ukuthi bavale amehlo bese banethezeka. Phinda ubafundele umbhalo.
8. Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo bese bedweba imibono yabo ngalokho okungase kwenzeke ngokulandelayo.
9. Ekugcineni, cela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma**, nokuthi babelana ngemidwebo yabo nabalingani.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ______________________**

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 3.**
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1. Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2. Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3. Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4. Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: Izithombe zeNdlovukazi u-Amina, izithombe zamanje zaseNigeria kanye nezithombe zesikhathi esedlule zaseNigeria.
5. Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: abaholi abadume kuwo wonke umlando base-Afrika.
6. Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7. Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 80 – 81, Masenze

**Umsebenzi 2:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 82, Masifunde

**Umsebenzi 3:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 83 – 85, Masibhale

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngento oyithandile ngeNdlovukazi u-Amina.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

1 Khombisa abafundi isithombe sika<u>Tapiwa asemtapweni wezincwadi</u> esiseNcwadini Enkulu: <u>Umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila</u>
2 Tshela abafundi ukuthi siqhubeka nesihloko esithi: <u>Umlando</u>
3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4 Buza abafundi*: Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   a Yiziphi izinto ezintsha ozifundile ngomlando kuze kube?
   b Kungani sifunda ngomlando?
   c Yimiphi imibuzo onayo ngomlando?

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - iqiniso
   - umbono
   - ulwazi

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese u vula amehlo akho kakhulu |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Masha lapho umi khona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese uvula izandla zakho kakhulu |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapha umi khona |

ISONTO 4

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **vula**
   b **vala**
   c **ivila**
   d **iveni**
   e **isivalo**
   f **amawele**
   g **wela**
   h **wola**
   i **wa**
   j **wena**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

Umusho: ____________________________________________

____________________________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

## Ngaphambi Kokufunda

### ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi noma ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: Umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.

5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Ukulungisa Umbhalo

**ISIHLOKO:** Bhala indaba eyenzeka esikhathini esedlule. Zama ukufaka amaqiniso owaziyo ngomlando.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UKULUNGISELELA:**

1 Bhala uhlu lokulungisa umbhalo ebhodini ngaphambi kwesifundo sokubhala.
2 Bhala ebhodini umbhalo wakho osalungiswa ngaphambi kwesifundo. Hlanganisa iphutha elilodwa noma amabili.

**UHLU LOKULUNGISA UMBHALO:**

1 Ingabe ngisebenzise inkathi eyedlule?
2 Ingabe ngiyifakile imininingwane ebonisa ukuthi indaba yami yenzeka esikhathini esedlule?
3 Ingabe ikhona inkinga endabeni yami?
4 Ingabe inkinga esendabeni yami ixazululekile?
5 Ingabe onke amagama ngiwapele kahle?
6 Ingabe yonke imisho iqale ngohlamvu olukhulu?
7 Ingabe yonke imisho igcina ngophawu lokubhala olufanele?




#### TSHENGISA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (NGIYENZA)

1 Fundela abafundi ngokuzwakalayo uhlu lokulungisa umbhalo.
2 Ngemva kwalokho, fundela abafundi umbhalo osalungiswa wakho.
3 Funda uhlu, bese usho noma umbhalo osalungiswa wakho ulungile yini, noma kudingeka uwulungise noma uwuthuthukise.
4 Lingisela abafundi benza inqubo yokulungisa.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (BAYENZA)

1 Banikeze izincwadi zokubhalela.
2 Tshela abafundi ukuba babheke umbhalo wabo osalungisa womsebenzi wokubhala.
3 Ngemva kwalokho, tshela abafundi bafunde uhlu lokwenza umbhalo osalungiswa bese benza noma yikuphi ukulungisa noma ukuthuthukisa okudingekile.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ______________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 4**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/x/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/x/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **xokozela, xoxela**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **xoxa, ixoxo, xoxela, xokozela**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________________________

Amagama: ______________________________________________

______________________________________________


## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u /izinhlamvu /amagama /imisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Xx**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

6 Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/ amagama/imisho.
7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.








**UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA**

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

Umusho: ____________________

____________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ukufunda Kokuqala

**ISU LOKUQONDISISA: YENZA IZIPHETHO**

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila**<br><br>UTapiwa nodadewabo omdala uBontle bahlalela isidlo sakusihlwa bebobabili.<br><br>'Ngitshele ngosuku lwakho lwanamhla,' kusho uBontle.<br><br>'Besifunda isifundo somlando namuhla. Sifunde ngomongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila – uNelson Mandela!' kuphendula uTapiwa.<br><br>'Nifundeni ngoMongameli uMandela? Kungani ucabanga ukuthi ungumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila?' ebuza uBontle ngelukuluku.<br><br>'UMongameli uMandela walelwa ukulingana kwabantu abansundu baseNingizimu Afrika wasiza nangokuqeda ubandlululo. Kwafanela ukuthi aye ejele iminyaka engama-27, kodwa akazange abuye ahluphe abanye abantu. Futhi waklomeliswa ngezindondo eziningi zokuba umholi ovelele,' kusho uTapiwa.<br><br>Ngiyavumelana nawe ekutheni uNelson Mandela wayenguntu nomongameli omkhulu,' kuphendula uBontle. 'Kodwa, walwa nobandlululo ekanye nabanye abaholi abakhulu. Ngisho nangaphesheya kwezilwandle, kwakukhona abanye omongameli abaningi abakhulu.'<br><br>'Kodwa uthisha wami uthi wayemkhulu kunabo bonke!' kusho uTapiwa.<br><br>'Lowo umbono kathisha wakho,' kusho uBontle. 'Ungitshele ukuthi kungani ucabanga ukuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke. Kodwa awukangichazeli ukuthi kungani ucabanga ukuthi *ungomkhulu kunabo bonke abake baphila*.' | **Ngiyazibuza** ukuthi uTapiwa uyawazi yini umehluko phakathi kombono kanye neqiniso? Iqiniso yinto eyiqiniso ngaso sonke isikhathi kanti umbono yinto nje umuntu ayicabangayo. Kubonakala **sengathi** wayecabanga ukuthi kuyiqiniso ukuthi uNelson Mandela ungumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila, njengoba lokhu kungumbono kathisha wakhe. Yilokhu okwakucatshangwa uthisha wakhe – kodwa abanye abantu kungenzeka bacabange okwehlukile! |
| UTapiwa waqala waba nokungaqiniseki ngokuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. Wanquma ukuthi udinga ulwazi olwengeziwe. | **Ngingaphetha** ngokuthi uBontle wasiza uTapiwa ukuthi abone ukuthi lokhu okushiwo uthisha wakhe kwakungumbono nje kunokuba kube yiqiniso. |


| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
| --- | --- |
| Ngosuku olulandelayo, uTapiwa wathola umfowabo omdala u-Ofentse ezilungiselela ukuya emsebenzini.<br><br>'Ofentse, ingabe uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila?' kubuza uTapiwa.<br><br>'Yebo kukhona izinto ezinhle azenza, ezifana nokulwela ukulingana,' kusho u-Ofentse ngokucabangisisa. 'Kodwa angazi ukuthi wangumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila – lowo kumane nje kungumbono. | Oh! **Ngingaphetha** ngokuthi u-Ofentse naye wasiza uTapiwa ukuthi abone ukuthi nakuba uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu, kodwa ukuthi wanguye ngempela yini noma cha umongameli *omkhulu kunabo bonke abake baphila* kwakumane nje kungumbono. |
| Ukuphawula kuka-Ofentse kwenza uTapiwa azizwe angaqiniseki ngokwengeziwe ngokuthi uNelson Mandela wayenguye yini umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa akazi ukuthi umbono uyini. |
| UTapiwa wabona umakhelwane wakhe uMama Modiba ehlezi ngaphandle ethamele ilanga lasekuseni. 'Anti, ingabe uTata Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila?' kubuza uTapiwa.<br><br>'Ngicabanga ukuthi uMadiba wayengumuntu nomongameli omkhulu – wasilethela iNingizimu Afrika ekhululekile.' esho. 'Kodwa mhlawumbe wayengeyena umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila.'<br><br>'Kungani kungenjalo?' kubuza uTapiwa ngelukuluku.<br><br>'Iqiniso liwukuthi kusekhona ukungalingani okuningi ezweni lethu,' esho.<br><br>'Kuyini ukungalingani?' kubuza uTapiwa.<br><br>'Ukungalingani kwenzeka uma bungekho ubulungisa. Lapha eNingizimu Afrika abantu abamnyama abaningi abakabi nawo umhlaba owathathwa kubo. Kanti futhi abantu abaningi abamnyama basahlupheka, abanayo imisebenzi noma izindlu okungezabo,' echaza. | -- |
| Manje uTapiwa wazizwa esedideke kakhulu. Abanye abantu bakholelwa ukuthi uNelson Mandela walwela ukuthi kulinganwe. Kodwa abanye abantu bakholelwa ekutheni akazange enze okwanele ukuqeda ukungalingani! | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa ufunda ngokuthi abantu banemibono ehlukahlukene ngoNelson Mandela. Akuyena wonke umuntu ocabanga njengothisha wakhe. |

ISONTO 4

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
| --- | --- |
| Ekuhambeni kwesikhathi ngalelo langa, uTapiwa waya emtapweni wezincwadi wayosebenzisa ikhompyutha. Wabhala 'umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila' ku-Google.<br><br>Kwavela isithombe sendoda endala ebizwa ngokuthi u-Abraham Lincoln.<br><br>Kwavela isithombe sikaBarack Obama.<br><br>Kodwa sasingekho isithombe sikaNelson Mandela.<br><br>UTapiwa wazibuza ukuthi kungani kungomongameli baseMelika kuphela abavela kuloluphenyo. | -- |
| UTapiwa wabhala 'omongameli abakhulu kunabo bonke abake baphila e-Afrika.'<br><br>Kwavela igama likaNelson Mandela kuqala! Kodwa lalingelodwa – kwakukhona uhlu olude lwabaholi ababevelele: uNelson Mandela, Kwame Nkrumah, Patrice Lumumba, Thomas Sankara, Haile Selassie kanye nabanye abaningi. uTapiwa wachofoza ilinki waqala wafunda. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa ufunda ukuthi kunomongameli abaningi abamangalisayo e-Afrika naphesheya kwezilwandle – kanti kunezimbangi eziningi ezifuna ukwaziwa njengomongameli abakhulu kunabo bonke abake baphila! |
| Endleleni yakhe eyayiphindela ekhaya uTapiwa wacabanga ngabo bonke abaholi base-Afrika abathole ku-Google. Waphinde wazizwa engaqiniseki ngokuthi uNelson Mandela kwakunguyena mongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. Mhlawumbe kwakunguKwame Nkrumah, owalwela iGhana ukuthi izimele? Noma mhlawumbe kwakunguThomas Sankara owalwela ukulingana kobulili njengomholi waseBurkina Faso? Wayesezibuza manje ukuthi abantu bazothini ngabo – mhlawumbe nabo babengaphelele. | **Ngicabanga** ukuthi uTapiwa useyabona manje ukuthi abantu bangaba nemibono eyahlukene kakhulu ngokuthi yimuphi umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila – ngoba baningi abaholi abanogqozi! |
| 'Nginqume ukuthi angazi noma uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila,' uTapiwa etshela uBontle ngalobo busuku ngenkathi bedla isidlo sakusihlwa. 'Kufanele ngenze ucwaningo olwengeziwe.'<br><br>UBontle wamoyizela. Umfowabo wayefunde isifundo esibalulekile. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa ufunde ukuthi uvumelekile ukuthi abe nombono okungowakhe – kodwa udinga ukuba nolwazi oluningi kuqala! |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| Wafunda ngani uTapiwa esikoleni? | Wafunda ngoNelson Mandela. |
| Yibaphi abanye omongameli uTapiwa afunda ngabo ngenkathi eya emtapweni wezincwadi? | Wafunda ngo-Abraham Lincoln, Barack Obama, Kwame Nkumah, Patrice Lumumba, Haile Selassie kanye noThomas Sankara emtapweni wezincwadi. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uTapiwa ayezizwa engaqiniseki ngokuthi uNelson Mandela kwakunguyena mongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila? | • Ngoba wabona ukuthi kwakungumbono kathisha wakhe – hhayi iqiniso.<br>• Ngoba wabona ukuthi abantu banemibono eyahlukene ngokuthi ingabe uNelson Mandela kwakunguyena yini umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila.<br>• Ngoba wabona ukuthi kukhona abanye omongameli abaningi abangaba abakhulu kunabo bonke abake baphila.<br>• Ngoba wabona ukuthi wayedinga ulwazi olwengeziwe ukuze ezokwazi ukuzakhela owakhe umbono. |





## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 4**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ukulingana
- ukungalingani
- vumelana
- ukungavumelani

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese u vula amehlo akho kakhulu |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Masha lapho umi khona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese uvula izandla zakho kakhulu |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapha umi khona |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/y/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo **/y/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **yona, yini, yala**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **iyoyo, yala, yena, yona, yini**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.



#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Yy**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Ukushicilela Nokwethula

**ISIHLOKO:** Bhala indaba eyenzeka esikhathini esedlule. Zama ukufaka amaqiniso owaziyo ngomlando.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UHLAKA LOKUBHALA:**

Kwasukasukela… *(sitshele ngabalingiswa kanye nendawo okwenzeka kuyo indaba. Qiniseka ukuthi uhlanganisa imininingwane ebonisa ukuthi indaba yenzeka esikhathini esedlule)*

Ngolunye usuku… *(chaza inkinga)*

Ngemva kwalokho… *(chaza indlela inkinga eyaxazululwa ngayo)*

Ekugcineni… *(yini abantu abayicabanga ngomlingiwa oyinhloko?)*

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela kombhalo osalungiswa okwenze ngoMsombuluko ebhodini.

#### TSHENGISA INQUBO YOKUSHICILELA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ukuthi ngoMsombuluko wasebenzisa uhlu lokulungisa umbhalo ukwenza umbhalo osalungiswa ukuze ulungise umbhalo wakho osalungiswa.
2. Ngokulandelayo, tshela abafundi ukuthi namuhla sizoshicilela bese sethula umbhalo wethu wokugcina.
3. Khombisa abafundi indlela yokuphinde ubhale umbhalo wakho siqu, onesihloko kanye nosuku.


#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKUSHICILELA (BAYENZA)

1. Nikeza abafundi izincwadi zokubhalela.
2. Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Ngesikhathi…**
3. Tshela abafundi ukuba baphinde babhale ngobunono umbhalo wabo wokugcina, ungabi namaphutha.
4. Uma abafundi benesikhathi, bangadweba masinyane umfanekiso.
5. Ngesikhathi abafundi bebhala, hambahamba egumbini lokufunda futhi usize abafundi abanobunzima.

ISONTO 4

## ABAFUNDI BETHULA UMBHALO WABO

1. Emizuzwini yokugcina emihlanu yesifundo, tshela abafundi ukuba babeke phansi amapeni namapensela abo.
2. Tshela abafundi ukuba Bajike bese Bekhuluma nozakwabo futhi bafunde umbhalo wabo.
3. Lapho abafundi sebekwenzile lokhu, biza umfundi oyedwa noma ababili ukuba azofundela ikilasi umbhalo wakhe.
4. Choma umbhalo wabafundi uzungeze ikilasi. Lokhu kuzosiza abafundi ukuba bafunde imibhalo yabanye, bese bexoxa ngokusebenzisa amagama amasha.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ___________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 4**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **xoxa**
3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/x/**-**/o/**-**/x/**-**/a/**
4 Yisho umsindo wokuqala wegama: **/x/**
5 Yisho umsindo wesibili wegama: **/o/**
6 Yisho umsindo wesithathu wegama: **/x/**
7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8 Bhala igama ebhodini: **xoxa**
9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/xo/**-**/xa/** = **xoxa**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **yena**

**SIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **ixoxo**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/i/**
4 Buza abafundi: Uthini umsindo wesibili egameni? **/x/**
5 Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/o/**
6 Buza abafundi: Uthini umsindo wesine egameni? **/x/**
7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/o/**
8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/i/**-**/x/**-**/o/**-**/x/**-**/o/**
9 Bhala igama: **ixoxo**
10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/i/**-**/xo/**-**/xo/** = **ixoxo**
11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **yini**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

ISONTO 4

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ukufunda Kwesibili

**AMASU OKUFUNDA: YENZA IZIPHETHO**


| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila**<br><br>UTapiwa nodadewabo omdala uBontle bahlalela isidlo sakusihlwa bebobabili.<br><br>'Ngitshele ngosuku lwakho lwanamhla,' kusho uBontle.<br><br>'Besifunda isifundo somlando namuhla. Sifunde ngomongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila – uNelson Mandela!' kuphendula uTapiwa.<br><br>'Nifundeni ngoMongameli uMandela? Kungani ucabanga ukuthi ungumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila?' ebuza uBontle ngelukuluku.<br><br>'UMongameli uMandela walelwa ukulingana kwabantu abansundu baseNingizimu Afrika wasiza nangokuqeda ubandlululo. Kwafanela ukuthi aye ejele iminyaka engama-27, kodwa akazange abuye ahluphe abanye abantu. Futhi waklomeliswa ngezindondo eziningi zokuba umholi ovelele,' kusho uTapiwa.<br><br>Ngiyavumelana nawe ekutheni uNelson Mandela wayenguntu nomongameli omkhulu,' kuphendula uBontle. 'Kodwa, walwa nobandlululo ekanye nabanye abaholi abakhulu. Ngisho nangaphesheya kwezilwandle, kwakukhona abanye omongameli abaningi abakhulu.'<br><br>'Kodwa uthisha wami uthi wayemkhulu kunabo bonke!' kusho uTapiwa.<br><br>'Lowo umbono kathisha wakho,' kusho uBontle. 'Ungitshele ukuthi kungani ucabanga ukuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke. Kodwa awukangichazeli ukuthi kungani ucabanga ukuthi *ungomkhulu kunabo bonke abake baphila*.' | Oh! **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa ucabanga ukuthi uNelson Mandela ungumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila ngoba uthisha wakhe esho kanjalo.<br><br>**Ngingaphetha** ngokuthi wayecabanga ukuthi lokhu kuyiqiniso – kuyilapho lokhu kumane kungumbono wakhe. |
| UTapiwa waqala waba nokungaqiniseki ngokuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. Wanquma ukuthi udinga ulwazi olwengeziwe. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa uzizwa engaqiniseki ngombono wakhe. **Ngiyazibuza** ukuthi unalo yini ulwazi olwanele ukwenza owakhe umbono? |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ngosuku olulandelayo, uTapiwa wathola umfowabo omdala u-Ofentse ezilungiselela ukuya emsebenzini.<br>'Ofentse, ingabe uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila?' kubuza uTapiwa.<br>'Yebo kukhona izinto ezinhle azenza, ezifana nokulwela ukulingana,' kusho u-Ofentse ngokucabangisisa. 'Kodwa angazi ukuthi wangumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila – lowo kumane nje kungumbono. | Oh! **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa uya ku-Ofentse ukuze athole ulwazi olwengeziwe ngokuthi uNelson Mandela wayenguye yini umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. Kodwa ngicabanga ukuthi akatholi ulwazi olwanele ukuze enze owakhe umbono? |
| Ukuphawula kuka-Ofentse kwenza uTapiwa azizwe angaqiniseki ngokwengeziwe ngokuthi uNelson Mandela wayenguye yini umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa akazi ngokwanele ngabanye omongameli ukuze enze isinqumo sokuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. |
| UTapiwa wabona umakhelwane wakhe uMama Modiba ehlezi ngaphandle ethamele ilanga lasekuseni. 'Anti, ingabe uTata Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila?' kubuza uTapiwa.<br>'Ngicabanga ukuthi uMadiba wayengumuntu nomongameli omkhulu – wasilethela iNingizimu Afrika ekhululekile.' esho. 'Kodwa mhlawumbe wayengeyena umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila.'<br>'Kungani kungenjalo?' kubuza uTapiwa ngelukuluku.<br>'Iqiniso liwukuthi kusekhona ukungalingani okuningi ezweni lethu,' esho.<br>'Kuyini ukungalingani?' kubuza uTapiwa.<br>'Ukungalingani kwenzeka uma bungekho ubulungisa. Lapha eNingizimu Afrika abantu abamnyama abaningi abakabi nawo umhlaba owathathwa kubo. Kanti futhi abantu abaningi abamnyama basahlupheka, abanayo imisebenzi noma izindlu okungezabo,' echaza. | **Ngingaphetha** ngokuthi, noma uNelson Mandela wayengumongameli ovelele, kodwa wayengaphelele. Naye wayengumuntu, kanti akekho umuntu ophelele ongenawo amaphutha. Sonke sinawo amaphutha noma izinto esingazenza kangcono. |
| Manje uTapiwa wazizwa esedideke kakhulu. Abanye abantu bakholelwa ukuthi uNelson Mandela walwela ukuthi kulinganwe. Kodwa abanye abantu bakholelwa ekutheni akazange enze okwanele ukuqeda ukungalingani! | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa udinga ulwazi olwengeziwe. Udinga amanye amaqiniso. Umane uthola imibono yabanye abantu nje. |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ekuhambeni kwesikhathi ngalelo langa, uTapiwa waya emtapweni wezincwadi wayosebenzisa ikhompyutha. Wabhala 'umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila' ku-Google.<br><br>Kwavela isithombe sendoda endala ebizwa ngokuthi u-Abraham Lincoln.<br><br>Kwavela isithombe sikaBarack Obama.<br><br>Kodwa sasingekho isithombe sikaNelson Mandela.<br><br>UTapiwa wazibuza ukuthi kungani kungomongameli baseMelika kuphela abavela kuloluphenyo. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa wabona ukuthi ukuze ube umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila kusho ukuthi kumele abe ngcono kuna bonke omongameli abake baphila. |
| UTapiwa wabhala 'omongameli abakhulu kunabo bonke abake baphila e-Afrika.'<br><br>Kwavela igama likaNelson Mandela kuqala! Kodwa lalingelodwa – kwakukhona uhlu olude lwabaholi ababevelele: uNelson Mandela, Kwame Nkrumah, Patrice Lumumba, Thomas Sankara, Haile Selassie kanye nabanye abaningi. uTapiwa wachofoza ilinki waqala wafunda. | **Ngingaphetha** ngokuthi i-intanethi isiza uTapiwa ukuthi abone ukuthi udinga ulwazi oluningi kakhulu ngaphambi kokuthi azakhele owakhe umbono. |
| Endleleni yakhe eyayiphindela ekhaya uTapiwa wacabanga ngabo bonke abaholi base-Afrika abathole ku-Google. Waphinde wazizwa engaqiniseki ngokuthi uNelson Mandela kwakunguyena mongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. Mhlawumbe kwakunguKwame Nkrumah, owalwela iGhana ukuthi izimele? Noma mhlawumbe kwakunguThomas Sankara owalwela ukulingana kobulili njengomholi waseBurkina Faso? Wayesezibuza manje ukuthi abantu bazothini ngabo – mhlawumbe nabo babengaphelele. | **Ngicabanga** ukuthi uTapiwa kufanele abone ukuthi akekho umholi ophelele noma ngabe wayevelele kangakanani, abantu bangaba nemibono eyahlukene ngabo. |
| 'Nginqume ukuthi angazi noma uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke yini abake baphila,' uTapiwa etshela uBontle ngalobo busuku ngenkathi bedla isidlo sakusihlwa. 'Kufanele ngenze ucwaningo olwengeziwe.'<br><br>UBontle wamoyizela. Umfowabo wayefunde isifundo esibalulekile. | **Ngingaphetha** ngokuthi uTapiwa ufunde ukuthi bekulokhu kukhona abanye omongameli nabaholi abavelele. Udinga ulwazi olwengeziwe ngaphambi kokuthi azakhele umbono wakhe ngokuthi ubani umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| Obani abatshela uTapiwa imibono yabo ngoNelson Mandela? | Kwakunguthisha wakhe, udadewabo uBontle, umfowabo u-Ofentse, kanye nomakhelwane wakhe uMama Modiba abamtshela ngemibono yabo. |
| Kungani uTapiwa wayecabanga ukuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila? | Ngoba uthisha wakhe wathi wayengumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uTapiwa abona ukuthi kufanele enze ucwaningo olwengeziwe? | • Ngoba wabona ukuthi kwakungumbono kathisha wakhe ukuthi uNelson Mandela wayengumongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila.<br>• Ngoba wabona ukuthi abantu banemibono eyahlukene ngokuthi uNelson Mandela unguyena yini noma cha umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila.<br>• Ngoba wayengakwazi ukuchaza ukuthi kungani ayecabanga ukuthi uNelson Mandela wayengumongameli obadlula bonke abake babakhona.<br>• Ngoba wabona ukuthi babebaningi omongameli abavelele – ngalokho wayengaqiniseki ukuthi uNelson Mandela kwakunguyena yini umongameli omkhulu kunabo bonke abake baphila.<br>• Ngoba wabona ukuthi udinga ukuba nowakhe umbono kunokuthi athathe umbono kathisha wakhe.<br>• Wafunda ukuthi wayedinga ulwazi olwengeziwe ngaphambi kokuthi azakhele umbono okungowakhe. |

ISONTO 4



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 4**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- umtapo wezincwadi
- umholi
- bona

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Hhamba hamba lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese u vula amehlo akho kakhulu |
| Uma indlovukazi ingena phakathi | Masha lapho umi khona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapho lapho ukhona |
| Abantu bayema babuke ngokumangala | Yima bese uvula izandla zakho kakhulu |
| Uma inkosi ingena phakathi | Masha lapha umi khona |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba…
UTapiwa wafunda ukuthi…
Umbono…
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

ISONTO 4

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **x** | **y** | **o** |
| **a** | **i** | **l** |
| **n** | **e** | **k** |
| **z** | **v** | **s** |

#### TSHENGISA

1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/x/** kanye **/y/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/y/**-**/e/**-**/n/**-**/a/** = **yena**
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/v/**-**/a/**-**/l/**-**/a/** = **vala**

#### OKWENZIWA ABAFUNDI

1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **x, y**
2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **xoxa, ixoxo, xoxela, xokozela, iyoyo, yala, yena, yona, yini, vala, ivila, sika, isikelo, luni**

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________


## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ngemva Kokufunda

Imizuzu eyi-15

**ISU LOKUQONDISISA: FINGQA INDABA**

**UKUBUYEKEZA OKUXOXWAYO NOMA OKUBHALWAYO KWENDABA**

**1** Chaza ukuthi namuhla *sizocabanga ngezingxenye ezibaluleke kakhulu ngendaba esembhalweni.*
**2** Sizophinde *sicabange ngokucabangela esingakwenza ngoTapiwa.*
**3** Bhala uhlaka lokubuyekeza ebhodini.
**4** Yalela abafundi ukuba basebenzise uhlaka ukuphendula imibuzo:
**Le ndaba ingisize ngafunda ngamaqiniso kanye nemibono ngoba**…
**Ngithandile…**
**UTapiwa wafunda ukuthi…**
**5** Chaza ukuthi abafundi ngeke bakwazi ukusho yonke into ngendaba esembhalweni – bazodinga ukukhetha izingxenye ezibaluleke kakhulu.
**6** Tshengisa abafundi isibonelo sakho. Yithi: ***Le ndaba ingisize ngafunda ngamaqiniso kanye nemibono ngoba*** u*Tapiwa wabona ukuthi wenza iphutha ngento eyashiwo uthisha wakhe ngokuthi iyiqiniso, nakuba kwakungumbono. Ngifunde ukuthi wonke umuntu angaba nombono wakhe.* ***Ngithandile*** *ngesikhathi uTapiwa eya emtapweni wezincwadi ukuze ayothola ulwazi olwengeziwe.* ***UTapiwa wafunda ukuthi*** *kunawomongameli abaningi abakhulu okungelula ukhetha umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila.*
**7** Khombisa abafundi izithombe ezisendabeni eseNcwadini Enkulu.
**8** Nikeza abafundi isikhathi sokucabanga ngendaba esembhalweni.
**9** Yalela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** futhi baxoxe nozakwabo ngokufingqwa kwendaba **yabo**. ***(Akufanele baphinde lokho okushiwo uthisha. Lokhu kufanele kube imibono yabafundi ngokwabo!)***
**10** Cela abafundi ukuba baphinde bahlangane ndawonye.
**11** Cela abafundi 1–2 ukuba baxoxe ngokufingqwa kwendaba yabo nekilasi.
**12** Yenza ukufingqwa kwendaba yekilasi, njengokuthi: ***Le ndaba isisize safunda ngamaqiniso kanye nemibono ngoba*** *uTapiwa wabona ukuthi akusibo bonke abantu abanombono ofanayo ngokuthi ubani umongameli omkhulu kunabo bonke owake waphila. Wabona ukuthi lena indaba yombono hhayi eyiqiniso.* ***Sithandile*** *ngesikhathi uTapiwa ebuza abanye abantu ngalokho abakucabangayo, ukuze athole ulwazi olwengeziwe.*



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ______________________**

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 4.**
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto Imizuzu eyi-15

1. Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2. Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3. Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4. Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5. Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto zingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: izithombe zabantu abehlukene abanobukhulu kanye nokuma okungafani abavela emhlabeni wonke.
5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: izindlela zokungazenyezi ngomzimba wakho ekilasini.
6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 86, Masifunde

**Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 87, Masibhale

**Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-DBE** 2: Ikhasi 88 – 89, Masenze

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala into oyithandayo ngawe.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)

**1** Khombisa abafundi ikhava engaphambili yendaba eseNcwadini Enkulu: UZweli uyakhuluma
**2** Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Ukuxhaphazwa nokubukeka
**3** Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
**4** Buza abafundi*: Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
**5** Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
**6** Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
  **a** Kuyini ukuxhaphazwa?
  **b** Kuyini ukubukeka?
  **c** Ucabanga ukuthi kuxhumana kanjani ukuxhaphazwa kanye nokubukeka?

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

**1** Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
**2** Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- abaxhaphazi
- ukuxhaphazwa
- ukubukeka

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Wonke umuntu makasukume ngokuziqhenya | *Sukuma uqonde* |
| Sizoqeda ukuhlukumezana manje | *Phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Wonke makahambe aphinde acule | *hamba emugqeni wakho* |
| Masisebenzisane siqede ukuhlukumezana | *bambanani ngezandla nomuntu oseduze naye.* |
| Masiphakamise izandla zethu ngalendlela | *Phakamisela izandla zakho emoyeni* |
| Sizokuqeda ukuhlukumezana namhlanje! | *phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Masishaye izandla sonke sicule | *Shaya izandla zakho* |
| Masisebenzisane siyeke ukuhlukumezana! | *bambanani ngezandla nobantu abaseduze nawe.* |

ISONTO 5

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **xoxa**
   b **ixoxo**
   c **xoxela**
   d **xokozela**
   e **iyoyo**
   f **yala**
   g **yena**
   h **yona**
   i **yini**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

### Ngaphambi Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: QAGELA**

1 Hlalisa abafundi kukhaphethi ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: UZweli uyakhuluma
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

## Hlela bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala indaba emayelana nomuntu owayexhaphazwa ngenxa yokubukeka kwakhe.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UHLAKA LOKUBHALA:** Yenza ibalazwe lomqondo

### YETHULA ISIHLOKO OKUZOBHALWA NGASO.

1 Bonisa abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
2 Khuluma, uchaze imibono yakho ngendaba yakho, njengokuthi:
*Ngizobhala indaba mayelana nomlingiswa owaxhaphazwa ngenxa yobude bakhe. Ngesinye isikhathi abantu bayaxhaphazwa ngokuba bafushane noma bade. Ngicabanga ukuthi ngizokwenza umlingiswa wami oyinhloko abe mfushane kakhulu.*



### TSHENGISA ISU LOKUHLELA (NGIYENZA)

1 Yiba nohlaka lokuhlela olubhalwe ngakolunye uhlangothi lwebhodi.
2 Khombisa abafundi indlela owenza ngayo uhlu ngokuphendula imibuzo.
3 Qedela ukuhlela ngokolunye uhlangothi lwebhodi.

| **Ukuhlela ibalazwe lomqondo** | | |
|---|---|---|
| Ubani umlingiswa oyinhloko endabeni? | Yini into eshiwoyo endabeni? | Ingabe bakhona abanye abalingiswa? |
| Iyini inkinga esendabeni? | **Indaba yami** | Yaxazululwa kanjani inkinga? |
| Yenzeka kuphi indaba? | Ingabe ikhona eminye imininingwane ebalulekile? | Yimaphi amagama emizwa asendabeni yakho? |

| **Ibalazwe lomqondo** | | |
|---|---|---|
| UThandeka. Uyaxhaphazwa ngenxa yokuthi mfushane kakhulu. | Abaxhaphazi bathi mfushane kakhulu uThandeka | U-Amanda, umngane wakhe. Umxhaphazi uNelisiwe. |
| UThandeka uyaxhaphazwa ngenxa yokuba mfushane. | **Indaba yami** | U-Amanda wamelela umngane wakhe wase etshela uthisha. Ngemva kwalokho uNelisiwe waxolisa. |
| Esikoleni | UNelisiwe akamude kakhulu kunoThandeka. | Ukuzenyeza, ukwesaba, ukuphatheka kabi |

## ABAFUNDI BASEBENZISA ISU LOKUHLELA (BAYENZA)

**1** Tshela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngendaba yabo. Izakuba yini inkinga endabeni yakho nokuthi izoxazululwa kanjani.


**2** Okulandelayo, tshela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** kanye nozakwabo, ukuze baxoxe ngezindaba zabo.


**3** Bonisa abafundi uhlaka lwebalazwe lomqondo elisebhodini bese ubatshela ukuba basebenzise lolu hlaka ukuhlela umbhalo wabo, njengoba wenzile.

**4** Banike izincwadi zokubhalela.

**5** Tshela abafundi ukuthi ababhale imibono okungeyabo –**hhayi** ukuba bakopishe ukuhlela kwakho.

**6** Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi bese ubamba izingxoxo ezincane.





## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu enga – 30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 5**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/z/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/z/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **zabalaza, izulu**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **izulu, izolo, zuza, zabalaza, izibi**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u /izinhlamvu /amagama /imisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Zz**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

# Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

## Ukufunda Kokuqala


### AMASU OKUQONDISISA: NGIYAZIBUZA / YENZA IZIPHETHO

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **<u>UZweli uyakhuluma</u>**<br>'Bekunjani esikoleni namuhla?' kubuza umama kaZweli njengoba egoqozisa iphalishi.<br>'Beku...kahle,' kusho uZweli. Wahlala phansi etafuleni.<br>UZweli wacabanga ngesikhathi sekhefu. Wacabanga ngoLungi. Wacabanga ngendlela ezinye izingane bezimgcona ngayo uLungi.<br>'Awubukeki ukahle,' kusho umama kaZweli esusa ibhodwe lephalishi esitofini. | Bheka ubuso bukaZweli esithombeni—**ngingaphetha** ngokuthi uZweli ubukeka engesikahle ngempela! |
| 'Yebo, ezinye izingane bezihlupha uLungi,' kuphendula uZweli.<br>'Kungani bezimhlupha?' kubuza umama wakhe.<br>'Zithi kwangathi izicathulo zakhe uzithole emgqomeni kadoti,' kuphendula uZweli.<br>'Zithi ubukeka njengentombazane ehlala kudoti ongcolile, ngoba nakhu izinzwane zakhe zivele ngaphandle kwezicathulo. Kodwa khumbula ukuthi ngonyaka odlule – izicathulo zami zazidabukile, njengezikaLungi.' Kusho uZweli. | **Ngingaphetha** ngokwasesithombeni ukuthi uZweli nomama wakhe banengxoxo ejulile. |
| 'Ngiyazibuza ukuthi ungasiza kanjani?' kubuza umama wakhe.<br>UZweli wacabanga ngalokhu. 'Mhlawumbe ngesikhathi esizayo, ngingatshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukumhlupha,' esikisela.<br>'Lokhu kuzwakala kungumbono omuhle,' kusho umama wakhe. 'Ngicabanga ukuthi leyo into nawe obungathanda ukuthi omunye umuntu akwenzele yona.' | **Ngiyazibuza** ukuthi ingabe uZweli uzonquma ukummelela yini uLungi? |
| Ngosuku olulandelayo, insimbi yesikhathi sekhefu yakhala. UZweli wazizwa esaba. UZweli wakhathazeka. 'Kazi kuzokwenzekani uma ngitshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukuhlupha?' ezibuza.<br>'Mhlawumbe bazothi ijezi lami livela lapho kulahlwa khona udoti,' ecabanga, ebheka imbobo enkulu emkhonweni wakhe.<br>'Noma uSibusiso noma uLucky bazothukuthela bangishaye,' ecabanga. | **Ngiyazibuza** ukuthi yini ezokwenzeka kuZweli uma ekhulumela uLungi? |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ngenkathi ephumela ngaphandle, uLungi wayehleli yedwa. Wayehlezi phansi, ezama ukufihla izicathulo zakhe.<br><br>USibusiso noLucky baya kuLungi. Nezinye izingane zasondela kuLungi. 'Wothi sibone izicathulo zakho eziwudoti ongcolile namuhla,' kugcona uLucky.<br><br>'Uhlala kudoti yini?' kuhleka uSibusiso. Ezinye izingane zazimkhomba zimhleka. | **Ngingaphetha** ngokuthi uLungi uzama ukufihla izicathulo zakhe ukuze iziqhwaga zingaziboni. |
| UZweli wema phambi kukaLungi. 'Yekani lento eniyenzayo!' esho. 'Yekani ukuhlupha.' Inhliziyo yakhe yayishaya ngamandla. Ubuso bakhe babuzwakala bushisa.<br><br>ULucky noSibusiso babukeka bemangele. Basuka bahamba. Nezinye izingane zalandela. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZweli wazizwa enokwesaba ngenkathi emelela uLungi. Kungenzeka ukuthi ukhathazwa ukuthi lezi ziqhwaga zizokwenzani! |
| 'Woza lapha Zweli!' kumemeza uMnu. Maboya. Wayeme ngaphandle kwekilasi lakhe.<br><br>'Hhayi bo!' kucabanga uZweli, 'Manje uMnu. Maboya uzocabanga ukuthi bengihlupha. Bengizama ukusiza kodwa manje ngisenkingeni.' | Hhayi bo! **Ngiyazibuza** ukuthi ingabe uZweli usenkingeni yini? |
| 'Ngibone indlela omelela ngayo uLungi,' kusho uMnu. Maboya.<br><br>'Ngiyaziqhenya ngawe.' UMnu. Maboya wanikeza uZweli istikha esinobuso obumamathekayo.<br><br>'Ngesikhathi esizayo, ungeza nakimi uzongitshela,' kusho uMnu. Maboya. 'Ngilapha ukuzokusiza nami.'<br><br>UZweli wayesejahe ukuyotshela umama wakhe ngakho konke kwangalolo suku. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani uMnu. Maboya anikeza uZweli istikha? Oh! Ngingaphetha ngokuthi wanikeza uZweli istikha ukukhombisa ukuthi wayeziqhenya kangakanani ngoZweli. Akukho lula ukumelana neziqhwaga njengoba kwenza uZweli! |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| Ngubani owayehlukunyezwa esikoleni? | ULungi owayehlukunyezwa. |
| Ngubani owayemhlukumeza? | ULucky noSibusiso. Kwakuphinde kube khona nezinye izingane lapho. |
| Ngubani owanikeza uZweli istikha? | UMnu. Maboya |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uMnu. Maboya anikeza uZweli istikha? | • Ngoba uZweli watshela ezinye izingane ukuthi zingamhluphi uLungi.<br>• Ngoba uZweli wenza into elungile.<br>• Ngoba uMnu. Maboya wayeziqhenya ngoZweli. |

ISONTO 5



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ___________________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 5**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- isibuko
- ukucabanga
- ukumelela

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Wonke umuntu makasukume ngokuziqhenya | *Sukuma uqonde* |
| Sizoqeda ukuhlukumezana manje | *Phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Wonke makahambe aphinde acule | *hamba emugqeni wakho* |
| Masisebenzisane siqede ukuhlukumezana | *bambanani ngezandla nomuntu oseduze naye.* |
| Masiphakamise izandla zethu ngalendlela | *Phakamisela izandla zakho emoyeni* |
| Sizokuqeda ukuhlukumezana namhlanje! | *phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Masishaye izandla sonke sicule | *Shaya izandla zakho* |
| Masisebenzisane siyeke ukuhlukumezana! | *bambanani ngezandla nobantu abaseduze nawe.* |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)



1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
5 Okulandelayo bonke abafundi eqenjini mabathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
6 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibenobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
7 Khumbuza abafundi ukuba balalelisise izindaba zozakwabo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.

ISONTO 5

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/r/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo **/r/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **irandi, irayisi**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **irula, irayisi, irandi**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **Rr**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6 Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/ amagama/imisho.
7 Abafundi kumele badwebele umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Yenza Umbhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala indaba emayelana nomuntu owayexhaphazwa ngenxa yokubukeka kwakhe.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UHLAKA LOKUBHALA:**

**Isigaba 1**

Bekukhona … *(sitshele ngendawo okwenzeka kuyo indaba kanye nabalingiswa.)*

*…wayexhaphazwa ngenxa yokuthi… (chaza inkinga)*

*'…,' kusho umxhaphazi. (Bhala into eyashiwo umxhaphazi)*

*…wazizwa…*

**Isigaba 2**

Ngemva kwalokho… *(chaza indlela inkinga eyaxazuleka ngayo)*

*'…,' esho…(kuhlanganise nento ayisho)*

Ekugcineni… *(yini abantu abayicabanga ngomlingiswa oyinhloko?)*

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela okwenze ngoMsombuluko ebhodini.


#### TSHENGISA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OSALUNGISWA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ngokuhlela okwenze ngoMsombuluko.
2. Funda konke ukuhlela kwakho okubhale ebhodini.
3. Okulandelayo, funda lonke uhlaka lokubhala kanye nabafundi.
4. **Khombisa abafundi indlela yokusebenzisa izimpawu zokucaphuna ukuveza inkulumo eshiwo othile endabeni.**
5. Tshengisa indlela yokuqedela uhlaka lokubhala ngokusebenzisa okwakho ukuhlela, njengokuthi:
   **Bekukhona** intombazane ogama layo linguThandeka. Wayehlakaniphe kakhulu futhi enomusa kubo bonke abantu. Kodwa uThandeka **wayexhaphazwa intombazane ogama layo linguNelisiwe ngenxa** yobude bakhe. 'Umfushane kakhulu!' **kusho umxhaphazi** kuye. Umxhaphazi wamphushela phansi. UThandeka wazizwa esaba kakhulu ukuya esikoleni ngoba esaba ukuthi uNelisiwe uzomlimaza.
   **Ngemva kwalokho**, ngolunye usuku umngani kaThandeka ongu-Amanda wabona uNelisiwe ephushela uThandeka phansi. U-Amanda waya kuthisha. 'UNeli uhlupha uThandeka,' kusho u-Amanda kuthisha. Uthisha watshela uNelisiwe ukuba akuyeke

lokho, wase evikela uThandeka. **Ekugcineni**, uThandeka wazi ukuthi akukho into embi ngokuba kwakhe mfushane.

## ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OWALUNGISWA (BAYENZA)

1. Banike izincwadi zokubhalela.
2. Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Indaba yami**: **Umbhalo Osalungiswa**
3. Tshela abafundi ukuba bathole ukuhlela kwabo kwangoMsombuluko bese becabanga ngemibono yabo.
4. Tshela abafundi ukuba baqedela uhlaka lokubhala basebenzise ukuhlela kwabo.
5. Tshela abafundi ukuthi bangangeza imisho eyengeziwe noma imininingwane uma benesikhathi.
6. Khumbuza abafundi ngamasu abangawasebenzisa ukuze abasize.
7. Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi futhi usize abafundi abanobunzima.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 5**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1. Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2. Yisho igama: **zuza**
3. Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/z/-/u/-/z/-/a/**
4. Yisho umsindo wokuqala wegama: **/z/**
5. Yisho umsindo wesibili wegama: **/u/**
6. Yisho umsindo wesithathu wegama: **/z/**
7. Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8. Bhala igama ebhodini: **zuza**
9. Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/zu/-/za/** = **zuza**
10. Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **irula**

**SIYENZA ...**

1. Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2. Yisho igama: **izulu**
3. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/i/**
4. Buza abafundi: Uthini umsindo wesibili egameni? **/z/**
5. Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/u/**
6. Buza abafundi: Uthini umsindo wesine egameni? **/l/**
7. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/u/**
8. Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/i/-/z/-/u/-/l/-/u/**
9. Bhala igama: **izulu**
10. Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/i/-/zu/-/lu/** = **izulu**
11. Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **irandi**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

# Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15


**AMASU OKUFUNDA: YENZA IZIPHETHO**

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **UZweli uyakhuluma**<br>'Bekunjani esikoleni namuhla?' kubuza umama kaZweli njengoba egoqozisa iphalishi.<br>'Beku...kahle,' kusho uZweli. Wahlala phansi etafuleni.<br>UZweli wacabanga ngesikhathi sekhefu. Wacabanga ngoLungi. Wacabanga ngendlela ezinye izingane bezimgcona ngayo uLungi.<br>'Awubukeki ukahle,' kusho umama kaZweli esusa ibhodwe lephalishi esitofini. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZweli uphatheke kabi ngoba ucabanga ngoLungi egconwa. |
| 'Yebo, ezinye izingane bezihlupha uLungi,' kuphendula uZweli.<br>'Kungani bezimhlupha?' kubuza umama wakhe.<br>'Zithi kwangathi izicathulo zakhe uzithole emgqomeni kadoti,' kuphendula uZweli.<br>'Zithi ubukeka njengentombazane ehlala kudoti ongcolile, ngoba nakhu izinzwane zakhe zivele ngaphandle kwezicathulo. Kodwa khumbula ukuthi ngonyaka odlule – izicathulo zami zazidabukile, njengezikaLungi.' Kusho uZweli. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZweli uzizwa ekhathazekile uma ecabanga ngenkathi izicathulo zakhe zazinezimbobo, njengezikaLungi. Kungenzeka ucabanga ukuthi iziqhwaga naye zazingamgcona kalula ngento efana nekaLungi! |
| 'Ngiyazibuza ukuthi ungasiza kanjani?' kubuza umama wakhe.<br>UZweli wacabanga ngalokhu. 'Mhlawumbe ngesikhathi esizayo, ngingatshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukumhlupha,' esikisela.<br>'Lokhu kuzwakala kungumbono omuhle,' kusho umama wakhe. 'Ngicabanga ukuthi leyo into nawe obungathanda ukuthi omunye umuntu akwenzele yona.' | **Ngingaphetha** ngokuthi uZweli uyamkhathalela uLungi, ngoba ufuna ukwenza okuthile ukuze bayeke ukumgcona. |
| Ngosuku olulandelayo, insimbi yesikhathi sekhefu yakhala. UZweli wazizwa esaba. UZweli wakhathazeka. 'Kazi kuzokwenzekani uma ngitshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukuhlupha?' ezibuza.<br>'Mhlawumbe bazothi ijezi lami livela lapho kulahlwa khona udoti,' ecabanga, ebheka imbobo enkulu emkhonweni wakhe.<br>'Noma uSibusiso noma uLucky bazothukuthela bangishaye,' ecabanga. | **Ngingaphetha** ngokusesithombeni ukuthi uZweli ukhathazekile ngembobo esejezini lakhe.<br>**Ngingaphetha** ngokuthi uqhathanisa imbobo esejezini lakhe nembobo esezicathulweni zikaLungi! |

ISONTO 5

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ngenkathi ephumela ngaphandle, uLungi wayehleli yedwa. Wayehlezi phansi, ezama ukufihla izicathulo zakhe.<br>USibusiso noLucky baya kuLungi. Nezinye izingane zasondela kuLungi. 'Wothi sibone izicathulo zakho eziwudoti ongcolile namuhla,' kugcona uLucky.<br>'Uhlala kudoti yini?' kuhleka uSibusiso. Ezinye izingane zazimkhomba zimhleka. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani oSibusiso noLucky befuna ukuhlupha uLungi? |
| UZweli wema phambi kukaLungi. 'Yekani lento eniyenzayo!' esho. 'Yekani ukuhlupha.' Inhliziyo yakhe yayishaya ngamandla. Ubuso bakhe babuzwakala bushisa.<br>ULucky noSibusiso babukeka bemangele. Basuka bahamba. Nezinye izingane zalandela. | **Ngiyazibuza** ukuthi kungani uZweli atshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukudelela ngisho noma wayesaba? **Ngingaphetha** ngokuthi uZweli wayefuna ukumelela uLungi ngoba uma kwakunguyena odelelwayo, wayezofuna ukuthi naye kube khona umuntu ozomlelela. |
| 'Woza lapha Zweli!' kumemeza uMnu. Maboya. Wayeme ngaphandle kwekilasi lakhe.<br>'Hhayi bo!' kucabanga uZweli, 'Manje uMnu. Maboya uzocabanga ukuthi bengihlupha. Bengizama ukusiza kodwa manje ngisenkingeni.' | -- |
| 'Ngibone indlela omelela ngayo uLungi,' kusho uMnu. Maboya.<br>'Ngiyaziqhenya ngawe.' UMnu. Maboya wanikeza uZweli istikha esinobuso obumamathekayo.<br>'Ngesikhathi esizayo, ungeza nakimi uzongitshela,' kusho uMnu. Maboya. 'Ngilapha ukuzokusiza nami.'<br>UZweli wayesejahe ukuyotshela umama wakhe ngakho konke kwangalolo suku. | UZweli ubukeka eziqhenya esithombeni. **Ngingaphetha** ngokuthi kungenzeka ukuthi uzizwa ejabulile ngokuthi wenze into elungile. Kufanele futhi ukuba wenze ukuthi Mnu. Maboya nomama wakhe bazizwa beziqhenya ngaye. |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Kungani ezinye izingane zazigcona uLungi? | Ngoba izicathulo zakhe zazinezimbobo. |
| Ingabe wake wammelela umngane wakho njengoZweli? Kwake kwaba khona yini umuntu okumelelayo? | Lalela izimpendulo ezivela kumfundi ngamunye. |
| Ucabanga ukuthi uZweli wenza into elungile yini? | Lalela izimpendulo ezivela kumfundi ngamunye. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uZweli anquma ukukhuluma? | • Ngoba wayengafuni ukuthi ezinye izingane zihluphe uLungi.<br>• Ngoba uZweli wayazi ukuthi ezinye izingane zingamgcona naye.<br>• Ngoba uZweli angafuna kube khona umuntu ommelelayo uma kukhona omgconayo. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ______________________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 5**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

**1** Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).

**2** Khangisa amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.

- umzimba
- nciphile
- ukonda
- khuluphala

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Wonke umuntu makasukume ngokuziqhenya | *Sukuma uqonde* |
| Sizoqeda ukuhlukumezana manje | *Phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Wonke makahambe aphinde acule | *hamba emugqeni wakho* |
| Masisebenzisane siqede ukuhlukumezana | *bambanani ngezandla nomuntu oseduze naye.* |
| Masiphakamise izandla zethu ngalendlela | *Phakamisela izandla zakho emoyeni* |
| Sizokuqeda ukuhlukumezana namhlanje! | *phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Masishaye izandla sonke sicule | *Shaya izandla zakho* |
| Masisebenzisane siyeke ukuhlukumezana! | *bambanani ngezandla nobantu abaseduze nawe.* |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

**1** Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba…
Ngithandile ngesikhathi…
Ukuba benginguZweli…

**2** Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.

**3** Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**

**4** Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.

**5** Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.

**6** Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.

**7** Uma izimpendulo kungezona, zilungise.

**8** Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

# Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

## Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **z** | **r** | **o** |
| **i** | **l** | **u** |
| **a** | **b** | **y** |
| **s** | **n** | **d** |

### TSHENGISA

1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/z/** kanye **/r/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/z/-/u/-/z/-/a/ = zuza**
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/y/-/a/-/l/-/a/ = yala**

### OKWENZIWA ABAFUNDI

1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **z, r**
2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **izulu, izolo, zuza, zabalaza, izibi, irula, irayisi, irandi, yala, duda, luni, nani, yona**

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

## Ngemva Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: YENZA UMDLALO WOKULINGISA**


***Ukulungiselela:***

*Khetha abafundi abazoba uZweli, umama kaZweli, uLungi, uLucky, uSibusiso kanye noMnu. Maboya*

| UMBHALO | UTHISHA UYENZA / UTHI | ABAFUNDI BAYENZA |
|---|---|---|
| **UZweli uyakhuluma**<br>'Bekunjani esikoleni namuhla?' kubuza umama kaZweli njengoba egoqozisa iphalishi.<br>'Beku...kahle,' kusho uZweli. Wahlala phansi etafuleni.<br>UZweli wacabanga ngesikhathi sekhefu. Wacabanga ngoLungi. Wacabanga ngendlela ezinye izingane bezimgcona ngayo uLungi.<br>'Awubukeki ukahle,' kusho umama kaZweli esusa ibhodwe lephalishi esitofini. | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?* | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini.*<br>Umama kaZweli: Bekunjani namuhla esikoleni?<br>UZweli: Beku.... *(uZweli ubonakala engaphathekile kahle.)*<br>Umama kaZweli: Ubonakala ungaphathekile kahle. |
| 'Yebo, ezinye izingane bezihlupha uLungi,' kuphendula uZweli.<br>'Kungani bezimhlupha?' kubuza umama wakhe.<br>'Zithi kwangathi izicathulo zakhe uzithole emgqomeni kadoti,' kuphendula uZweli.<br>'Zithi ubukeka njengentombazane ehlala kudoti ongcolile, ngoba nakhu izinzwane zakhe zivele ngaphandle kwezicathulo. Kodwa khumbula ukuthi ngonyaka odlule – izicathulo zami zazidabukile, njengezikaLungi.' Kusho uZweli. | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?* | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini.*<br>UZweli: Ezinye izingane bezihlupha uLungi.<br>Umama kaZweli: Kungani bezimhlupha?<br>UZweli: Bezithi izicathulo zakhe kwangathi uzithole kudoti. Zithe ubonakala eyintombazane engcolile, ngoba nje izinzwane zakhe beziphumele ngaphandle! Kodwa khumbula ukuthi onyakeni owedlule – izicathulo zami zazidabukile, njengezikaLungi. Kuzothiwani uma ngokulandelayo izingane zizoxhaphaza mina? |

| UMBHALO | UTHISHA UYENZA / UTHI | ABAFUNDI BAYENZA |
|---|---|---|
| 'Ngiyazibuza ukuthi ungasiza kanjani?' kubuza umama wakhe.<br>UZweli wacabanga ngalokhu. 'Mhlawumbe ngesikhathi esizayo, ngingatshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukumhlupha,' esikisela.<br>'Lokhu kuzwakala kungumbono omuhle,' kusho umama wakhe. 'Ngicabanga ukuthi leyo into nawe obungathanda ukuthi omunye umuntu akwenzele yona.' | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?* | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini.*<br>Umama kaZweli: Ngiyazibuza ukuthi yini ongayenza ukuze usize?<br>UZweli: Mhlawumbe ngokulandelayo, kufanele ngitshele ezinye izingane ukuba ziyeke ukumhlupha<br>Umama kaZweli: Lokho kuzwakala kungumqondo omuhle. Ngicabanga ukuthi yilokho ongafuna ukuba omunye akwenzele khona. |
| Ngosuku olulandelayo, insimbi yesikhathi sekhefu yakhala. UZweli wazizwa esaba. UZweli wakhathazeka. 'Kazi kuzokwenzekani uma ngitshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukuhlupha?' ezibuza.<br>'Mhlawumbe bazothi ijezi lami livela lapho kulahlwa khona udoti,' ecabanga, ebheka imbobo enkulu emkhonweni wakhe.<br>'Noma uSibusiso noma uLucky bazothukuthela bangishaye,' ecabanga. | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?*<br>(Qiniseka ukuthi abafundi bayazi ukuthi yilokhu uZweli <u>akucabangayo</u>. Lokhu kusho ukuthi yilokho azisholo khona ngaphakathi kwekhanda lakhe.) | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini.*<br>UZweli: Yini ezokwenzeka ngesikhathi ngitshela ezinye izingane ukuba ziyeke ukumhlupha? Mhlawumbe zizothi ijezi lami libuya emgqomeni kadoti! Noma mhlawumbe uSibusiso noma uLucky uzothukuthela bese engishaya! |
| Ngenkathi ephumela ngaphandle, uLungi wayehleli yedwa. Wayehlezi phansi, ezama ukufihla izicathulo zakhe.<br>USibusiso noLucky baya kuLungi. Nezinye izingane zasondela kuLungi. 'Wothi sibone izicathulo zakho eziwudoti ongcolile namuhla,' kugcona uLucky.<br>'Uhlala kudoti yini?' kuhleka uSibusiso. Ezinye izingane zazimkhomba zimhleka. | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?*<br>*Ngemva kwalokho buza: Ubani okhumbulayo ukuthi yini eyenzeka ngokulandelayo?* | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini.*<br>*ULungi wezama ukufihla izicathulo zakhe.*<br>ULucky: Ake sibheke izicathulo zakho zakudoti ezingcolile namuhla.<br>USibusiso: Ingabe uhlala kudoti? |

| UMBHALO | UTHISHA UYENZA / UTHI | ABAFUNDI BAYENZA |
|---|---|---|
| UZweli wema phambi kukaLungi. 'Yekani lento eniyenzayo!' esho. 'Yekani ukuhlupha.' Inhliziyo yakhe yayishaya ngamandla. Ubuso bakhe babuzwakala bushisa.<br><br>ULucky noSibusiso babukeka bemangele. Basuka bahamba. Nezinye izingane zalandela. | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?* | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini*.<br><br>*UZweli uma ngaphambi kukaLungi.*<br><br>UZweli: Yekani! Yekani ukuhlupha.<br><br>ULucky noSibusiso bayahamba. |
| 'Woza lapha Zweli!' kumemeza uMnu. Maboya. Wayeme ngaphandle kwekilasi lakhe.<br><br>'Hhayi bo!' kucabanga uZweli, 'Manje uMnu. Maboya uzocabanga ukuthi bengihlupha. Bengizama ukusiza kodwa manje ngisenkingeni.' | *Buza abafundi: Yini eyenzekayo lapha?* | *Abafundi basho lokho okwenzekayo ekhasini*.<br><br>UMnu. Maboya: Zweli woza lapha!<br><br>UZweli: Hhayi bo! Ngethemba ukuthi angikho enkingeni. |
| 'Ngibone indlela omelela ngayo uLungi,' kusho uMnu. Maboya.<br><br>'Ngiyaziqhenya ngawe.' UMnu. Maboya wanikeza uZweli istikha esinobuso obumamathekayo.<br><br>'Ngesikhathi esizayo, ungeza nakimi uzongitshela,' kusho uMnu. Maboya. 'Ngilapha ukuzokusiza nami.'<br><br>UZweli wayesejahe ukuyotshela umama wakhe ngakho konke kwangalolo suku. | | UMnu. Maboya: 'Ngibonile indlela omelela ngayo uLungi, ngiziqhenya kakhulu ngawe! Ngokulandelayo ungeza futhi kimi uzongitshela. Ngikhona nami ukuze ngikusize.'<br><br>UZweli: Ngilangazelela kakhulu ukuxoxela umama ngosuku lwami namuhla! |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 5.**
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto Imizuzu eyi-15



1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1 Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2 Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3 Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4 Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: amaphosta okugqugquzela ukuzethemba.
5 Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: izindlela zokulwa nokuxhaphazwa ekilasini lakho, izindlela zokusiza abafundi bakhe ukuzethemba.
6 Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7 Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 90, Masifunde

**Umsebenzi 2:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 91 – 92, Masenze

**Umsebenzi 3:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 93 – 94, Masenze

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngendlela ongamelela ngayo abanye abantu, njengoZweli.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

**BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)**

1 Khombisa abafundi isithombe sikaZama ebonakala engaphathekile kahle esiseNcwadini Enkulu: Usuku olubi lukaZama
2 Tshela abafundi ukuthi siqhubeka nesihloko esithi: Ukuxhaphazwa nokubukeka
3 Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4 Buza abafundi: *Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5 Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6 Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   a Ucabanga ukuthi kuxhumana kanjani ukuxhaphazwa kanye nokubukeka?
   b Yini okufanele uyenze uma uxhaphazwa?
   c Yini okufanele uyenze uma ubona othile exhaphazwa?
   d Ucabanga ukuthi kungani abanye abantu bengabaxhaphazi?

**ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO**

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Khangisa amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - hlulela
   - umbono ophambene
   - ukuzinyeza

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Wonke umuntu makasukume ngokuziqhenya | *Sukuma uqonde* |
| Sizoqeda ukuhlukumezana manje | *Phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Wonke makahambe aphinde acule | *hamba emugqeni wakho* |
| Masisebenzisane siqede ukuhlukumezana | *bambanani ngezandla nomuntu oseduze naye.* |
| Masiphakamise izandla zethu ngalendlela | *Phakamisela izandla zakho emoyeni* |
| Sizokuqeda ukuhlukumezana namhlanje! | *phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Masishaye izandla sonke sicule | *Shaya izandla zakho* |
| Masisebenzisane siyeke ukuhlukumezana! | *bambanani ngezandla nobantu abaseduze nawe.* |

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **izulu**
   b **izolo**
   c **zuza**
   d **zabalaza**
   e **izibi**
   f **irula**
   g **irayisi**
   h **irandi**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

Umusho: ______________________________

______________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

### Ukufund Kokuqala

#### ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: Usuku olubi lukaZama
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Ukulungisa Umbhalo

**ISIHLOKO:** Bhala indaba emayelana nomuntu owayexhaphazwa ngenxa yokubukeka kwakhe.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UKULUNGISELELA:**
- Bhala uhlu lokulungisa umbhalo ebhodini ngaphambi kwesifundo sokubhala.
- Bhala ebhodini umbhalo wakho osalungiswa ngaphambi kwesifundo. Hlanganisa iphutha elilodwa noma amabili.

**UHLU LOKULUNGISA UMBHALO:**
1. Ingabe ngisebenzise inkathi eyedlule?
2. Ingabe indaba ikakhulu ngokuxhaphazwa kanye nokubonakala?
3. Ingabe ikhona inkinga esendabeni yami?
4. Ingabe inkinga esendabeni yami ixazululekile?
5. Ingabe ngisebenzise izimpawu zabacaphuni ('…') ukuveza lokho okushiwo umuntu othile?
6. Ingabe onke amagama ngiwapele kahle?
7. Ingabe yonke imisho iqale ngohlamvu olukhulu?
8. Ingabe yonke imisho igcina ngophawu lokubhala olufanele?




#### TSHENGISA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (NGIYENZA)

1. Fundela abafundi ngokuzwakalayo uhlu lokulungisa umbhalo.
2. Ngemva kwalokho, fundela abafundi umbhalo osalungiswa wakho.
3. Funda uhlu, bese usho noma umbhalo osalungiswa wakho ulungile yini, noma kudingeka uwulungise noma uwuthuthukise.
4. Lingisela abafundi benza inqubo yokulungisa.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (BAYENZA)

1. Banikeze izincwadi zokubhalela.
2. Tshela abafundi ukuba babheke umbhalo wabo osalungisa womsebenzi wokubhala.
3. Ngemva kwalokho, tshela abafundi bafunde uhlu lokwenza umbhalo osalungiswa bese benza noma yikuphi ukulungisa noma ukuthuthukisa okudingekile.
4. Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe izingxoxo ezincane – qiniseka ukuthi usebenza neqembu elihlukile labafundi kumsebenzi wokubhala ngamunye.
5. Buka noma yimaphi amaphutha avamile embhalweni wabafundi.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 6**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/bh/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/bh/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **ibhola, bhala, bhukuda**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **bhala, ibhola, ibhasi, bhukuda, ibhakede**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u /izinhlamvu /amagama /imisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **bh**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

# Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

## Ukufunda Kokuqala

**AMASU OKUQONDISISA: YENZA IZIPHETHO**


| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Usuku olubi lukaZama**<br>UZama wayejabulele ukubuyela esikoleni emuva kwamaholidi. Kodwa ngenkathi esuka lapho behlanganyela khona ekuseni eyoma emugqeni wekilasi lakhe, omunye wothisha, uMnu Matsebula wathi, 'Oh Zama uzimukile! Ubukeka ukhuluphele ngempela.'<br>Ubuso bukaZama bazwakala bushisa. Wayengazi ukuthi angathini. | Akuzwakali kamnandi uma omunye umuntu esho okuthile ngemizimba yethu. **Ngingaphetha** ngokuthi uZama wazizwa enamahloni ngoba ubuso bakhe bezwakala bushisa. |
| Usuku lonke uZama wazizwa ezenyeza. Wafaka ijezi lakhe noma ekilasini kwakushisa kakhulu.<br>'Mhlawumbe lokhu kuzofihla umzimba wami,' ecabanga. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZama akafuni omunye umuntu amehlulele ngomzimba wakhe – yingakho efihla umzimba wakhe ngejezi. |
| Lapho ubaba kaZama ezomlanda esikoleni, waziphonsa esihlalweni esisemuva emotweni wase ebheka phansi.<br>'Kwenzenjani Zama?' ebuza.<br>'Angifuni ukukhuluma ngakho,' kusho uZama buthule. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZama uzizwa engakhulekile. Lokho kuyinto enzima ongakhuluma ngayo! |
| Kamuva ngalelo langa ebusuku, lapho umama kaZama efika ekhaya evela emsebenzini, wangqongqoza emnyango wekamelo likaZama.<br>'Belunjani usuku lwakho esikoleni?' esho.<br>'UMnu. Matsebula uthe ngizimukile. Uthe ngikhuluphele,' kusho uZama. 'Ingabe ngikhuluphele?' kubuza uZama.<br>'Okokuqala, yonke imizimba, mihle,' kuphendula umama kaZama ngobumnene. 'Umuhle noma ngabe uzimuke kangakanani.'<br>Ngemva kwaloko iphimbo lakhe lashintsha. 'Okwesibili, lokho akulungile. Akekho umuntu omdala okufanele aphawule ngomzimba wakho. 'Ngiyaxolisa ngalokho okwenzekile. Ngizoya kuthisha omkhulu kusasa.'<br>'Cha Mama! Uzocabangani uMnu. Matsebula? Uzongizonda!' kukhala uZama. | **Ngingaphetha** ngokuthi ngesinye isikhathi sitshelwa ukuthi kufanele sibukeke ngendlela ethile, kodwa lokho akusilo iqiniso. Yonke imizimba mihle. |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| 'Zama, angeke simane siyiyeke lento. Lokhu bekungafanele kwenzeke kuwe, futhi akufanele kwenzeke kunoma yimuphi omunye umfundi esikoleni senu,' kusho umama wakhe ngokuqinile. | |
| Ngalobo busuku uZama wezwa abazali bakhe bekhuluma ngenkathi belele embhedeni.<br><br>'Ngizizwa ngingakhululekile neze ngalothisha okhuluma noZama ngale ndlela – angicabangi ukuthi kufanele ukuthi aphawule ngomzimba wakhe!' kusho umama kaZama.<br><br>'Okekho okufanele enze uZama azizwe engakhululekile esikoleni – ikakhulukazi uthisha!' kunanela ubaba kaZama. | **Ngingaphetha** ngokuthi abazali bakaZama bacasukile ngokuthi uMnu. Matsebula wenze uZama ukuthi azizwe kabi ngomzimba wakhe. **Ngiyazibuza** ukuthi bazokwenzani? |
| Ngalobo busuku uZama wayelele embhedeni, ekhathazeke ngokuthi kuzokwenzekani ngenkathi umama wakhe ekhuluma noThish'omkhulu uNyeko. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZama ukhathazeke ngokuthi uMnu. Matsebula wayezothini ngenkathi ethola ukuthi umtshelile. |
| Ngosuku olulandelayo ntambama, bobabili abazali bakaZama bafika bezomlanda. UZama wayedlala ngaphandle ngenkathi abazali bakhe beya ehhovisi likathish'omkhulu. UZama wazama ukugxila emdlalweni wakhe wokuthintana, kodwa wayelokhu ekhohlwa ukuthi sekungene 'bani'. Konke ayecabanga ngakho okwakushiwo ngaphakathi ehhovisini. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZama usakhathazekile ngokuzoshiwo uMnu. Matsebula, ngoba akakwazi ukucabanga ngenye into! |
| Ekugcineni, umama kaZama wambiza. UZama wabamba isandla sikamama wakhe njengoba engena ehhovisini likathish'omkhulu uNyeko.<br><br>'Zama, ngiyaxolisa ngokuphawula ngomzimba wakho ngize ngikwenze uzizwe ungakhululekile,' kusho uMnu. Matsebula. 'Bengingaboni ukuthi lokhu kuzokucasula, kodwa manje ngiyabona ukuthi lokhu bekungalungile. Yonke imizimba mihle, kanti futhi akufanele ngahlulele noma yimuphi umuntu ngomzimba wakhe.' | **Ngingaphetha** ngokuthi uMnu. Matsebula wayecabanga ukuthi kulungile ukuphawula ngomzimba kaZama, kodwa manje uyabona ukuthi bekungalungile. Abantu bavame ukuphawula ngemizimba yabanye abantu, kodwa lokhu akufanele. |
| Ngemuva kokuthi uMnu. Matsebula esephumile ehhovisi, uThish'omkhulu uNyeko wabukisisa uZama. 'Zama, akulungile nanoma ngubani ukuthi aphawule ngomzimba wakho. Ngiyabonga ngokuthi usazise ngalokhu,' esho.<br><br>UZama wayekhathazekile ngokubona uMnu. Matsebula ngosuku olulandelayo, noma wayazi ukuthi wenze okufanele. | -- |

ISONTO 6

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ekuseni ngosuku olulandelayo lapho kuhlanganyelwa khona, uThish'omkhulu uNyeko wakhuluma nesikole sonke ngokuba nomusa nenhlonipho.<br>'Sinemizimba enezimo kanye nosayizi abahlukene, kanti zonke izimo kanye nosayizi kuvumelekile lapha, ememezela. UTasneem wabheka ngakuZama. 'Ngiyabonga ngokuthi ube nesibindi ngokwanele ngokusho okuthile. Ngethemba ukuthi uthisha ngeke aphinde esazisho izinto ezifana nalezi futhi.' | **Ngicabanga** ukuthi uZama naye wasiza ezinye izingane ezazisekilasini lakhe, ngoba wonke umuntu uzojabula uma singezuhlulelwa ngemizimba yethu. |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Ubani owatshela uZama ukuthi ubukeka ekhuluphele kakhulu? | UMnu. Matsebula owatshela uZama ukuthi ubukeka ekhuluphele kakhulu. |
| Wazizwa kanjani uZama lapho uMnu. Matsebula ephawula ngomzimba wakhe? | Wazizwa ethukuthele/ engakhululekile/ezenyeza/ enamahloni njll. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uZama agqoka ijezi usuku lonke esikoleni, ngisho noma kushisa? | • Ngoba uMnu. Matsebula wathi ubukeka ekhuluphele.<br>• Ngoba wazizwa engakhululekile ukuthi uMnu. Matsebula wayephawule ngomzimba wakhe.<br>• Ngoba wayengafuni muntu ozomahlulela ngomzimba wakhe.<br>• Ngoba uMnu. Matsebula wamenza wangazizwa kahle ngomzimba wakhe. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo — Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 6**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

**1** Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).

**2** Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ukukhululeka
- ukungakhululeki

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Wonke umuntu makasukume ngokuziqhenya | *Sukuma uqonde* |
| Sizoqeda ukuhlukumezana manje | *Phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Wonke makahambe aphinde acule | *hamba emugqeni wakho* |
| Masisebenzisane siqede ukuhlukumezana | *bambanani ngezandla nomuntu oseduze naye.* |
| Masiphakamise izandla zethu ngalendlela | *Phakamisela izandla zakho emoyeni* |
| Sizokuqeda ukuhlukumezana namhlanje! | *phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Masishaye izandla sonke sicule | *Shaya izandla zakho* |
| Masisebenzisane siyeke ukuhlukumezana! | *bambanani ngezandla nobantu abaseduze nawe.* |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

**1** Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.

**2** Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.

**3** Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.

**4** Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.

**5** Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibenobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!

**6** Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.

**7** Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.

**8** Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1 Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/sh/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo **/sh/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **shesha, shada, isosha**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **ushukela, isosha, shada, shanela, shesha**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **sh**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6 Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/ amagama/imisho.
7 Abafundi kumele <u>badwebele</u> umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Ukushicilela Nokwethula

**ISIHLOKO:** Bhala indaba emayelana nomuntu owayexhaphazwa ngenxa yokubukeka kwakhe.

**UMSEBENZI:** Bhala indaba okungenani (imisho eyi-10)

**UHLAKA LOKUBHALA:**

**Isigaba 1**

Bekukhona … *(sitshele ngendawo okwenzeka kuyo indaba kanye nabalingiswa.)*

*…wayexhaphazwa ngenxa yokuthi… (chaza inkinga)*

*'…,' kusho umxhaphazi. (Bhala into eyashiwo umxhaphazi)*

*…wazizwa…*

**Isigaba 2**

Ngemva kwalokho… *(chaza indlela inkinga eyaxazuleka ngayo)*

*'…,' esho…(kuhlanganise nento ayisho)*

Ekugcineni… *(yini abantu abayicabanga ngomlingiswa oyinhloko?)*

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela kombhalo osalungiswa okwenze ngoMsombuluko ebhodini.

#### TSHENGISA INQUBO YOKUSHICILELA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ukuthi ngoMsombuluko wasebenzisa uhlu lokulungisa umbhalo ukwenza umbhalo osalungiswa ukuze ulungise umbhalo wakho osalungiswa.
2. Ngokulandelayo, tshela abafundi ukuthi namuhla sizoshicilela bese sethula umbhalo wethu wokugcina.
3. Khombisa abafundi indlela yokuphinde ubhale umbhalo wakho siqu, onesihloko kanye nosuku.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKUSHICILELA (BAYENZA)

1. Nikeza abafundi izincwadi zokubhalela.
2. Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **…wayexhaphazwa**
3. Tshela abafundi ukuba baphinde babhale ngobunono umbhalo wabo wokugcina, ungabi namaphutha.
4. Uma abafundi benesikhathi, bangadweba masinyane umfanekiso.
5. Ngesikhathi abafundi bebhala, hambahamba egumbini lokufunda futhi usize abafundi abanobunzima.

**ABAFUNDI BETHULA UMBHALO WABO**

1 Emizuzwini yokugcina emihlanu yesifundo, tshela abafundi ukuba babeke phansi amapeni namapensela abo.
2 Tshela abafundi ukuba Bajike bese Bekhuluma nozakwabo futhi bafunde umbhalo wabo.
3 Lapho abafundi sebekwenzile lokhu, biza umfundi oyedwa noma ababili ukuba azofundela ikilasi umbhalo wakhe.
4 Choma umbhalo wabafundi uzungeze ikilasi. Lokhu kuzosiza abafundi ukuba bafunde imibhalo yabanye, bese bexoxa ngokusebenzisa amagama amasha.


7 Disemba 2020

Indaba yami

Kudala kwakukhona umfana owayebizwa ngokuthi uSandile.
Wayevelele kwezemidlalo.
USandile wayehlukunyezwa umfana okwakuthiwa ngu Clinton
ngoba wayemude kakhulu.
'Ufana nezimuzimu elikhulu, elibi,' kwasho isiqhwaga.
USandile wazizwa ecasukile futhi enamahloni.

USandile wayesetshela umama wakhe ukuthi uClinton wathini.
'Kufanele uhlale uziqhenya ngalokhu oyikho nangendlela
obukeka ngayo,' kwasho umama ka Sandile.
Ekugcineni uSandile wayesebona ukuthi uClinton unomona nje
uSandile wayesebona kungcono angavumeli uClinton ukuthi
amkhathaze. UClinton uyeka ukuhlukumeza uSandile.





## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ______________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 6**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **bhala**
3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/bh/**-**/a/**-**/l/**-**/a/**
4 Yisho umsindo wokuqala wegama: **/bh/**
5 Yisho umsindo wesibili wegama: **/a/**
6 Yisho umsindo wesithathu wegama: **/l/**
7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8 Bhala igama ebhodini: **bhala**
9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/bha/**-**/la/** = **bhala**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **shada**

**SIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **ibhola**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/i/**
4 Buza abafundi: Uthini umsindo wesibili egameni? **/bh/**
5 Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/o/**
6 Buza abafundi: Uthini umsindo wesine egameni? **/l/**
7 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/a/**
8 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/i/**-**/bh/**-**/o/**-**/l/**-**/a/**
9 Bhala igama: **ibhola**
10 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/i/**-**/bho/**-**/la/** = **ibhola**
11 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **shesha**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Ukufunda Kwesibili

Imizuzu eyi-15

### AMASU OKUFUNDA: YENZA IZIPHETHO


| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **<u>Usuku olubi lukaZama</u>**<br>UZama wayejabulele ukubuyela esikoleni emuva kwamaholidi. Kodwa ngenkathi esuka lapho behlanganyela khona ekuseni eyoma emugqeni wekilasi lakhe, omunye wothisha, uMnu Matsebula wathi, 'Oh Zama uzimukile! Ubukeka ukhuluphele ngempela.'<br>Ubuso bukaZama bazwakala bushisa. Wayengazi ukuthi angathini. | -- |
| Usuku lonke uZama wazizwa ezenyeza. Wafaka ijezi lakhe noma ekilasini kwakushisa kakhulu.<br>'Mhlawumbe lokhu kuzofihla umzimba wami,' ecabanga. | **Ngingaphetha** ngokuthi ukuphawula kukaMnu. Matsebula kwashintsha indlela uZama azizwa ngayo ngokuba sesikoleni. Ekuqaleni, wayejabulile ngokubuyela esikoleni – kodwa manje ubukeka engajabulile futhi engakhululekile. |
| Lapho ubaba kaZama ezomlanda esikoleni, waziphonsa esihlalweni esisemuva emotweni wase ebheka phansi.<br>'Kwenzenjani Zama?' ebuza.<br>'Angifuni ukukhuluma ngakho,' kusho uZama buthule. | Ubaba kaZama **angaphetha** ngokuthi uZama uzizwa kabuhlungu lapho engena emotweni. Kufanele ukuthi ukhathazekile lapho engafuni ukukhuluma naye ngokuthi kwenzekeni! |
| Kamuva ngalelo langa ebusuku, lapho umama kaZama efika ekhaya evela emsebenzini, wangqongqoza emnyango wekamelo likaZama.<br>'Belunjani usuku lwakho esikoleni?' esho.<br>'UMnu. Matsebula uthe ngizimukile. Uthe ngikhuluphele,' kusho uZama. 'Ingabe ngikhuluphele?' kubuza uZama.<br>'Okokuqala, yonke imizimba, mihle,' kuphendula umama kaZama ngobumnene. 'Umuhle noma ngabe uzimuke kangakanani.'<br>Ngemva kwaloko iphimbo lakhe lashintsha. 'Okwesibili, lokho akulungile. Akekho umuntu omdala okufanele aphawule ngomzimba wakho. 'Ngiyaxolisa ngalokho okwenzekile. Ngizoya kuthisha omkhulu kusasa.'<br>'Cha Mama! Uzocabangani uMnu. Matsebula? Uzongizonda!' kukhala uZama. | **Ngingaphetha** ngokuthi uZama uyamethemba umama wakhe, ngoba umtshela ukuthi kuyini lokhu okungalungile – noma ezizwa enamahloni ngalokhu okushiwo uMnu. Matsebula. |

ISONTO 6

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| 'Zama, angeke simane siyiyeke lento. Lokhu bekungafanele kwenzeke kuwe, futhi akufanele kwenzeke kunoma yimuphi omunye umfundi esikoleni senu,' kusho umama wakhe ngokuqinile. | |
| Ngalobo busuku uZama wezwa abazali bakhe bekhuluma ngenkathi belele embhedeni.<br><br>'Ngizizwa ngingakhululekile neze ngalothisha okhuluma noZama ngale ndlela – angicabangi ukuthi kufanele ukuthi aphawule ngomzimba wakhe!' kusho umama kaZama.<br><br>'Okekho okufanele enze uZama azizwe engakhululekile esikoleni – ikakhulukazi uthisha!' kunanela ubaba kaZama. | **Ngicabanga** ukuthi bengingazizwa ngivikelekile futhi ngithandwa uma benginguZama. Bekuzongenza ngizizwe kahle ukwazi ukuthi abazali bami bakhathazeke kakhulu ngami. |
| Ngalobo busuku uZama wayelele embhedeni, ekhathazeke ngokuthi kuzokwenzekani ngenkathi umama wakhe ekhuluma noThish'omkhulu uNyeko. | -- |
| Ngosuku olulandelayo ntambama, bobabili abazali bakaZama bafika bezomlanda. UZama wayedlala ngaphandle ngenkathi abazali bakhe beya ehhovisi likathish'omkhulu. UZama wazama ukugxila emdlalweni wakhe wokuthintana, kodwa wayelokhu ekhohlwa ukuthi sekungene 'bani'. Konke ayecabanga ngakho okwakushiwo ngaphakathi ehhovisini. | -- |
| Ekugcineni, umama kaZama wambiza. UZama wabamba isandla sikamama wakhe njengoba engena ehhovisini likathish'omkhulu uNyeko.<br><br>'Zama, ngiyaxolisa ngokuphawula ngomzimba wakho ngize ngikwenze uzizwe ungakhululekile,' kusho uMnu. Matsebula. 'Bengingaboni ukuthi lokhu kuzokucasula, kodwa manje ngiyabona ukuthi lokhu bekungalungile. Yonke imizimba mihle, kanti futhi akufanele ngahlulele noma yimuphi umuntu ngomzimba wakhe.' | **Ngicabanga** ukuthi bengingazizwa ngijabulile uma benginguZama. Ngingazizwa sengathi abazali bami kanye nothish'omkhulu bayangivikela. |
| Ngemuva kokuthi uMnu. Matsebula esephumile ehhovisi, uThish'omkhulu uNyeko wabukisisa uZama. 'Zama, akulungile nanoma ngubani ukuthi aphawule ngomzimba wakho. Ngiyabonga ngokuthi usazise ngalokhu,' esho.<br><br>UZama wayekhathazekile ngokubona uMnu. Matsebula ngosuku olulandelayo, noma wayazi ukuthi wenze okufanele. | **Ngingaphetha** ngokuthi uThish'omkhulu uNyeko uyavumelana nabazali bakaZama – akekho ofanele asenze singazizwa kahle ngemizamba yethu! |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ekuseni ngosuku olulandelayo lapho kuhlanganyelwa khona, uThish'omkhulu uNyeko wakhuluma nesikole sonke ngokuba nomusa nenhlonipho.<br><br>'Sinemizimba enezimo kanye nosayizi abahlukene, kanti zonke izimo kanye nosayizi kuvumelekile lapha, ememezela. UTasneem wabheka ngakuZama. 'Ngiyabonga ngokuthi ube nesibindi ngokwanele ngokusho okuthile. Ngethemba ukuthi uthisha ngeke aphinde esazisho izinto ezifana nalezi futhi.' | **Ngingaphetha** ngokuthi uTasneem wezwa uMnu. Matsebula ngenkathi ephawula – naye wazizwa engakhululekile. Uma nganginguZama, **ngicabanga** ukuthi bengingazizwa sengathi bengivikela abangane bami – njengoba nami abazali bami bengivikele. |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| Imuphi umdlalo uZama ayewudlala lapho abazali bakhe bengaphakathi ehhovisi? | Wayedlala umathintana nabangane bakhe. |
| Kungani uZama ayengakwazi ukugxila emdlalweni wakhe wokuthintana? | • Ngoba wayekhathazeke ngokwakwenzeka ngaphakathi ehhovisi.<br>• Ngoba wayezizwa ekhathazeke kakhulu ukuthi angagxila emdlalweni. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani abazali bakaZama bakhuluma noThish'omkhulu uNyeko? | • Ngoba uMnu. Matsebula wathi uZama ukhuluphele, wase ephatheka kabi.<br>• Ngoba abazali bakaZama babebona ukuthi uZama uphatheke kabi ngalokho okushiwo uMnu. Matsebula.<br>• Ngoba abazali bakaZama babephatheke kabi ngokuthi uMnu. Matsebula wenza uZama angazizwa kahle.<br>• Ngoba umama kaZama wazizwa engakhululekile. Wayengacabangi ukuthi uthisha kufanele aphawule ngemizimba yabafundi.<br>• Ngoba babengafuni muntu ozokwenza uZama azizwe engakhululekile esikoleni.<br>• Ngoba abazali bakaZama babemthanda kanti futhi bebefuna ukumvikela.<br>• Ngoba yonke imizimba mihle, kanti abanye akufanele baphawule ngemizimba yethu. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ___________________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 6**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- okufanele
- okungafanele

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Wonke umuntu makasukume ngokuziqhenya | *Sukuma uqonde* |
| Sizoqeda ukuhlukumezana manje | *Phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Wonke makahambe aphinde acule | *hamba emugqeni wakho* |
| Masisebenzisane siqede ukuhlukumezana | *bambanani ngezandla nomuntu oseduze naye.* |
| Masiphakamise izandla zethu ngalendlela | *Phakamisela izandla zakho emoyeni* |
| Sizokuqeda ukuhlukumezana namhlanje! | *phakamisa isandla sakho njengophawu lokumisa.* |
| Masishaye izandla sonke sicule | *Shaya izandla zakho* |
| Masisebenzisane siyeke ukuhlukumezana! | *bambanani ngezandla nobantu abaseduze nawe.* |



### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba…
Kwakungafanele ngesikhathi…
Ukuba ngangiwuZama...
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **bh** | **sh** | **l** |
| **i** | **o** | **a** |
| **s** | **u** | **d** |
| **e** | **n** | **k** |

#### TSHENGISA

1. Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/bh/** kanye **/sh/**
2. Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3. Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4. Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/sh/**-**/e/**-**/sh/**-**/a/** = **shesha**
5. Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/s/**-**/i/**-**/k/**-**/a/** = **sika**

#### OKWENZIWA ABAFUNDI


1. Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **bh, sh**
2. Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3. Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4. Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **bhala, ibhola, ibhasi, bhukuda, ibhakede, ushukela, isosha, shada, shanela, shesha, sika, idolo, nina, sina**

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15


### Ngemva Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: FINGQA INDABA / YENZA UKUXHUMANISA**

**YAKHA ISITHOMBE SOMBHALO**

1 Hlalisa kahle abafundi emadeskini abo, namabhuku abo noma amaphepha angabhalwanga, amapensela kanye namakhrayoni.
2 Chaza ukuthi namuhla abafundi **bazobhala bese bedweba** indlela abacabanga ukuthi babengase bazizwe kanjani uma babekade besesikhundleni sikaZama**.**
3 **Tshengisa** indlela **ocabanga ukuthi wawungase uzizwe ngayo ukuba wawukade unguZama**, njengokuthi: Nami ngangingazizwa nginokuzenyeza uma umuntu othile ephawula ngomzimba wami.
4 Dweba isithombe sakho ebhodini ugqoke ijezi elikhulu.
5 Sebenzisa **ukulingisa** ukuze ufake umusho noma emibili esithombeni sakho, njengokuthi: UZama wazizwa enokuzenyeza ngakho wagqoka ijezi lakhe. Ngicabanga ukuthi nami ngangingazizwa nginokuzenyeza.
6 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bazocabanga ngendlela ababengazizwa ngayo uma babekade besesikhundleni sikaZama.
7 Tshela abafundi ukuthi bavale amehlo bese banethezeka. Phinda ubafundele umbhalo.
8 Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo bese bedweba imibono yabo.
9 Ekugcineni, cela abafundi ukuthi **bajike bese beyakhuluma**, nokuthi babelana ngemidwebo yabo nabalingani.





## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 6.**
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto

Imizuzu eyi-15

1. Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2. Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3. Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4. Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   - a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   - b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   - c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   - d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   - e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   - f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   - g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   - h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5. Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1. Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2. Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto zingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3. Ngemva kwalokho, lungisa amafleshi-khadi emifanekiso yamagama esihloko ozowadinga.
4. Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: ama-akhawunti anyathelisiwe ezinkundla zokuxhumana zabantu abadumile – ku-Instagram, ku-Facebook; i-akhawunti enyathelisiwe yenkundla yezokuxhumana kaGreta Thunberg; Isithombe sikaGreta Thunberg.
5. Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: Funda ngoGreta Thunberg.
6. Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7. Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1: Incwadi Yokusebenzela ye-BDE** 2: Ikhasi 97, Ukuzijabulisa

**Umsebenzi 2: Incwadi Yokusebenzela ye-BDE** 2: Ikhasi 98 – 102, Masifunde

**Umsebenzi 3: Incwadi Yokusebenzela ye-BDE** 2: Ikhasi 104, Masifunde

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngendlela osebenzisa ngayo ubuchwepheshe.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### YETHULA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISINTO LOKUQALA LESIHLOKO)

1. Khombisa abafundi ikhava engaphambili yendaba eseNcwadini Enkulu: UGreta Thunberg: Iqhawe lokushintsha kwesimo sezulu!
2. Tshela abafundi ukuthi siqala isihloko esisha esithi: Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle
3. Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4. Buza abafundi*: Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5. Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6. Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   - **a** Yini ubuchwepheshe?
   - **b** Uyayazi ukuthi iyini inkundla yokuxhumana?
   - **c** Abantu babusebenzisa kanjani ubuchwepheshe?

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1. Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2. Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - i-intanethi
   - isimo sezulu
   - ukushintsha kwesimo sezulu
   - ukungcolisa

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Izwe lethu linge lethu | Vula izandla zakho kakhulu |
| Ukuze silinakekele kufanele silithande! | Zigone kakhulu |
| Kukhona omunye nomunye angakwenza, | Khomba bonke abaseceleni kwakho |
| Ukuze siligcinele mina nawe. | Zikhombe bese ukhomba nomlingane wakho |
| Uma sonke nje singenza ingxenye yakhe. | Khomba bonke laba abaku kakile |
| Kwanele ukuthi sikhombise ukuthi siyanakekela | Phakamisela izithupha phezulu |

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Biza imisindo namagama alandelayo ukuze abafundi babhale ngokuhlanganisa:
   a **bhala**
   b **ibhola**
   c **ibhasi**
   d **bhukuda**
   e **ibhakede**
   f **ushukela**
   g **isosha**
   h **shada**
   i **shanela**
   j **shesha**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipeni lombala bese belungisa umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

Umusho: ____________________

____________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

## Ngaphambi Kokufunda

### ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

1 Hlalisa abafundi kukhaphethi ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethi: UGreta Thunberg – Iqhawe lokushintsha kwesimo sezulu!
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.

5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.
6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala: Imizuzu engama-30

### Hlela bese Wenza Umbhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala ngendaba okhathazeka ngayo. Cabanga ngendlela ongasebenzisa ngayo ubuchwepheshe ukuze wenze okuhle.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho siqu.

**ISU LOKUHLELA:** Ukubhala uhlu

#### YETHULA ISIHLOKO OKUZOBHALWA NGASO.

1 Bonisa abafundi ukuthi **uyacabanga ngaphambi kokuthi ubhale**.
2 Khuluma, uchaze imibono yakho ngendaba yakho, njengokuthi:
Ngifuna abanye othisha bazi ukuthi ukufundisa ukufunda kubalulekile. Ngifuna ukunikeza abanye othisha amacebiso amahle okufundisa ukufunda. Ngicabanga ukuthi ngingasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze ngisize abanye othisha bafunde ngezinto eziye zasisebenzela ekilasini lethu.


#### TSHENGISA ISU LOKUHLELA (NGIYENZA)

1 Dweba uhlaka lokuhlela ngakolunye uhlangothi lwebhodi.
2 Bonisa abafundi indlela owenza ngayo uhlu ngokuphendula imibuzo.
3 Qedela ukuhlela ngakolunye uhlangothi lwebhodi.

| Imibuzo Yokuhlela | Ukuhlela |
|---|---|
| **Isigaba 1**<br>**1** Iyiphi indaba okhathazeka ngayo?<br>**2** Yini oyaziyo ngale ndaba?<br>**3** Kungani le ndaba ibalulekile?<br>**Isigaba 2**<br>**1** Yini ofuna abanye abantu bayazi ngale ndaba?<br>**2** Ungazisebenzisa kanjani izinkundla zokuxhumana?<br>**3** Yini into enhle engenzeka uma ungasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze utshele abantu ngale ndaba? | **Isigaba 1**<br>**1** Ukufundisa ukufunda.<br>**2** Ngiyazi ukuthi ukufundisa Imisindo kubalulekile. Abafundi badinga ukuba nesikhathi esiningi sokufunda.<br>**3** Ngoba wonke umntwana kufanele abe umfundi onokuzethemba. Othisha kufanele babe nesineke futhi babekezele.<br>**Isigaba 2**<br>**1** Ngifuna abanye othisha bazi ukuthi kubaluleke kangakanani ukufunda.<br>**2** Ngingafaka amavidiyo atshela abanye othisha izindlela ezikahle zokufundisa ukufunda.<br>**3** Abanye othisha bangafunda kimi – futhi mhlawumbe bangafaka amavidiyo bese nami ngifunda kubo. |

## ABAFUNDI BASEBENZISA ISU LOKUHLELA (BAYENZA)

1. Tshela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngendaba abakhathazeka ngayo.
2. Okulandelayo, tshela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** kanye nozakwabo, ukuze baxoxe ngezindaba zabo.
3. Bonisa abafundi uhlaka lokuhlela olusebhodini bese ubatshela ukuba basebenzise lolu hlaka ukuhlela umbhalo wabo, njengoba wenzile.
4. Banike izincwadi zokubhalela.
5. Tshela abafundi ukuthi ababhale imibono okungeyabo –**hhayi** ukuba bakopishe ukuhlela kwakho.
6. Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi bese ubamba izingxoxo ezincane.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ___________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda** 7.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

**YETHULA UMSINDO**

1 Yisho umsindo, bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/kh/**
2 Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi baphinde umsindo ka X 3.
3 Buza abafundi: Ungacabanga yini igama elinomsindo **/kh/**?
4 Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **khula, khala, ikhekhe**

**YETHULA AMAGAMA AMASHA**

1 Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **ikhala, khala, ikhekhe, khuluma, khula**
2 Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3 Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4 Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

ISONTO 7

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u /izinhlamvu /amagama /imisho emisha

1 Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **kh**
2 Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3 Tshela abafundi ukuthi bazosebenza nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4 Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5 Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ukufunda Kokuqala

**AMASU OKUQONDISISA: HLOLA UMBHALO**


| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **UGreta Thunberg, iqhawe lokushintsha kwesimo sezulu!** | Namuhla sizofunda indaba emayelana noGreta Thunberg, intombazane encane eyasebenza ukulwisana nokushintsha kwesimo sezulu. Ukushintsha kwesimo sezulu kwenzeka emhlabeni wethu manje. Izwe lethu liyafudumala ngenxa yokunukubezeka! Le ndaba izosifundisa okuningi ngalokhu! |
| UGreta Thunberg intombazane ekhulele endaweni ebizwa ngokuthi iSweden. Ukukhula kukaGreta kwakungelula. Wayenokugula okubizwa ngokuthi i-Asperger's Syndrome. Lokhu kusho ukuthi ingqondo yakhe isebenza ngendlela ehlukile kunabanye abantu. Lokhu kwenza kube lukhuni ukuthi akhulume aphinde axhumane nabanye abantu. | Ingabe le ndaba izoba **ngobani?** Oh, sizofunda indaba emayelana noGreta Thunberg. |
| Kodwa i-Asperger's Syndrome kaGreta imenza ukuthi agxile futhi aqonde kangcono ngezinto ngendlela ejulile. UGreta wanquma ukusebenzisa i-Asperger's yakhe njengesipho sokulwisa nokuthile ayekholelwa kukhona. UGreta wafaka umfutho wakhe wonke ekuzameni ukulondoloza imvelo ngokulwisana nento okuthiwa 'ushintsho lwesimo sezulu'. | **Iyiphi** into uGreta akhathazeka ngayo? Oh, Ngifunde ukuthi ukhathazeka ngokulondoloza imvelo kanye nokulwisana noshintsho lwesimo sezulu! |
| UGreta waqala ukufunda ngokushintsha kwesimo sezulu ngenkathi uthisha wakhe ebakhombisa ividiyo yopulasitiki olwandle kanye namabhele aseqhweni alambile. Ngenkathi uGreta ebuka, wakhala. Izithombe zezilwandle ezinukubezekile zazihleli ekhanda likaGreta. Wayengasakwazi ukucabanga ngenye into. Wanquma ukuthi kufanele enze okuthile ukusiza ngokulondoloza iplanethi enguMhlaba. | Wafunda **nini** okokuqala uGreta mayelana ngokushintsha kwesimo sezulu? Oh, Ngifunde ukuthi wafunda okokuqala ngoshintsho lwesimo sezulu ngenkathi ebuka ividiyo esikoleni. |
| Uthisha kaGreta wachaza ukuthi ukunukubezeka komoya okusuka ezimotweni, kumabhanoyi, eziteshini eziphehla ugesi ngamalahle kanye nasemafemini kudala ukuthi umhlaba wethu ufudumale kakhulu. Uthisha wakhe watshela ikilasi ukuthi igesi eyenziwa izinkomo nayo idala ukuthi umhlaba ufudumale. Lokhu kubizwa ngokuthi ushintsho lwesimo sezulu, kanti futhi kulimaza iplanethi enguMhlaba. | **Ngubani** owafundisa uGreta ngoshintsho lwesimo sezulu? Oh, kwakunguthisha wakhe owamfundisa okokuqala ngoshintsho lwesimo sezulu! |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ezinye izingane zasheshe zakhohlwa ngevidiyo yasekilasini, kodwa hhayi uGreta. Wafunda lonke ulwazi ayengaluthola mayelana nokushintsha kwesimo sezulu. Wafunisisa kwi-intanethi izihloko nezifundo. Wabuka amavidiyo kwi-YouTube. Waba uchwepheshe kwezokushintsha kwesimo sezulu. | Waba uchwepheshe **wani** uGreta? Oh! Waba uchwepheshe ekushintsheni kwesimo sezulu. Wenza olwakhe ucwaningo wayesefunda ngakho konke ayengakuthola lapho! |
| UGreta waqala ukusebenzela ukwenza ushintsho ekhaya lakubo. Wakwazi ukushintsha umqondo wabazali bakhe ukuze bashintshe indlela ababephila ngayo. Washintsha umqondo kamama wakhe ukuthi angaphinde asebenzise izindiza. Washintsha umqondo kababa wakhe ukuthi ayeke ukudla inyama. Washintsha umqondo womndeni wonke ukuthi bangasebenzisi upulasitiki. Lokhu kwenza uGreta abone ukuthi angenza ushintsho olukhulu emhlabeni, uma engashintsha imiqondo yabantu abaningi. | Waqala **kuphi** uGreta ukusebenzela ukwenza ushintsho? Oh! Ngifunde ukuthi waqala ngokwenza ushintsho ekhaya kubo! |
| 'UGreta wanquma ukubhikisa ngaphandle kwePhalamende laseSweden. Wapenda uphawu epulangweni elincane. Wabhala amaqiniso athile kumaflaya ayezowanika abanye Wayesesuka, egibela ibhayisikili lakhe eya esakhiweni sasePhalamende. Ngosuku lokuqala, uGreta wahlala yedwa. Abantu ababedlula babembuka. | Wayebhikishel**a kuphi** uGreta? Ngifunde ukuthi wabhikisha ngaphandle kwePhalamende laseSweden. |
| Kodwa ngosuku lwesibili, abantu baqala bazibandakanya naye. Emuva kwalokho, kwase kukhona abantu ngaso sonke isikhathi. Ngezinyanga ezilandelayo, uGreta wahola ababhikishi abalwisana noshintsho lwesimo sezulu ezweni lakhe. | -- |
| UGreta wathola ukunakwa okuhle eSweden. Kodwaq, wanquma ukuthi kufanele enze okudlula lokhu! UGreta wavuma ukwethula inkulumo phambi kwezinkulungwane zabantu embuthanweni omkhulu omayelana noshintsha lwesimo sezulu. Abazali bakhe babekhathazekile ngokuthi i-Asperger's yakhe izokwenza kube lukhuni ukuthi akhulume phambi kwabantu abaningi kangaka. Kodwa ukuzimisela kukaGreta kwamsiza ukuthi anqobe ukwesaba kwakhe. Izinkulungwane zabantu bamhalalisela uGreta baze baqopha ngisho nenkulumo yakhe kwividiyo. | **Yini** eyenza ukuthi uGreta anqobe ukwesaba kwakhe? Oh! Ukuzimisela kwakhe kwamsiza ukuthi anqobe ukwesaba kwakhe. |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ngakho uGreta wanquma ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana kanye ne-intanethi ukuthi imsize ukudlulisela umlayezo kubantwana emhlabeni wonke. Wafaka izithombe zemibhikisho yakhe kwi-Instagram.<br><br>Wafaka amavidiyo ezinkulumo zakhe kwi-Facebook. Wabhala imilayezo kwi-Twitter. UGreta wasebenzisa i-intanethi ukuze axhumane nezinkulungwane zabantwana emhlabeni wonke ababekhathazeka ngokushintsha kwesimo sezulu. | **Yini** eyafakwa uGreta kwi-Instagram? Oh! Wafaka izithombe zombhikisho wakhe ukuze abantu bonke bawubone! |
| UGreta wake wathi, 'Bengilokhu ngiyileyo ntombazane ema emuva engasho lutho. Ngangicabanga ukuthi ngeke ngiwenze umehluko ngoba ngangimncane kakhulu.' Esikhathini esingaphansi kancane nje konyaka, uGreta wagqugquzela izinkulungwane zezingane ezivela emhlabeni wonke ukuthi zibhikishe futhi ziphinde zikhulume ngokushintsha kwesimo sezulu! | -- |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| Yini into uGreta ayekhathazeka ngayo? | • Wayekhathazeka ngokushintsha kwesimo sezulu.<br>• Wayekhathazeka ngokulondoloza iplanethi. |
| Yini into eyodwa uGreta ayeyisebenzisela kona i-intanethi? | • Ukuba uchwepheshe kushintsho lwesimo sezulu.<br>• Ukufaka izithombe kwi-Instagram.<br>• Ukufaka amavidiyo kwi-Facebook.<br>• Ukubhala kwi-Twitter.<br>• Ukuxhumana nezingane emhlabeni wonke. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| UGreta wawudlulisela kanjani umlayezo wakhe ngokushintsha kwesimo sezulu? | • Washintsha imiqondo yabazali bakhe ukuthi bashintshe imikhuba abayijwayele.<br>• Wabhikisha ngaphandle kwePhalamende.<br>• Wenza amaflaya ukuze awanike abantu.<br>• Wethula inkuluma embuthanweni omkhulu.<br>• Wafaka izithombe.<br>• Wafaka amavidiyo.<br>• Wasebenzisa izinkundla zokuxhumana. |

ISONTO 7



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ___________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 7**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma


Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ukushintsha umqondo
- uchwepheshe
- ukubhikisha
- umbuthano
- iflaya

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Izwe lethu linge lethu | Vula izandla zakho kakhulu |
| Ukuze silinakekele kufanele silithande! | Zigone kakhulu |
| Kukhona omunye nomunye angakwenza, | Khomba bonke ^labaseceleni kwakho |
| Ukuze siligcinele mina nawe. | Zikhombe bese ukhomba nomlingane wakho |
| Uma sonke nje singenza ingxenye yakhe. | Khomba bonke laba abaku kakile |
| Kwanele ukuthi sikhombise ukuthi siyanakekela | Phakamisela izithupha phezulu |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LOKUQALA LESIHLOKO)



1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Tshela abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Nikeza abafundi umzuzu owodwa noma emibili ukuthi bacabange ngemibono yabo.
5 Okulandelayo bonke abafundi eqenjini mabathole ithuba lokuxoxa indaba abaziqambele yona.
6 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibenobuciko, iphinde futhi ihambisane nezithombe!
7 Khumbuza abafundi ukuba balalelisise izindaba zozakwabo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.

ISONTO 7

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Yethula Umsindo Omusha Namagama

#### YETHULA UMSINDO

1. Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/ph/**
2. Yisho umsindo bese uyalela abafundi ukuthi bawuphinde ka x3
3. Buza abafundi: Ungacabanga yini ngamagama anomsindo **/ph/**?
4. Cabanga kanye nabafundi ngamagama afana nokuthi: **phila, phepha, phuza**

#### YETHULA AMAGAMA AMASHA

1. Yisho igama ngalinye ngokuzwakalayo nangokucacile ngenkathi ukhombisa amafleshi-khadi: **phuza, phepha, iphupho, isiphalaphala, phila**
2. Khombisa abafundi igama ngalinye njengoba ulisho.
3. Tshela abafundi ukuthi baphinde amagama emuva kwakho.
4. Choma amafleshi-khadi amagama Ebhodini Lokubonisa Imisindo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Bhala u/ izinhlamvu/ amagama/ nemisho emisha

1. Fundisa abafundi indlela efanele yokwakha osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane: **ph**
2. Lingisela abafundi ababhala ngesandla sokudla nababhala ngesandla sokunxele ukuthi izinhlamvu zibhalwa kanjani.
3. Tshela abafundi ukuthi basebenze nomlingani ukubhala izinhlamvu emhlane wabo ngeminwe.
4. Emuva kwalokhu, tshela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ematafuleni ngeminwe yabo.
5. Ekugcineni, phinda ukhombise abafundi ukwakha izinhlamvu namagama ebhodini.
6. Abafundi kumele bakopishele ezincwadini zabo imisindo/ amagama/imisho.
7. Abafundi kumele <u>badwebele</u> umsindo ophokophelwe kunoma yiliphi igama/ imisho ebhaliwe.

## Ukubhala:

Imizuzu engama-30

### Yenza Umbhalo Osalungiswa

**ISIHLOKO:** Bhala ngendaba okhathazeka ngayo. Cabanga ngendlela ongasebenzisa ngayo ubuchwepheshe ukuze wenze okuhle.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho siqu.

**UHLAKA LOKUBHALA:**

Ngiyakhathazeka…(Chaza imininingwane yaloko okwaziyo ngendaba! Sebenzisa 3–4 imisho.)

Ngicabanga ukuthi le ndaba ibalulekile ngoba…

Ngifuna ukuba abanye abantu bazi…

Ngingasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze…

Ngicabanga ukuthi uma ngisebenzisa izinkundla zokuxhumana…


**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela okwenze ngoMsombuluko ebhodini.

#### TSHENGISA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OSALUNGISWA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ngokuhlela okwenze ngoMsombuluko.
2. Funda konke ukuhlela kwakho okubhale ebhodini.
3. Okulandelayo, funda lonke uhlaka lokubhala kanye nabafundi.
4. Tshengisa indlela yokuqedela uhlaka lokubhala ngokusebenzisa okwakho ukuhlela, njengokuthi:
   **Ngiyakhathazeka** ngokufundisa ukufunda. Wonke umfundi kufanele athole usizo aludingayo ukuze abe umfundi okahle. Kubalulekile ukufundisa imisindo. Kanti futhi kubalulekile ukuba nesineke. **Ngicabanga ukuthi le ndaba ibalulekile** ngoba bonke abafundi badinga ukuba abafundi abanokuzethemba.
   **Ngifuna ukuba abanye abantu bazi** nabo ukuthi kubalulekile ukufunda. Ngicabanga kakhulu ngabanye othisha ukuthi badinga ukukwazi lokhu! **Ngingasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze** ngifake amavidiyo angabhekwa abanye othisha. Ngingakhombisa abanye othisha lokho engikwenzayo ukuze ngifundise ukufunda.
   **Ngicabanga ukuthi uma ngingasebenzisa izinkundla zokuxhumana** ngingasabalalisa umyalezo omuhle ngokufunda. Ngingasiza abanye othisha. Mhlawumbe, nami ngingafunda kwabanye othisha.

## ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKWENZA UMBHALO OWALUNGISWA (BAYENZA)

1 Banike izincwadi zokubhalela.
2 Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Ukusebenzisa ubuchepheshe kahle: Umbhalo Osalungiswa**
3 Tshela abafundi ukuba bathole ukuhlela kwabo kwangoMsombuluko bese becabanga ngemibono yabo.
4 Tshela abafundi ukuba baqedela uhlaka lokubhala basebenzise ukuhlela kwabo.
5 Tshela abafundi ukuthi bangangeza imisho eyengeziwe noma imininingwane uma benesikhathi.
6 Khumbuza abafundi ngamasu abangawasebenzisa ukuze abasize.
7 Njengoba abafundi bebhala, hambahamba uzungeze igumbi futhi usize abafundi abanobunzima.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda** 7.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Ukuhlukanisa Nokuhlanganisa

**NGIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **khula**
3 Hlukanisa igama libe imisindo ezimele: **/kh/**-**/u/**-**/l/**-**/a/**
4 Yisho umsindo wokuqala wegama: **/kh/**
5 Yisho umsindo wesibili wegama: **/u/**
6 Yisho umsindo wesithathu wegama: **/l/**
7 Yisho umsindo osekugcineni kwegama: **/a/**
8 Bhala igama ebhodini: **khula**
9 Lingisa ngokukhomba ukuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/khu/**-**/la/** = **khula**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **phila**

**SIYENZA ...**

1 Qala ngegama lesifundo sangoLwesibili.
2 Yisho igama: **khala**
3 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/kh/**
4 Buza abafundi: Uthini umsindo wesibili egameni? **/a/**
5 Buza abafundi: Uthini umsindo wesithathu egameni? **/l/**
6 Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/a/**
7 Tshela abafundi bahlukanise igama libe umsindo ozimele: **/kh/**-**/a/**-**/l/**-**/a/**
8 Bhala igama: **khala**
9 Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo yegama kanye nawe: **/kha/**-**/la/** = **khala**
10 Phinda lokhu ngegama lesifundo sangoLwesithathu: **phepha**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

# Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

## Ukufunda Kwesibili


### AMASU OKUFUNDA: HLOLA UMBHALO

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **UGreta Thunberg, iqhawe lokushintsha kwesimo sezulu!** | Khumbuza abafundi ukuthi sifunda ngoGreta Thunberg, intombazane encane osebenza ukuze ilondoloze iplanethi yethu! Chaza ukuthi namuhla sizocabanga ngokuthi kungani uGreta asebenzisa izinkundla zokuxhumana ukusiza ukuthi alwisane nokushintsha kwesimo sezulu! |
| UGreta Thunberg intombazane ekhulele endaweni ebizwa ngokuthi iSweden. Ukukhula kukaGreta kwakungelula. Wayenokugula okubizwa ngokuthi i-Asperger's Syndrome. Lokhu kusho ukuthi ingqondo yakhe isebenza ngendlela ehlukile kunabanye abantu. Lokhu kwenza kube lukhuni ukuthi akhulume aphinde axhumane nabanye abantu. | **Kungani** ukukhula kukaGreta kwakungelula? Oh, ngifunda ukuthi unokugula okubizwa ngokuthi i-Asperger's syndrome. Lokhu kwenza kube lukhuni ukuthi abe nabangane! |
| Kodwa i-Asperger's Syndrome kaGreta imenza ukuthi agxile futhi aqonde kangcono ngezinto ngendlela ejulile. UGreta wanquma ukusebenzisa i-Asperger's yakhe njengesipho sokulwisa nokuthile ayekholelwa kukhona. UGreta wafaka umfutho wakhe wonke ekuzameni ukulondoloza imvelo ngokulwisana nento okuthiwa 'ushintsho lwesimo sezulu'. | -- |
| UGreta waqala ukufunda ngokushintsha kwesimo sezulu ngenkathi uthisha wakhe ebakhombisa ividiyo yopulasitiki olwandle kanye namabhele aseqhweni alambile. Ngenkathi uGreta ebuka, wakhala. Izithombe zezilwandle ezinukubezekile zazihleli ekhanda likaGreta. Wayengasakwazi ukucabanga ngenye into. Wanquma ukuthi kufanele enze okuthile ukusiza ngokulondoloza iplanethi enguMhlaba. | **Kungani** uGreta wayekhala? Oh, Ngifunde ukuthi ividiyo emayelana noshintsho lwesimo sezulu yamenza wakhala, ngoba izinto azibona zazizwisa ubuhlungu kakhulu! |
| Uthisha kaGreta wachaza ukuthi ukunukubezeka komoya okusuka ezimotweni, kumabhanoyi, eziteshini eziphehla ugesi ngamalahle kanye nasemafemini kudala ukuthi umhlaba wethu ufudumale kakhulu. Uthisha wakhe watshela ikilasi ukuthi igesi eyenziwa izinkomo nayo idala ukuthi umhlaba ufudumale. Lokhu kubizwa ngokuthi ushintsho lwesimo sezulu, kanti futhi kulimaza iplanethi enguMhlaba. | -- |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Ezinye izingane zasheshe zakhohlwa ngevidiyo yasekilasini, kodwa hhayi uGreta. Wafunda lonke ulwazi ayengaluthola mayelana nokushintsha kwesimo sezulu. Wafunisisa kwi-intanethi izihloko nezifundo. Wabuka amavidiyo kwi-YouTube. Waba uchwepheshe kwezokushintsha kwesimo sezulu. | UGreta waba uchwepheshe **kanjani** kwezoshintsho lwesimo sezulu? Oh, ngifunde ukuthi wayefunda kakhulu kanti futhi ebuka amavidiyo ayemfundisa konke ayefuna ukukufunda! |
| UGreta waqala ukusebenzela ukwenza ushintsho ekhaya lakubo. Wakwazi ukushintsha umqondo wabazali bakhe ukuze bashintshe indlela ababephila ngayo. Washintsha umqondo kamama wakhe ukuthi angaphinde asebenzise izindiza. Washintsha umqondo kababa wakhe ukuthi ayeke ukudla inyama. Washintsha umqondo womndeni wonke ukuthi bangasebenzisi upulasitiki. Lokhu kwenza uGreta abone ukuthi angenza ushintsho olukhulu emhlabeni, uma engashintsha imiqondo yabantu abaningi. | **Kungani** uGreta ashintsha umqondo kababa wakhe ukuthi angaphinde adle inyama? Oh! Yingoba wafunda ukuthi igesi eyayiphuma ezinkomeni ibanga ushintsho lwesimo sezulu! |
| 'UGreta wanquma ukubhikisa ngaphandle kwePhalamende laseSweden. Wapenda uphawu epulangweni elincane. Wabhala amaqiniso athile kumaflaya ayezowanika abanye. Wayesesuka, egibela ibhayisikili lakhe eya esakhiweni sasePhalamende. Ngosuku lokuqala, uGreta wahlala yedwa. Abantu ababedlula babembuka. | **Kungani** uGreta anquma ukubhikisha ngaphandle kwePhalamende? Oh! Ngifunde ukuthi wayefuna ukushintsha imiqondo yabantu abaningi ukuthi balwisane nokushintsha kwesimo sezulu! |
| Kodwa ngosuku lwesibili, abantu baqala bazibandakanya naye. Emuva kwalokho, kwase kukhona abantu ngaso sonke isikhathi. Ngezinyanga ezilandelayo, uGreta wahola ababhikishi abalwisana noshintsho lwesimo sezulu ezweni lakhe. | -- |
| UGreta wathola ukunakwa okuhle eSweden. Kodwaq, wanquma ukuthi kufanele enze okudlula lokhu! UGreta wavuma ukwethula inkulumo phambi kwezinkulungwane zabantu embuthanweni omkhulu omayelana noshintsha lwesimo sezulu. Abazali bakhe babekhathazekile ngokuthi i-Asperger's yakhe izokwenza kube lukhuni ukuthi akhulume phambi kwabantu abaningi kangaka. Kodwa ukuzimisela kukaGreta kwamsiza ukuthi anqobe ukwesaba kwakhe. Izinkulungwane zabantu bamhalalisela uGreta baze baqopha ngisho nenkulumo yakhe kwividiyo. | **Kungani** uGreta anquma ukuthi ethule inkulumo? Oh! Wayefuna ukushintsha imiqondo yabantu abaningi ukuthi balwisane noshintsho lwesimo sezulu! |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
| --- | --- |
| Ngakho uGreta wanquma ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana kanye ne-intanethi ukuthi imsize ukudlulisela umlayezo kubantwana emhlabeni wonke. Wafaka izithombe zemibhikisho yakhe kwi-Instagram.<br><br>Wafaka amavidiyo ezinkulumo zakhe kwi-Facebook. Wabhala imilayezo kwi-Twitter. UGreta wasebenzisa i-intanethi ukuze axhumane nezinkulungwane zabantwana emhlabeni wonke ababekhathazeka ngokushintsha kwesimo sezulu. | **Kungani** uGreta anquma ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana? Oh! Wasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze asabalalise umyalezo ebantwini emhlabeni wonke! |
| UGreta wake wathi, 'Bengilokhu ngiyileyo ntombazane ema emuva engasho lutho. Ngangicabanga ukuthi ngeke ngiwenze umehluko ngoba ngangimncane kakhulu.' Esikhathini esingaphansi kancane nje konyaka, uGreta wagqugquzela izinkulungwane zezingane ezivela emhlabeni wonke ukuthi zibhikishe futhi ziphinde zikhulume ngokushintsha kwesimo sezulu! | Ngifunde kule ndaba ukuthi uGreta wasebenza ukwedlulisela umlayezo kubantu abaningi, ukuze sizokwazi ukusebenza sonke ekulweni nokushintsha kwesimo sezulu. |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
| --- | --- |
| Yini into eyodwa ebanga ushintsho lwesimo sezulu? | • Ukunukubezeka komoya okusuka ezimotweni, ezindizeni, kwiziteshi eziphehla ugesi ngamalahle kanye namafemu.<br>• Igesi eyenziwa izinkomo nayo yenza ukuthi umhlaba ufudumale.<br>• Ukunukubezeka/ ukungcola |
| Ucabanga ukuthi yini eyenza uGreta waba ngumuntu omangalisayo? | Ngicabanga ukuthi uGreta ungumuntu omangalisayo ngoba... |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Kungani uGreta akhetha ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana? | • Wayefuna ukushintsha imiqondo yabantu abaningi ukuthi balwisane nokushintsha kwesimo sezulu.<br>• Wayengasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze akwazi ukufinyelela ezinganeni emhlabeni wonke.<br>• Ngoba wabona ukuthi abantu emhlabeni wonke kufanele basebenze ngokubambisana ukuze bakwazi ukulondoloza iplanethi!<br>• Ngoba wayefuna ezinye izingane ukuthi zibone ukuthi nazo zingakwazi ukubhikisha nokukhuluma! |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ___________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda** 7.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- izinkundla zokuxhumana
- i-Instagram
- i-Facebook
- i-Twitter
- eSweden

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
| --- | --- |
| Izwe lethu linge lethu | Vula izandla zakho kakhulu |
| Ukuze silinakekele kufanele silithande! | Zigone kakhulu |
| Kukhona omunye nomunye angakwenza, | Khomba bonke ^labaseceleni kwakho |
| Ukuze siligcinele mina nawe. | Zikhombe bese ukhomba nomlingane wakho |
| Uma sonke nje singenza ingxenye yakhe. | Khomba bonke laba abaku kakile |
| Kwanele ukuthi sikhombise ukuthi siyanakekela | Phakamisela izithupha phezulu |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

1 Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba…
Ngicabanga ukuthi uGreta Thunberg…
Le ndaba ihlobene nesihloko esithi ‘Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle’ ngoba…
2 Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
3 Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
4 Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
5 Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
6 Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
7 Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
8 Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elinemisindo efundwe ngesikhathi esidlulile kanye nemisindo efundiswe ngoLwesibili kanye nangoLwesithathu.

| | | |
|---|---|---|
| **kh** | **ph** | **i** |
| **l** | **a** | **e** |
| **u** | **o** | **m** |
| **z** | **s** | **v** |

#### TSHENGISA

1 Khumbuza abafundi ngomsindo wesonto: **/kh/** kanye **/ph/**
2 Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 ukuze bakhe amagama amaningi besebenzisa imisindo kanye nokuyihlanganisa okungenhla.
4 Khombisa abafundi ukwakha amagama besebenzisa umsindo ophokophelwe: njengokuthi: **/ph/**-/**e**/-/**ph**/-/**a**/ = **phepha**
5 Khumbuza abafundi ukuthi bangakha amagama besebenzisa noma yimiphi imisindo – abaphoqelelekile ukusebenzisa: **/v/**-/**a**/-/**l**/-/**a**/ = **vala**

#### OKWENZIWA ABAFUNDI

1 Tshela abafundi ukuthi bavule izincwadi zabo babhale isihloko: **kh, ph**
2 Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
3 Nikeza abafundi imizuzu emi-3 yokuthola baphinde bakhe amagama amaningi abangakwazi ukuwakha.
4 Vumela abafundi ukuthi balungise umsebenzi wabo. Khombisa abafundi ukuthi bawakhe kanjani la magama (kanye namanye): **ikhala, khala, ikhekhe, khuluma, khula, phuza, phepha, iphupho, isiphalaphala, phila, vala, sala, izolo, ivila, izulu**

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ____________________________________________

Amagama: ____________________________________________

____________________________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ngemva Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: HLOLA UMBHALO**

**UKUQONDISISA OKUBHALIWE**


1 Ngaphambi kokuqala kwesifundo, bhala isihloko, imibuzo neziqalo zemisho elandelayo ebhodini.
2 Funda imibuzo kanye nabafundi, bese uyichaza uma kunesidingo.
3 Tshela abafundi ukuba bajike bese bekhuluma nokuthi baxoxe ngale mibuzo kanye nozakwabo.
4 Ngemva kwalokho, abafundi kufanele bavule amabhuku abo, babhale usuku kanye nesihloko, bese bebhala izimpendulo zemibuzo.
5 Emizuzwini yokugcina eyisihlanu yesifundo, xoxa ngezimpendulo kanye nabafundi, futhi ubanikeza ithuba lokulungisa umsebenzi wabo.

**UGRETA THUNBERG – IQHAWE LOKUSHINTSHA KWESIMO SEZULU!**

1 Owakuliphi izwe uGreta Thunberg?
***UGreta Thunberg owase…***
2 Obani ababhikisha noGreta ngosuku lwakhe lokuqala?
***…ngosuku lwakhe lokuqala.***
3 Wazisebenzisa kanjani izinkundla zokuxhumana uGreta Thunberg?
***Wasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze…***

**UGRETA THUNBERG – IQHAWE LOKUSHINTSHA KWESIMO SEZULU! – IZIMPENDULO**

1 Owakuliphi izwe uGreta Thunberg?
***UGreta Thunberg owaseSweden.***
2 Obani ababhikisha noGreta ngosuku lwakhe lokuqala?
***Akukho muntu owabhikisha naye ngosuku lwakhe lokuqala.***
3 Wazisebenzisa kanjani izinkundla zokuxhumana uGreta Thunberg?
***Wasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze enze umyalezo wakhe uye kubantwana abasemhlabeni wonke.***



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ___________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 7.**
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto Imizuzu eyi-15

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*

## Ukulungiselela Ikilasi

1. Ekuqaleni kwesonto ngalinye, qiniseka ukuthi ikilasi lihlanzekile futhi licocekile.
2. Lungisa AMABHODI OKUBONISA akho, ngokuthi ususe izinto ezingasahambisani nokufundwayo, bese uwalondoloza ngokucophelela.
3. Ngemuva kwalokho, lungisa amafuleshi khadi emifanekiso namagama esihloko ozokuwadinga.
4. Thola bese ulungisa izinto zesihloko ozozibeka odongeni nasetafuleni ezizokwenza abafundi babe nesithakazelo, ngokwesibonelo: Izithombe zikaNyeeam Hudson; Ezihloko ezinyathelisiwe zikaGreta Thunberg kanye noNyeeam Hudson eziku-inthanethi.
5. Yenza ukucwaninga kuyi-inthanethi ukuze ulungiselele isihloko. Ngokwesibonelo: bheka amavidiyo kaNyeeam Hudson ezinkundleni zokuxhumana; cwaninga izindlela abantu abasha baseNingizimu Afrika abasebenzisa ubuchwepheshe kahle.
6. Qiniseka ukuthi onke amabhuku okubhalela nezincwadi zokusebenzela ze-DBE zabafundi zimakiwe, futhi zapakishwa ngobunono lapho zibekwa khona.
7. Qiniseka ukuthi zonke izincwadi zakho ezinkulu, nezincwadi zamazinga ahlukene, kanye nezincwadi zomtapo wezincwadi zasekilasini zime ngomumo.

## Imisebenzi Yokwandisa

Le misebenzi ingasetshenziswa njengomsebenzi abafundi abazenzela wona bebodwa labo abasheshe baqeda umsebenzi wabo NOMA ngesikhathi usahlola abafundi.

**Umsebenzi 1:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 105 – 106, Masenze

**Umsebenzi 2:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 107, Masibhale

**Umsebenzi 3:** Incwadi Yokusebenzela ye-DBE 2: Ikhasi 108, Masifunde nekhasi 109, Masibhale

**Umsebenzi 4:** Dweba bese ubhala ngento ongayenza ku-inthanethi.

# Umsombuluko

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

**BUYEKEZA ISIHLOKO: THOLA ULWAZI LWANGAPHAMBILI (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)**

1. Khombisa abafundi isithombe sikaNyeeam Hudson erekhoda ividiyo yakhe esiseNcwadini Enkulu: Isikhulumi esingumgqugquzeli
2. Tshela abafundi ukuthi siqhubeka nesihloko esithi: Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle
3. Dweba indilinga enegama **lesihloko** phakathi nendawo ebhodini.
4. Buza abafundi*: Yini eniyaziyo ngalesi sihloko?*
5. Bhala phansi imibono yabafundi izungeze ibalazwe lomqondo. Beka ndawonye imibono efanayo.
6. Uma abafundi beba nobunzima bokuphendula, buza imibuzo yokubasiza elandelayo:
   - **a** Abantu bangabusebenzisa kanjani kahle ubuchwepheshe?
   - **b** Ungathanda ukuyisebenzisela ini i-Inthanethi?
   - **c** Ungayisebenzisa kuphi i-Inthanethi?

**ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO**

1. Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2. Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
   - gqugquzela
   - ukuthanda izinto eziphathekayo
   - isikhulumi esingumgqugquzeli

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Izwe lethu linge lethu | Vula izandla zakho kakhulu |
| Ukuze silinakekele kufanele silithande! | Zigone kakhulu |
| Kukhona omunye nomunye angakwenza, | Khomba bonke ^labaseceleni kwakho |
| Ukuze siligcinele mina nawe. | Zikhombe bese ukhomba nomlingane wakho |
| Uma sonke nje singenza ingxenye yakhe. | Khomba bonke laba abaku kakile |
| Kwanele ukuthi sikhombise ukuthi siyanakekela | Phakamisela izithupha phezulu |

## Ukubhala Kahle Ngesandla

Imizuzu eyi-15

1 Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
2 Bizela abafundi le misindo namagama alandelayo: (*inani alifani kuye ngolimi)*
   a **ikhala**
   b **khala**
   c **ikhekhe**
   d **khuluma**
   e **khula**
   f **phuza**
   g **phepha**
   h **iphupho**
   i **isiphalaphala**
   j **phila**
3 Okulandelayo, tshela abafundi ukuthi bathathe ipensela elinombala bese bemaka umsebenzi wabo.
4 Bhala ngokucacile ebhodini imisindo namagama.
5 Qoqa izincwadi zabafundi ekupheleni kosuku, bese wenza ukuphawula kulabo abadinga usizo olwengeziwe.

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ____________________

Amagama: ____________________

____________________

Umusho: ____________________

____________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela:

Imizuzu eyi-15

### Ngaphambi Kokufunda

#### ISU LOKUQONDISISA: QAGELA

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ukuze bakwazi ukubona Incwadi Enkulu.
2 Vula Incwadi Enkulu kwindaba ethu: Isikhulumi esingumgqugquzeli
3 Phenya izithombe ekhasini ngalinye ngalinye, ubuze abafundi ukuthi bacabanga ukuthi yini eyenzekayo.
4 Siza abafundi ukuba baxhumanise izithombe, ukuze bathole umqondo omuhle ngalokho indaba emayelana nakho.
5 Yethula amagama amasha ahambisana nezingxenye zendaba.

6 Bafundele indaba kanye, uze uyiqede ngaphandle kokuma.

## Ukubhala: Imizuzu engama-30

### Ukulungisa Umbhalo

**ISIHLOKO:** Bhala ngendaba okhathazeka ngayo. Cabanga ngendlela ongasebenzisa ngayo ubuchwepheshe ukuze wenze okuhle.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho siqu.

**UKULUNGISELELA:**
- Bhala uhlu lokulungisa umbhalo ebhodini ngaphambi kwesifundo sokubhala.
- Bhala ebhodini umbhalo wakho osalungiswa ngaphambi kwesifundo. Hlanganisa iphutha elilodwa noma amabili.

**UHLU LOKULUNGISA UMBHALO:**
1. Ingabe ngisebenzise isabizwana somuntu okhulumayo ('mina' nokuthi 'thina')?
2. Ingabe isigaba sokuqala simayelana nendaba okhathazeka ngayo?
3. Ingabe isigaba sesibili simayelana nendlela ongasebenzisa kahle ubucwepheshe ngayo?
4. Ingabe okungenani nginemisho eyi-10 ephelele ehlelwe yaba yizigaba ezimbili?
5. Ingabe onke amagama ngiwapele kahle?
6. Ingabe yonke imisho iqale ngohlamvu olukhulu?
7. Ingabe yonke imisho igcina ngophawu lokubhala olufanele?


#### TSHENGISA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (NGIYENZA)

1. Fundela abafundi ngokuzwakalayo uhlu lokulungisa umbhalo.
2. Ngemva kwalokho, fundela abafundi umbhalo osalungiswa wakho.
3. Funda uhlu, bese usho noma umbhalo osalungiswa wakho ulungile yini, noma kudingeka uwulungise noma uwuthuthukise.
4. Lingisela abafundi benza inqubo yokulungisa.



#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKULUNGISA UMBHALO (BAYENZA)

1. Banikeze izincwadi zokubhalela.
2. Tshela abafundi ukuba babheke umbhalo wabo osalungisa womsebenzi wokubhala.
3. Ngemva kwalokho, tshela abafundi bafunde uhlu lokwenza umbhalo osalungiswa bese benza noma yikuphi ukulungisa noma ukuthuthukisa okudingekile.
4. Njengoba abafundi besabhala, hambahamba egumbini futhi ubambe izingxoxo ezincane – qiniseka ukuthi usebenza neqembu elihlukile labafundi kumsebenzi wokubhala ngamunye.
5. Buka noma yimaphi amaphutha avamile embhalweni wabafundi.



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ___________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 8**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoMsombuluko.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoMsombuluko.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesibili

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Buyekeza imisindo namagama

#### BUYEKEZA IMISINDO

1. Yisho umsindo bese uphakamisa ifleshi-khadi: **/k/ /q/ /t/ /p/ /v/ /w/ /x/ /y/ /z/ /r/ /bh/ /sh/ /kh/ /ph/**
2. Phakamisa amafleshi-khadi ngendlela ehlukile yokulandelana bese utshela abafundi ngabanye ukuthi bafunde imisindo.
3. Namathisela imisindo yamafleshi-khadi ebhodini.
4. Tshela abafundi ukuthi beze ngaphambili bazokwakha amagama ebhodini.
5. Ngemva kwalokho, tshela abafundi ukuthi bakhe bese bebhala phansi amagama amaningi ngangokunokwenzeka ezincwadini zabo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________________________

Amagama: ______________________________________________

______________________________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Buyekeza um/imisindo/ amagama/ imisho

1. Khombisa abafundi ebhodini ukuthi imisho emifushane ibhalwa kanjani.
2. Batshele ukuthi umusho uqala ngosonhlamvukazi bese egcina ngongqi.
3. Abafundi kuzofanela bakopishele imisho ezincwadini zabo.

*Uphuphe iphupho elibi.*

*Unana ukhalela ikhekhe.*

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA**

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

Umusho: ______________________________

______________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ukufunda Kokuqala

**AMASU OKUQONDISISA: NGIYAZIBUZA / YENZA UKUCABANGELA**


| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Isikhulumi esingumgqugquzeli**<br><br>UNyeeam Hudson wayeneminyaka eyishumi lapho edlala epaki elaliseduze nendlu yakubo eNew Jersey, e-United States. UNyeeam wayegijima futhi edlala nabangane bakhe – kwaze kwaba yilapho omunye umfana emsukela ngezicathulo zakhe zokugijima ezindala nezimbi.<br><br>'Ubani ongagqoka izicathulo ezinje! Lezozicathulo ziyenyanyeka!' kwahleka omunye umfana. | Hewu! Akukuhle lokhu. **Ngiyazibuza** ukuthi uNyeeam uzothini? |
| UNyeeam wama kancane, ebheka izicathulo zakhe ezasezigugile, 'Indaba kabani pho,' ezenzela isiphetho. 'Izicathulo zami zingisiza ngokugijima nokudlala – anginandaba nokuthi zibukeka kanjani.'<br><br>UNyeeam wadonsa kakhulu umoya. 'Akunandaba ukuthi ngifakeni ezinyaweni zami, okunendaba ukuthi yini esekhanda lami. Lamateki engiwafakile azobe engangilingani eminyakeni enga-20 ezayo, esho. 'Okubalulekile okukhona phakathi kwekhanda lami.' | UNyeeam akazange aphendule ngendlela ebengiyilindele. Ngenza **ukucabangela** ukuthi uNyeeam ungumuntu ohluzekile. |
| 'Ngifisa sengathi abazali bangakhulisa izingane zabo ukuba zingabi nendaba nezimpahla nezicathulo,' kucabanga uNyeeam. Ngenkathi uNyeeam efika ekhaya ngalobo busuku, wanquma ukuqopha umyalezo wevidiyo oya kubazali. UNyeeam wahlala phansi nomakhalekhukhwini wakhe wayesesho konke okwakusemqondweni wakhe. | **Ngiyazibuza** ukuthi uNyeeam uzokwenzani ngalevidiyo ayeyiqophile? |

ISONTO 8

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| 'Buka baba – Ngenze ividiyo,' kusho uNyeeam, ephakamisa ucingo lwakhe ekhombisa ubaba wakhe.<br><br>Ubaba kaNyeeam wacindezela inkinobho yokudlalisa ividiyo. | UNyeeam usebenzisa ubuchwepheshe ukuqopha indlela azizwe ngayo uma ehlukumezeka. **Ngicabanga** ukuthi lena indlela ehluzekile yokuxazulula inkinga. |
| 'Ngiyanicela, ningakhulisi izingane zenu ukuthi zibe ngabantu abakhonze izinto eziphathekayo!<br><br>Uma zingenawo ama-Jordan noma izimpahla zemfashini zizocabanga ukuthi azibalulekile...' kusho ividiyo ayeyiqophile.<br><br>'Angifuni abazali ukuthi bakhulise izingane zabo ngokuthi zinake izimpahla nezicathulo kuphela,' UNyeeam echazela ubaba wakhe.<br><br>'Uyayithanda?' kubuza uNyeeam.<br><br>'Ukhuluma iqiniso!' kusho ubaba wakhe, embambatha emhlane.<br><br>'Ngifuna ukuyifaka kwi-Intanethi ukuze abazali bezoyibona bese bekhuluma nezingane zabo ngalokhu. Ngiyathemba futhi izosiza ngokuvikela ezinye izingane ekuhlukumezekeni,' esho. | Kusho ukuthi uNyeeam uyazi ukuthi i-intanethi ifinyelela ebantwini abaningi. **Ngicabanga** ukuthi ufuna ukusebenzisa i-intanethi ukusabalalisa umyalezo wakhe kuwo wonke umuntu. |
| UNyeeam nobaba wakhe bafaka ividiyo kwi-YouTube. Ezinsukwini ezimbalwa, ividiyo yayisibukelwe kayinkulungwane. | **Ngiyazibuza** ukuthi ubani owabuka ividiyo kaNyeeam? Kungenzeka ukuthi abazali nezingane zomhlaba wonke. |
| Emuva kwamasonto ambalwa, omunye wabantu abasebenza nobaba kaNyeeam wakhuluma ngevidiyo. 'Ngibone uNyeeam kwi-intanethi – ividiyo yakhe isabalele kuzo zonke izinkundla zokuxhumana!' kusho lona owayesebenza nobaba wakhe.<br><br>'Ucabangani?'<br><br>'UNyeeam uyakwazi okubalulekile. Ungumuntu oyilokho ayikho. Ngiyakuhlonipha lokho,' kuphendula ubaba wakhe, emoyizela. | Ngisho umuntu osebenza nobaba kaNyeeam uyibonile ividiyo.<br><br>Lokhu kungasho ukuthi abantu abaningi bayayibuka! |
| Imibono emihle yagcwala kwividiyo kaNyeeam. 'Ngifuna ukusabalalisa ukuzithanda kanye nokuzethemba ezinganeni nakubazali bazo,' uNyeeam etshela ubaba wakhe. Ubaba wakhe wamsiza ngokuthi enze ikhasi lakhe le-Instagram – elasheshe lathola izinkulungwane zabalandeli.<br><br>'Ngicabanga ukuthi ngifuna ukubizwa ngeNkosi uNahh kwi-intanethi,' kusho uNyeeam lapho belungiselela i – akhawunti yakhe.<br><br>'Manje usuyisikhulumi esigqugquzelayo sangempela,' kusho ubaba kaNyeeam ngokwenama. | Ngenza **ukucabangela** ukuthi uNyeeam usebenzisa ubuchwepheshe ukwenza izinto ezinhle, ngoba walungiselela i-akhawunti yakhe ye-Instagram ukuze ezokwazi ukugqugquzela ezinye izingane nabazali. Ngicabanga ukuthi ufuna ukuthi lokhu kube nomthelela omuhle kwabanye. |

| Umbhalo | Ukufunda Kokuqala (Veza Imizwa) |
|---|---|
| Kusukela enza ividiyo yakhe yokuqala, uNyeeam Hudson usebe yisikhulumi esidume umhlaba wonke. Ube nengxoxo-mibuzo namaphephandaba kanye nezinhlelo zomabonakude.<br><br>Usehambe umhlaba wonke enikeza izinkulumo ezimayelana nokuzazi, ukuzethemba, nokugqugquzela.<br><br>UNyeeam uze wasebenzisa ngisho ne-intanethi ukuze eze imali yokushicilela incwadi yakhe yokuqala, ebizwa ngokuthi 'Sonke Singamakhosi.' Encwadini yakhe, uNyeeam uzama ukugqugquzela abanye abafana abasebasha njengaye ukuthi bakhulise amakhono abazalwe benayo futhi bakholelwe ebukhulwini babo. | -- |
| UNyeeam uyaqhubeka nokusebenzisa ubuchwepheshe ukusizeni ngokuqinisekisa ukuthi izingane ziyazi ukuthi wonke umuntu 'unobukhulu phakathi kwakhe kanti lokhu okubonayo...ungaba nakho!' | UNyeeam usibonisa ukuthi ungasebenzisa ubuchwepheshe ukusiza ngokukhuthaza abanye emhlabeni wonke. |

| Imibuzo yokulandelela | Izimpendulo ezilindelekile |
|---|---|
| Wayeneminyaka emingaki uNyeeam ngenkathi eqopha ividiyo yakhe yokuqala? | Wayeneminyaka eyishumi nje kuphela. |
| Ngubani igama likaNyeeam ku – Intanethi? | Igama lakhe kwi-Intanethi uKing Nahh. |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| UNyeeam wabusebenzisa kanjani ubuchwepheshe ukwenza okulungile? | • Wafakela izingane kanye nabazali ividiyo kwi-Intanethi ukuze azame ukuvikela ezinye izingane ekuhlukumezekeni.<br>• Wasebemzisa i-Intanethi ukuze asabalalise umyalezo wokuzithanda kanye nokuzethemba.<br>• Waqala i-akhawunti ye-Instagram ukuze akwazi ukufaka imiyalezo emihle nokugqugquzela abanye. |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo

Imizuzu engama – 30

**AMAQEMBU:** ____________________________

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 8**.
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesibili.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesibili.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesithathu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15


### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

1 Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
2 Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ividiyo
- rekhoda
- ohluzekile

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Izwe lethu linge lethu | Vula izandla zakho kakhulu |
| Ukuze silinakekele kufanele silithande! | Zigone kakhulu |
| Kukhona omunye nomunye angakwenza, | Khomba bonke ^labaseceleni kwakho |
| Ukuze siligcinele mina nawe. | Zikhombe bese ukhomba nomlingane wakho |
| Uma sonke nje singenza ingxenye yakhe. | Khomba bonke laba abaku kakile |
| Kwanele ukuthi sikhombise ukuthi siyanakekela | Phakamisela izithupha phezulu |

### UBUCIKO BOKUXOXA IZINDABA (ISONTO LESIBILI LESIHLOKO)

1 Hlukanisa abafundi babe amaqembu amancane.
2 Nikeza iqembu ngalinye ikhophi yezithombe zobuciko bokuxoxa indaba.
3 Khumbuza abafundi ukuthi kufanele bacabange ngendaba ezohambisana nezithombe.
4 Kuleli sonto, abafundi kufanele basebenze njengeqembu ekunqumeni indaba yeqembu.
5 Khumbuza abafundi ukuthi indaba yabo kufanele ibe nobuciko, iphinde ihambisane nezithombe!
6 Cela ikilasi ukuba lilalele futhi linake.
7 Cela amaqembu 1–2 ehlukene ukuba azoxoxa izindaba zeqembu lazo.
8 Bonga abafundi ngokuxoxa ngezindaba zabo.



ISONTO 8

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Buyekeza imisindo namagama

#### BUYEKEZA AMAGAMA

1 Qiniseka ukuthi amafleshi-khadi amagama emisindo alungisiwe.
2 Phakamisa igama ngalinye, bese utshela umfundi ngamunye alifunde.
3 Uma umfundi ehluleka ukufunda igama, msize ngokuthi aphimise izinhlamvu zalo.

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

## Ukubhala Kahle Ngesandla:

Imizuzu eyi-15

### Buyekeza u/izinhlamvu / amagama/ imisho

1 Khombisa abafundi indlela yokubhala imisho emifushane ebhodini.
2 Khomba ukuthi imisho iqala ngohlamvu olukhulu futhi igcine ngongqi.
3 Abafundi kufanele bakopishele imisho emabhukwini abo.

*Unana uchithe ubisi.*

*Lalela ubaba.*

#### UKUSHINTSHANISA UHLELO LOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________

Umusho: ______________________________

______________________________

## Ukubhala: Imizuzu engama-30

### Ukushicilela Nokwethula

**ISIHLOKO:** Bhala ngendaba okhathazeka ngayo. Cabanga ngendlela ongasebenzisa ngayo ubuchwepheshe ukuze wenze okuhle.

**UMSEBENZI:** Bhala okungenani izigaba ezimbili (imisho eyi-10) ngokuhlangenwe nakho kwakho siqu.

**UHLAKA LOKUBHALA:**

Ngiyakhathazeka…(Chaza imininingwane ngokuthi yini oyaziyo ngendaba! Sebenzisa 3–4 imisho.)

Ngicabanga ukuthi le ndaba ibalulekile ngoba…

Ngifuna ukuba abanye abantu bazi ukuthi…

Ngingasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze…

Ngicabanga ukuthi uma ngisebenzisa izinkundla zokuxhumana…

**UKULUNGISELELA:** Ngaphambi kwesifundo sokubhala, bhala ukuhlela kombhalo osalungiswa okwenze ngoMsombuluko ebhodini.

#### TSHENGISA INQUBO YOKUSHICILELA (NGIYENZA)

1. Khumbuza abafundi ukuthi ngoMsombuluko wasebenzisa uhlu lokulungisa umbhalo ukwenza umbhalo osalungiswa ukuze ulungise umbhalo wakho osalungiswa.
2. Ngokulandelayo, tshela abafundi ukuthi namuhla sizoshicilela bese sethula umbhalo wethu wokugcina.
3. Khombisa abafundi indlela yokuphinde ubhale umbhalo wakho siqu, onesihloko kanye nosuku.

#### ABAFUNDI BAQEDELA INQUBO YOKUSHICILELA (BAYENZA)

1. Nikeza abafundi izincwadi zokubhalela.
2. Yalela abafundi ukuba babhale usuku kanye nesihloko: **Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle**
3. Tshela abafundi ukuba baphinde babhale ngobunono umbhalo wabo wokugcina, ungabi namaphutha.
4. Uma abafundi benesikhathi, bangadweba masinyane umfanekiso.
5. Ngesikhathi abafundi bebhala, hambahamba egumbini lokufunda futhi usize abafundi abanobunzima.

**ABAFUNDI BETHULA UMBHALO WABO**

1. Emizuzwini yokugcina emihlanu yesifundo, tshela abafundi ukuba babeke phansi amapeni namapensela abo.
2. Tshela abafundi ukuba Bajike bese Bekhuluma nozakwabo futhi bafunde umbhalo wabo.
3. Lapho abafundi sebekwenzile lokhu, biza umfundi oyedwa noma ababili ukuba azofundela ikilasi umbhalo wakhe.
4. Choma umbhalo wabafundi uzungeze ikilasi. Lokhu kuzosiza abafundi ukuba bafunde imibhalo yabanye, bese bexoxa ngokusebenzisa amagama amasha.


14 Disemba 2020


Ukusebenzisa ubuchwepheshe ngendlela elungile

Ngiyayinakekela imvelo.
Ngicabanga ukuthi lendaba ibalulekile ngoba wonke umuntu udinga ukuqonda ukuthi kufanele aqale ukunakekele ipulanethi lethu ngaphambi kokuthi kuphele isikhathi

Ngifuna abanye abantu bazi ukuthi kufanele sidlale indima yethu. Sonke sidinga ukufunda izindlela ezahlukene esingonga ngazo imvelo.

Ngingasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuthumela amavidiyo Kanye nezigeshana zezindaba ezitshela abantu ngokubaluleka kwalendaba nokuthi bangenzani ukuze basize.
Ngicabanga ukuthi uma ngisebenzisa izinkundla zokuxhumana abantu bangafunda kimina. Kanti bangakwazi nokuthumela amavidiyo Kanye nezigeshana zezindaba kanti abantu abaningi bangafunda kubona.





## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ____________________________**

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yekufunda 8**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesithathu** ekilasini lonke.
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesithathu.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesine

## Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu eyi-15

### Buyekeza ukuhlukanisa nokuhlanganisa.

**NGIYENZA ...**

1. Sebenzisa amagama amabili amqondofana, isibonelo: **wela; wena**
2. Yisho igama: **wela**
3. Cozulula igama ngezinhlamvu ezihamba zodwa: **/w/**-**/e/**-**/l/**-**/a/**
4. Yisho umsindo wokuqala wegama: **/w/**
5. Yisho umsindo wesibili wegama: **/e/**
6. Yisho umsindo wesithathu wegama: **/l/**
7. Yisho umsindo wesine wegama: **/a/**
8. Bhala igama ebhodini: **wela**
9. Lingisa ukukhomba nokuhlanganisa imisindo ukwakha igama: **/we/**-**/la/** = **wela**
10. Phinda lokhu ngegama elilandelayo: **wena**

**SIYENZA...**

1. Sebenzisa amanye amagama amabili ezwakala ngokufana, isibonelo: **khala; bhala**
2. Yisho igama: **khala**
3. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokuqala egameni? **/kh/**
4. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesibili egameni? **/a/**
5. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wesithathu egameni? **/l/**
6. Buza abafundi: Yimuphi umsindo wokugcina egameni? **/a/**
7. Tshela abafundi ukuthi bahlukanise igama ngohlamvu ngalunye **/kh/**-**/a/**-**/l/**-**/a/**
8. Bhala igama: **khala**
9. Yalela abafundi ukuthi bahlanganise imisindo egameni kanye nawe: **/kha/**-**/la/** = **khala**
10. Phinda lokhu ngegama elilandelayo: **bhala**

**UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO**

Um(imi)sindo: ________________________________________________

Amagama: ___________________________________________________

____________________________________________________________

## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ukufunda Kwesibili

**AMASU OKUFUNDA: NGIYAZIBUZA / YENZA UKUCABANGELA**


| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| **Isikhulumi esingumgqugquzeli**<br><br>UNyeeam Hudson wayeneminyaka eyishumi lapho edlala epaki elaliseduze nendlu yakubo eNew Jersey, e-United States. UNyeeam wayegijima futhi edlala nabangane bakhe – kwaze kwaba yilapho omunye umfana emsukela ngezicathulo zakhe zokugijima ezindala nezimbi.<br><br>'Ubani ongagqoka izicathulo ezinje! Lezozicathulo ziyenyanyeka!' kwahleka omunye umfana. | -- |
| UNyeeam wama kancane, ebheka izicathulo zakhe ezasezigugile, 'Indaba kabani pho,' ezenzela isiphetho. 'Izicathulo zami zingisiza ngokugijima nokudlala – anginandaba nokuthi zibukeka kanjani.'<br><br>UNyeeam wadonsa kakhulu umoya. 'Akunandaba ukuthi ngifakeni ezinyaweni zami, okunendaba ukuthi yini esekhanda lami. Lamateki engiwafakile azobe engangilingani eminyakeni enga-20 ezayo, esho. 'Okubalulekile okukhona phakathi kwekhanda lami.' | **Ngicabanga** ukuthi impendulo kaNyeeam **iwubufakazi** bokuthi ungumuntu ocabangelanayo futhi ohluzekile, ngoba uphendula ngomoya ophansi. |
| 'Ngifisa sengathi abazali bangakhulisa izingane zabo ukuba zingabi nendaba nezimpahla nezicathulo,' kucabanga uNyeeam. Ngenkathi uNyeeam efika ekhaya ngalobo busuku, wanquma ukuqopha umyalezo wevidiyo oya kubazali. UNyeeam wahlala phansi nomakhalekhukhwini wakhe wayesesho konke okwakusemqondweni wakhe. | **Ngicabanga** ukuthi uNyeeam unozwelo, kanti futhi ufuna izingane zibe nozwelo kwezinye. Ufuna abazali bafundise izingane zabo ukuthi izimpahla nezicathulo azibalulekile – ukuba nomusa nokucabangelana yikhona okubalulekile! |
| 'Buka baba – Ngenze ividiyo,' kusho uNyeeam, ephakamisa ucingo lwakhe ekhombisa ubaba wakhe.<br><br>Ubaba kaNyeeam wacindezela inkinobho yokudlalisa ividiyo. | -- |
| 'Ngiyanicela, ningakhulisi izingane zenu ukuthi zibe ngabantu abakhonze izinto eziphathekayo!<br><br>Uma zingenawo ama-Jordan noma izimpahla zemfashini zizocabanga ukuthi azibalulekile...' kusho ividiyo ayeyiqophile.<br><br>'Angifuni abazali ukuthi bakhulise izingane zabo ngokuthi zinake izimpahla nezicathulo kuphela,' UNyeeam echazela ubaba wakhe. | UNyeeam akuyena umuntu othanda izinto eziphathekayo – uyazi ukuthi ukuphatha kahle abantu yikhona okubalulekile. **Ngicabanga** ukuthi wenza levidiyo ngoba akafuni ukuthi izingane zithande izinto eziphathekayo. UNyeeam ufuna abanye bazizwe bebalulekile ngento abayiyo – hhayi ngalokhu abanakho. |

| Umbhalo | Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa) |
|---|---|
| 'Uyayithanda?' kubuza uNyeeam.<br>'Ukhuluma iqiniso!' kusho ubaba wakhe, embambatha emhlane.<br>'Ngifuna ukuyifaka kwi-Intanethi ukuze abazali bezoyibona bese bekhuluma nezingane zabo ngalokhu. Ngiyathemba futhi izosiza ngokuvikela ezinye izingane ekuhlukumezekeni,' esho. | |
| UNyeeam nobaba wakhe bafaka ividiyo kwi-YouTube. Ezinsukwini ezimbalwa, ividiyo yayisibukelwe kayinkulungwane. | -- |
| Emuva kwamasonto ambalwa, omunye wabantu abasebenza nobaba kaNyeeam wakhuluma ngevidiyo. 'Ngibone uNyeeam kwi-intanethi – ividiyo yakhe isabalele kuzo zonke izinkundla zokuxhumana!' kusho lona owayesebenza nobaba wakhe.<br>'Ucabangani?'<br>'UNyeeam uyakwazi okubalulekile. Ungumuntu oyilokho ayikho. Ngiyakuhlonipha lokho,' kuphendula ubaba wakhe, emoyizela. | -- |
| Imibono emihle yagcwala kwividiyo kaNyeeam. 'Ngifuna ukusabalalisa ukuzithanda kanye nokuzethemba ezinganeni nakubazali bazo,' uNyeeam etshela ubaba wakhe. Ubaba wakhe wamsiza ngokuthi enze ikhasi lakhe le-Instagram – elasheshe lathola izinkulungwane zabalandeli.<br>'Ngicabanga ukuthi ngifuna ukubizwa ngeNkosi uNahh kwi-intanethi,' kusho uNyeeam lapho belungiselela i – akhawunti yakhe.<br>'Manje usuyisikhulumi esigqugquzelayo sangempela,' kusho ubaba kaNyeeam ngokwenama. | **Ngicabanga** ukuthi uNyeeam unogqozi. Amazwi awashoyo angakunika ugqozi lokuthi uzizwe kahle ngobuwena. |
| Kusukela enza ividiyo yakhe yokuqala, uNyeeam Hudson usebe yisikhulumi esidume umhlaba wonke. Ube nengxoxo-mibuzo namaphephandaba kanye nezinhlelo zomabonakude.<br>Usehambe umhlaba wonke enikeza izinkulumo ezimayelana nokuzazi, ukuzethemba, nokugqugquzela.<br>UNyeeam uze wasebenzisa ngisho ne-intanethi ukuze eze imali yokushicilela incwadi yakhe yokuqala, ebizwa ngokuthi 'Sonke Singamakhosi.' Encwadini yakhe, uNyeeam uzama ukugqugquzela abanye abafana abasebasha njengaye ukuthi bakhulise amakhono abazalwe benayo futhi bakholelwe ebukhulwini babo. | **Ngicabanga** ukuthi uNyeeam uyisikhulumi esinogqozi ngoba usemusha kodwa unokuzethemba. Akazizwa emncane ekutheni angasiza laba abamzungezile. |

ISONTO 8

| **Umbhalo** | **Ukufunda Kwesibili (Veza Imizwa)** |
|---|---|
| UNyeeam uyaqhubeka nokusebenzisa ubuchwepheshe ukusizeni ngokuqinisekisa ukuthi izingane ziyazi ukuthi wonke umuntu 'unobukhulu phakathi kwakhe kanti lokhu okubonayo...ungaba nakho!' | **Ngicabanga** ukuthi uNyeeam ukholelwa ekusizeni abantu bazizwe kahle ngobubona. Izinkundla zokuxhumana ngesinye isikhathi zingaba indawo lapho ukuhlukumezeka kwenzeka khona, kodwa uNyeeam uzisebenzisela ukukhuthaza abanye. |

| **Imibuzo yokulandelela** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
|---|---|
| Yibuphi ubufakazi esinabo bokuthi uNyeeam ungumuntu ovuthiwe? | Akacasuki uma bemdelela. Uphendula ngokuhluzeka kwengqondo nangomoya ophansi. |
| Yimuphi umyalezo uNyeeam afuna ukuwusabalalisa? | • Ufuna ukusabalalisa umyalezo wokuthi okubalulekile yilokho okusekhanda lakho – hhayi lokhu okugqokile.<br>• Ufuna ukusabalalisa ukuzethemba nokuzithanda.<br>• Ufuna izingane zazi ukuthi zinokubalulekile ngaphakathi kwazo! |
| **Umbuzo ofuna isizathu** | **Izimpendulo ezilindelekile** |
| Yini oyicabangayo ngoNyeeam? Nikeza ubufakazi obuvela endabeni. | *Ngicabanga ukuthi uNyeeam ... Ngoba...* |



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU:** ______________________________

1. Hlalisa kahle lonke ikilasi ne**Ncwadi Yokufunda 8**.
2. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesine.**
3. Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4. Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5. Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6. Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesine.**
7. Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8. Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalelile,nokuthi yini ayifundile.
9. Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.

# Ulwesihlanu

## Imisebenzi Yokukhuluma

Imizuzu eyi-15

### ULWAZIMAGAMA NGESIHLOKO

**1** Fundisa ngokusebenzisa i-PATS (Khomba, Nyakaza, Xoxa, Yisho).
**2** Choma amagama kanye nemifanekiso Ebhodini Lamagama Esihloko.
- ukuzethemba
- ukuzihlonipha
- ukukhuthaza

| Umlolozelo noma iculo | Iminyakazo |
|---|---|
| Izwe lethu linge lethu | Vula izandla zakho kakhulu |
| Ukuze silinakekele kufanele silithande! | Zigone kakhulu |
| Kukhona omunye nomunye angakwenza, | Khomba bonke ^labaseceleni kwakho |
| Ukuze siligcinele mina nawe. | Zikhombe bese ukhomba nomlingane wakho |
| Uma sonke nje singenza ingxenye yakhe. | Khomba bonke laba abaku kakile |
| Kwanele ukuthi sikhombise ukuthi siyanakekela | Phakamisela izithupha phezulu |

### INGXOXO NGOMBHALO OFUNDWA NGOKUHLANGANYELA

**1** Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini:
Kule ndaba…
Ngicabanga ukuthi uNyeeam Hudson …
Le ndaba ihlobene nesihloko esithi 'Ukusebenzisa ubuchwepheshe kahle' ngoba…
**2** Fundela abafundi uhlaka lwengxoxo.
**3** Beka abafundi **ngamaqembu abo amancane.**
**4** Tshela abafundi ukuthi umfundi ngamunye kumele athole ithuba lokuphendula imibuzo yengxoxo.
**5** Cela abafundi bonke ukuthi balalele futhi banake.
**6** Cela abafundi abahlukene noma iqembu elithile ukuthi labelane ngezimpendulo zalo.
**7** Uma izimpendulo kungezona, zilungise.
**8** Bonga abafundi ngokufaka isandla kwabo.

# Bona Ubudlelwano Phakathi Kohlamvu Nomsindo:

Imizuzu ey – 15

## Thola Igama

Bhala ithebula ebhodini elibonisa yonke imisindo eyenziwe kulethemu.

| | | |
|---|---|---|
| **k** | **q** | **t** |
| **a** | **l** | **e** |
| **p** | **v** | **w** |
| **m** | **i** | **s** |
| **x** | **y** | **z** |
| **o** | **n** | **b** |
| **r** | **bh** | **sh** |
| **ph** | **kh** | **u** |

### TSHENGISA

**1** Buyekeza yonke imisindo kanye nokuyihlanganisa ebhodini.
**2** Nika abafundi imizuzu emi-3 yokwakha amagama amaningi ngangokunokwenzeka besebenzisa imisindo nezihlanganiso ezingenhla.

### OKWENZIWA ABAFUNDI

**1** Tshela abafundi bavule izincwadi zabo zokubhalela.
**2** Yalela abafundi ukuthi baqale babhale.
**3** Nika abafundi imizuzu emi-3 yokuthi bathole futhi bakhe amagama amaningi ngangokunokwenzeka.
**4** Vumela abafundi ukuthi bamake umsebenzi wabo.
**5** Tshela abafundi ukuthi babelane ngamagama abawakhile, bese uwabhala ebhodini.

### UKUSHINTSHANISA UHLELO LWEMISINDO

Um(imi)sindo: ______________________________

Amagama: ______________________________

______________________________


## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Imizuzu eyi-15

### Ngemva Kokufunda

**ISU LOKUQONDISISA: FINGQA INDABA / YENZA UKUCABANGELA**

**UKUBUYEKEZA OKUXOXWAYO NOMA OKUBHALWAYO KWENDABA**

**1** Chaza ukuthi namuhla *sizocabanga ngezingxenye ezibaluleke kakhulu ngendaba esembhalweni*.
**2** Sizophinde sicabange *ngokucabangele esingakwenza ngoNyeeam.*
**3** Bhala uhlaka lokubuyekeza ebhodini.
**4** Yalela abafundi ukuba basebenzise uhlaka ukuphendula imibuzo:
**Le ndaba imayelana**… (2–3 imisho)
**Ngithandile…**
**Ngicabanga ukuthi uNyeeam…ngoba…**
**5** Chaza ukuthi abafundi ngeke bakwazi ukusho yonke into ngendaba esembhalweni – bazodinga ukukhetha izingxenye ezibaluleke kakhulu.
**6** Tshengisa abafundi isibonelo sakho. Yithi: ***Le ndaba imayelana*** *nomfana omncane ogama lakhe linguNyeeam Hudson. Usebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze alwe nokuxhaphazwa.* ***Ngithandile*** *ngesikhathi uNyeeam etshela umfana owayemxhaphaza ukuthi into ebalulekile ilokho okusekhanda.* ***Ngicabanga ukuthi uNyeeam*** *ungumuntu ohluzekile* ***ngoba*** *uzothile ngisho noma egconwa.*
**7** Khombisa abafundi izithombe ezisendabeni eseNcwadini Enkulu.
**8** Nikeza abafundi isikhathi sokucabanga ngendaba esembhalweni.
**9** Yalela abafundi ukuba **bajike bese beyakhuluma** futhi baxoxe nozakwabo ngokufingqwa kwendaba **yabo**. ***(Akufanele baphinde lokho okushiwo uthisha. Lokhu kufanele kube imibono yabafundi ngokwabo!)***
**10** Cela abafundi ukuba baphinde bahlangane ndawonye.
**11** Cela abafundi 1–2 ukuba baxoxe ngokufingqwa kwendaba yabo nekilasi.
**12** Yenza ukufingqwa kwendaba yekilasi, njengokuthi: ***Le ndaba imayelana*** *nomfana omncane ogama lakhe linguNyeeam Hudson. Usebenzisa i-Inthanethi ukuze asize abantwana kanye nabazali bakhumbule ukuthi okubalulekile kusemakhanda abo – hhayi izicathulo noma izimpahla zabo.* ***Sithandile*** *ngesikhathi uNyeeam etshela umfana owayemxhaphaza ukuthi okubalulekile yilokho okusekhanda lakhe.* ***Ngicabanga ukuthi uNyeeam*** *akathandi izinto eziphathekayo* ***ngoba*** *akanandaba ngezimpahla noma izicathulo.*



## Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo Imizuzu engama-30

**AMAQEMBU: ________________________**

1 Hlalisa kahle lonke ikilasi **neNcwadi Yokufunda 8.**
2 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 1 wangoLwesihlanu.**
3 Biza iqembu lokuqala lizosebenza kanye nawe.
4 Ngemva kwemizuzu eyi-15, phindisela iqembu ezindaweni zalo.
5 Yenza **Umsebenzi Woshintsho Lokufunda.**
6 Chazela lonke ikilasi **ngoMsebenzi 2 wangoLwesihlanu.**
7 Biza iqembu lesibili lizosebenza kanye nawe.
8 Gcwalisa Isithungathi ukuze ubonise ukuthi yimaphi amaqembu owalalele, nokuthi yini ayifundile.
9 Yenza ukuphawula nganoma yiluphi ushintsho okufanele lwenziwe emaqenjini noma emisebenzini yokufunda.



## Ukubuyekeza ukufundwa kolimi kokuphela kwesonto Imizuzu eyi-15

1 Hlalisa kahle abafundi kukhaphethi ekupheleni kosuku.
2 Yenza isikhathi sokubuyekeza ulimi kwesonto. Ungakhetha ukuhlanganisa ulimi lwasekhaya noma ulimi lokwenezela kolokuqala.
3 Khumbula ukuvumela abafundi ukuthi 'Bajike bese Beyakhuluma' futhi baxoxe ngezimpendulo zabo nomlingani. Ngemva kwalokho, khetha abafundi abambalwa ukuthi babelane ngezimpendulo zabo nekilasi.
4 Sebenzisa imibuzo elandelayo ukusiza abafundi nokubaqondisa engxenyeni yengxoxo yolimi:
   a **Sithini isihloko sethu solimi sesonto?**
   b **Yiziphi izindaba esizifunde ndawonye?**
   c **Imaphi amagama amasha owathandile esonto?**
   d **Yisiphi isifundo osifundile ezindabeni esizifundile?**
   e **Sibhale ngani kuleli sonto?**
   f **Indlela yakho yokubhala ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   g **Indlela ofunda ngayo ithuthuke kanjani kuleli sonto?**
   h **Yini ongaziqhenya ngayo kuleli sonto?**
5 Okokugcina, tshela abafundi ukuthi bacabange ngezinto ezimbili abazoxoxela imindeni yabo ngazo ngalokho abakufundile noma indlela abathuthuke ngayo esikoleni kuleli sonto.

*Siza uqaphele: Uhlelo lokuzihlola kanye nokuzindla luyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda.. Unxuswa ukuba ungalokothi weqe lona msebenzi wamasonto onke.*